# Isingeniso

"IBhayibheli labhalwa futhi lalondolozwa ngobungcwele njengencwadi ephefumulelwe ukuholwa kwethu. Izimbali ziqukethe izifundo ezingenakubalwa zokuphila kwethu nangezikhathi esiphila kuzo. Lombhalo wokusebenza kukaNkulunkulu ngomlando wezizwe nowabantu Bakhe uyasikhuthaza futhi uyisiqinisekiso sothando Lwakhe. Futhi ubufakazi obuyigugu-incwadi yokuphila nesigijimi sikaJesu-kuvusa uthando lukaNkulunkulu phakathi kwethu, "ngokuba wasithanda kuqala" (1 Johane 4:19).
"Esinye sezibonelo ezinomfutho ngoNkulunkulu wethu zitholakala eBhayibhelini ngolwazi Lwakhe ngaphambi kokuba izinto zonke zibekhona-Uyakwazi ukubona "isiphelo kusukela ekuqaleni" (Isaya 46:10). Lokhu kuyaMsiza ukuthi asebenzise amandla Akhe angapheli ukuze "Konke kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo abamthandayo uNkulunkulu" (Roma 8:28). Akusikho lokhu kuphela, kodwa ngezikhathi zonke ukhetha ukwembulela abantu Bakhe "izinto ezimelwe ukwenzeka masinyane" (Isambulo 1:1). Lokhu kusinikeza isibindi sothando Lwakhe nokuhlinzekela Kwakhe, futhi esinye sobufakazi bokuphefumulelwa okungcwele kweBhayibheli. Umcijo wokuthi isiprofetho siyagcwaliseka ngokulandelana kumakhasi omlando nokwembulwa kwesikhukhula sezehlakalo ezibonisa ukuthi izwi likaNkulunkulu libaluleke kakhulu kunokuqamba komuntu.

"Isiprofetho sibaluleke kakhulu kubantwana bakaNkulunkulu. Isibusiso Sakhe simemezelwa kulowo "ofundayo, nalabo abawezwayo amazwi alesisiprofetho, bagcine okulotshiweyo kuso" (Isamblo 1:3).
"Phakathi kwezincwadi zeziprofetho, ezimbili zimi ngokugqamile futhi ziqukethe ukubikezela okuhlelekile okufanekisa imbali. UDaniyeli noJohane bethweswa lezigijimi ezikhethekile, nezincwadi zabo, Daniel and The Revelation, yizona ezigcizelelwa kulelikota *kwiZifundo zeSikolo seSabatha.*

"Izinyanga ezintathu ezilandelayo, abafundi beSikolo seSabatha bazofunda ngomlando kaDaniyeli noJohane, nezinxenye ezibalulekile zeziprofetho abazibhalile. Lezi zibeka umsebenzi ohlanganisa ukuqonda isigijimi seAdvent nentshukumo yesimoya nobupolotiki besikhathi esedlule nesamanje.
"Njengoba kungekho indawo eyanele yokuhlanganisa izinxenye zezincwadi kulelikota, abafundi bayakhuthazwa ukuba bahlole ngokujulile konke okwenelisayo, kanye nobudlelwano obuhlanganisa iBhayibheli lonke.

"Elinye lamathulusi amahle litholakala kubafundi ababili nabothishela besiKolo seSabatha ukuqonda imininingwane yaleziprofetho kwincwadi egqamile ebhalwe nguUriah Smith, *Thoughts on Daniel and the Revelation*. Siqondiswa kuyo njengosizo lokufunda ikota lonke.

"Kungumkhuleko wethu ukuthi uzobusiswa ngokuhlola lezi ziprofetho, ngoba ngempela "isikhathi siseduze" (Isambulo 1:3).

*Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference*

# Umnikelo weSabatha Lokuqala

## ISabatha, Mbasa 4, 2026

### Indlunkulu Ye Italian Field

““I-Italy, yilizwe elihle elimi ngaphakathi Kolwandle lwase-Mediterranean, futhi lidumile emhlabeni wonke ngenxa yomlando wasendulo, nangekhono lomsebenzi wezandla ongefaniswe nalutho, indlela yokupheka emangalisayo, kanye nokubukeka okukhangayo kwelizwe lakhona. Ukwengeza kulokhu ukuthi lingelinye lamazwe amakhulu avakashelwayo, futhi libalulekile kumsebenzi wezandla nezolimo eziwukhiqizayo. Ngenani elidlula izigidi ezingu 60 zabakhile kulo, I-Italy iqinisekisa inkululeko yezenkolo kwizimiso noma kwimithetho yelizwe. Noma kunjalo, inkolo yeKatolika ihamba phambili nge 74% yabantu, ilandelwa ngamaKrestu angasiwo amaKatolika angu 9.3%, manje njengoba kuza abantu abaningi bezokwakha kulelizwe-inani lamaIslamic manje lingu 3,6%. Lezi zilandelwa ezinye izinkolo zamanani amancane, kanye nabantu abangakholwa ubukhona bukaNkulunkulu nabangeneliswa ubukhona Bakhe banda ngesivinini esikhulu nabo.

“Isigijimi se-SDA Reform Movement sashunyayelwa okokuqala e-Italy ngonyaka ka-1926, kodwa kwaze kwaba unyaka ka-1939/40 ukuba kuhlelwe okuqala ixuku labaVuseleli. Kusukela ngonyaka ka-1990, lapho kufika abanye abavangeli bevela eSouth America, ePortugal naseRomania, umsebenzi wakhula kwaze kwamiswa amanye amaxuku ezinxenyeni ezahlukahlukene zelizwe. Kusulela ngaleso sikhathi, isigijimi samenyezelwa ngokubekezela futhi samiswa ezindaweni ezihlukene phakathi kwesifunda; namuhla sinamalunga adlula 130 abekwe phakathi kwamabandla angu 6, amaxuku amabili, kanye namalunga angawodwana.

Okwamanje sinesakhiwo esisodwa sebandla, esakhiwe kude nenyakatho-mpumalanga yelizwe, edolobheni lase Trieste. Kodwa, sibona isidingo esikhulu esiphuthumayo sinecebo lendawo esingayisebenzisa njengensika yamandla nokukhula kwesimoya sabantu bethu.

Lendawo izoba yindlunkulu yeNsimu-futhi ngokwebalazwe ingaphakathi kwesifunda izovumela inani elikhulu labazalwane ukuhlanganyela ekukhuthaleleni lokhu okuhleliwe, njengokuqeqesha abantu abasebasha ngemihlangano yamaseminar, izinhlelo zokuhlabelela, umsebenzi wokuhambisa ivangeli ngezempilo, kanye mamaklasi okufundisa ukupheka usebenzisa imifino, izithelo, amantongomane namabhontshisi. Siyakholwa ukuthi lendawo izoba yisisekelo sokuthuthukisa umsebenzi weNkosi e-Italy, ngakho-ke simema abazalwane bethu, odade, nabangane emhlabeni wonke jikelele ukuba baxhase ngomusa isimemo samasu okuletha umnikelo.

Ngomusa kaJesu nangokubambisana kwenu nathi, sizofinyelela kulomgomo, siqinise ukuhambisa ivangeli kulelizwe, silethe isigijimi sevangeli kwimiphefumulo eminingi. INkosi mayinibusise inivuze ngokwengeziwe!

*Abazalwane benu be-Field yase-Italy*

# Isingeniso Sesiprofetho

**IVESI LEKHANDA: "Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibane esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu" (2 Peter 1:19).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy*, pp. 593-602.

"Umlando kanye nesiprofetho kufakazela ukuthi uNkulunkulu welizwe lonke wembula izimfihlakalo ngabakhethekile Bakhe abathwalela ukukhanya emhlabeni."-*Bible Training School,* Zibandlela 1, 1912.

## 1. UMCABANGO ONGAPHELI — NgeSonto, Ndasa 29

**a. Kuyini okubonwa nguNkulunkulu kuphela-na? Isaya 46:9, 10.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"NGINGUYE kusho ukubukhona ingunaphakade, okwedlule, namuhla, nekusasa kuyafana kuNkulunkulu. Ubona izehlakalo ezinkulu zembali yesikhathi esedlule, kanye nekusasa elikude ngombono okhanyayo njengoba senza lezozinto ezenzeka imihla namalanga."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 1, p. 1099.

**b. Kuyini iNkosi yethu ekwenzayo ngalolu-lwazi-na? Daniyeli 2:20-22.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Nangaphezu kokuthikamezeka okukhona emhlabeni [UNkulunkulu] uhlezi esihlalweni sobukhosi; zonke izinto zivulekele ukuhlola Kwakhe okungcwele; futhi ukusuka ephakadeni Lakhe elikhulu nelizolile ulayela ukuqondisa Kwakhe akubona kungcono."-*The Ministry of Healing,* p. 417.

"Emibhalweni yomlando womuntu, ukukhula kwezizwe, ukuwa nokuvuka kwemibuso, kubonakala sengathi kweyame entandweni nasemandleni omuntu; ukwakheka kwezehlakalo kubonakala, ngezinga elikhulu, sengathi kuqiniswa ngempela amandla awo, okufisa izinto ezinkulu, noma ukuguquguquka. Kodwa ezwini likaNkulunkulu ikhethini lidonselwe eceleni, futhi sibheka, phezulu, emuva, ezindaweni zonke umdlali kanye nomdlalo ophambene nentakazelelo yomuntu namandla nenkanuko, izithunywa zaLowo Onomusa Wonke, ngokuthula, zisebenza ngokubekezela amacebo entando Yakhe."-*Prophets and Kings*, pp. 499, 500.

**a. Kuyini uNkulunkulu akwenzayo lapho eselungela ukuphelelisa intando Yakhe emhlabeni-na? Amose 3:7; Isambulo 1:1.**

____________________________________________________________________________

"Ngokuba INkosi uJehova ayenzi-lutho, ingayambulanga imfihlakalo Yayo ezincekwini Zayo abaprofethi.' Lapho izimfihlakalo zingezika-Jehova uNkulunkulu wethu,' kepha okwambuliweyo kungokwethu nabantwana bethu kuze kube phakade.' Amose 3:7; Duteronomi 29:29. UNkulunkulu usinikile lezizinto, futhi isibusiso Sakhe sizoqaphela ngenhlonipho, abafunda ngokuncengisisa imibhalo yabaprofethi."-*The Desire of Ages,* p. 234.

**b. Kungani uNkulunkulu esithumela izigijimi ezinjena-na? 1 Johane 3:1; Johane 1:12; Kolose 1:25-28.**

____________________________________________________________________________

"IBhayibheli yincwadi emangalisayo. Liyimbali evulelwe thina emakhulwini eminyaka edlule. Ngaphandle kweBhayibheli ngabe sishiywe ukuba singabaze futhi nezinganekwane maqondana nokwenzeka esikhathini esidlule. Isiprofetho esembula isikhathi esizayo. Kuyizwi likaNkulunkulu elembula kithi icebo lensindiso, likhomba indlela esingaphepha ngayo ukufa okungunaphakade sizuze ukuphila okuphakade. Ezincwadini zonke ezikhona emhlabeni, noma zibonakala zibalulekile, iBhayibheli yincwadi yezincwadi, kufanele lihlolwe ngempela futhi silibabaze. Alilethi umlando walomhlaba kuphela kodwa libalisa nomhlaba ozayo. Liqukethe izeluleko maqondana nezimangaliso zezulu nomhlaba, lembula ukuqonda kwethu isimilo soMqalisi wezulu nomhlaba. Liyisambulo sikaNkulunkulu kumuntu."-*The Signs of the Times,* Masingana 30, 1893.

**c. Yiluphi ulwazi olubalulekile kakhulu okufanele silufune-na? Jeremiya 9:23, 24; Johane 17:3; Efesu 3:17-19.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ezwini likaNkulunkulu umqondo uthola isihloko somcabango ojulile, isifiso esiphakeme kakhulu. Lapha singabona ubunye obukhona phakathi kokhokho nabaprofethi, futhi silalele izwi eliPhakade lapho Likhuluma nabantu. Lapha sizobona uBukhosi bezulu njengoba buzithoba buba ngumbambeli wethu nesiqiniseko sokumelana eyedwa namandla obumnyama nokuzuza ukunqoba ngenxa yethu. Umcabanga ohloniphekile ngezihloko ezinjena ezingeke zehluleke ukuthambisa, nokuhlanza, futhi zenze inhliziyo ihlonipheke, futhi, ngalesosikhathi, ukukhuthaza ingqondo ngamandla amasha nokuqina okusha."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 25.

**a. Yiluphi usizo esiludingayo ukuze siqonde Umbhalo, kufaka ngaphakathi isiprofetho-na? Johane 16:7-13.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UNkulunkulu uhlose ukuthi, ngisho naku-lokhu kuphila, iqiniso lizoqhubeka njalo lembuleka ebantwini Bakhe. Yinye kuphela indlela lolwazi olungatholakala ngayo. Singalithola ukuze siqonde izwi likaNkulunkulu kuphela ngokukhanya koMoya lelizwi elanikezwa ngalo."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 703.

"IBhayibheli malingahlolwa ngaphandle komkhuleko. Ngaphambi kokuba uvule amakhasi alo kufanele sicele ukukhanyiselwa nguMoya Ongcwele, futhi sizophiwa wona. Lapho uNathaniyeli eza kuJesu, uMsindisi wathi, 'Bheka umIsrayeli uqobo, okungekho nkohliso kuye! UNathaniyeli wathi Kuye, 'Ungazelaphi-na?' UJesu waphendula wathi kuye,' Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komkhiwane, ngakubona.' Johane 1:47, 48. Futhi uJesu uzosibona ezindaweni ezifihlakele zokukhuleka uma sizofuna ukukhanya ukuze silazi iqiniso. Izingelosi ezivela emhlabeni wokukhanya zizoba nalabo ngokuthobeka kwenhliziyo befuna ukuhola okungcwele."-*Steps to Christ,* p. 91.

**b. Kungani kubalulekile ukuthi singalandele imibono yethu kalula uma sifunda isiprofetho? 2 Peter 1: 19-21.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ekufundeni kwakho izwi, shiya emnyango imibono yakho yokuhlolisisa nokucabangela nokubeka phambili imikhuba yozalo lwakho namacebo akhuliswayo. Angeke wafinyelela eqinisweni uma uhlola iMibhalo ukuphindisela awakho amacebo. Shiya lokhu emnyango, ngenhliziyo ethobekile ngena uzwe ukuthi iNkosi ithini kuwe. Njengomfuni othobekile hlala ezinyaweni zikaKristu, ufunde Kuye, izwi lizokunika ukuqonda. Kulabo abahlakaniphe kakhulu ngokwemizindlo yabo ekufundeni iBhayibheli, uKristu uthi, kufanele ubemnene uthobeke ngenhlizyo uma ufisa ukuba uhlakaniphele insindiso.

"Ungalifundi izwi ngokukhanya kwemibono edlulile; kodwa, ngengqondo ekhululekile ekuzenziseni, lihlole ngokunakekela nangomkhuleko. Uma, njengoba ufunda, ukulahlwa ngecala kufika, futhi ubona ukuthi imibono yakho oyithokozelayo ayivumelani nezwi, ungazami ukwenza izwi lifanele lemibono. Yenza ukuba imibono yakho ifanele izwi. Ungavumeli lokhu obukholelwa kukho noma obukwenza ngaphambili kulawule ukuqonda kwakho. Vula amehlo engqondo yakho abheke izinto ezimangalisayo ngaphandle komthetho. Thola ukuthi kuyini okulotshiwe, bese umisa izinyawo zakho phezu kweDwala elingunaphakade."-*Messages to Young Peoples,* p. 260.

**a. UNkulunkulu ulidlulisela kanjani izwi Lakhe, futhi kufanele silihlole kanjani? Isaya 28:9, 10.**

____________________________________________________________________________

"Ubufakazi beqiniso bezwi likaNkulunkulu busezwini uqobo. IMibhalo isihluthulelo esivula umbhalo. Isizathu esijulile seqiniso lezwi likaNkulunkulu lembuliwe ezingqondweni zethu ngoMoya Wakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 157.

"Akukho noyedwa onomoya wokuthokozela imfundiso yalo ongakwazi ukufunda umusho owodwa eBhayibhelini ngaphandle kokuthola umcabango osizayo kuwo. Kodwa imfundiso ebaluleke kakhulu yeBhaybheli akufanele izuzwe ngezinye izikhathi noma ukuhlolwa okungahlangene. Uhlelo lwalo olukhulu lweqiniso alubekwa ukuba lihlukaniswe ngokushesha noma lifundwe ngokungakhathali. Amagugu alo amaningi alele ekujuleni komhlaba, futhi angatholakala kuphela ngokuhlola ngenkuthalo nangomzamo oqhubekela phambili. Amaqiniso azokwenza uphelele kufanele ahlolwe futhi ahlanganiswe, 'ingcosana lapha, nengcosana laphaya.'Isaya 28:10.

"Lapho lihlolisiswa futhi lihlanganiswa, lizotholakala lifanelana ngokuphelele. IVangeli ngalinye liyisengezelo kwabanye, sonke isiprofetho sichaza esinye, lonke iqiniso likhulisa amanye amaqiniso. Zonke izifanekiso zempilo yohlelo lwamaJuda zenziwe zabasobala ngenxa yevangeli. Sonke isimiso esisezwini sinendawo yaso, lonke iqiniso linomthelela walo. Futhi isakhiwo esiphelele, ekuklanyweni nasekusetshenzisweni, sinikeza ubufakazi kuMqalisi waso. Isakhiwo esinjalo akukho mqondo kodwa kulowo Ongaphelikuphela angakhulelwa noma alungise."-*Education,* pp. 123, 124.

**b. Kungani zonke izinxenye zeBhayibheli zibalulekile-na? Matthewu 4:4, Luka 24:27.**

____________________________________________________________________________

"Masingamukeli ubufakazi banoma yimuphi umuntu kunalokhu okufundiswa iMibhalo, kodwa kufanele sizifundele ngokwethu amazwi kaNkulunkulu…Ingqondo izokhuliswa uma isetshenziswa ngokuthola ubudlelwano bezihloko zeBhayibheli, iqhathanisa umbhalo nombhalo izinto zesimoya nesimoya….

"Angeke sizuze ukuhlakanipha ngaphandle kokunakekela ngokukhuthala nokufunda ngomkhuleko. Ezinye izinxenye zoMbhalo zilula kakhulu ukuba singaziqondi, kodwa kukhona ezinye incazelo yazo engahlalanga ngaphezulu ukuba ibonakale ngokushalaza-nje. Umbhalo kufanele uqhathaniswe nombhalo. Kufanele kubekhona ukuhlola ngokucophelela nokuzindla ngomthandazo. Ukuhlola okunjalo kuzoba nomvuzo omkhulu. Njengalowo osebenza emayini uma ethola umthamo wensimbi oyigugu ofihlakele ngaphansi komhlaba, kobanjalo kulowo ohlola ngokubekezela izwi likaNkulunkulu njengengcebo efihliwe ethola amaqiniso abalulekile, lawo afihlakele embonweni walowo ofuna ngokunganaki. Izwi eliphefumulelwe, uma licatshangwa enhliziyweni, lizoba ngumfula ovela kumthombo wokuphila."-*Steps to Christ*, pp. 89-91.

## 5. UKUFUNDA NGOKUHLAKANIPHA — Ngolwesine, Mbasa 2

**a. Kungayiphi indlela isimo sethu sengqondo nokukhetha kwethu kuthinta ikhono lethu lokuhlukanisa incazelo yeziprofetho-na? Daniyeli 12:10; 2 Thimothi 3:1-8.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Umoya oza ngawo uma uhlola iMibhalo uzonquma isimilo somsizi oseceleni kwakho. Izingelosi zomhlaba wokukhanya zizoba nalabo ngokuzithoba kwenhliziyo befuna isiqondiso saphezulu. Kodwa uma iBhayibheli livulwa ngaphandle kwenhlonipho, ngomuzwa wokweneliseka, uma inhliziyo igcwele ukuzenzisa, uSathane useduze kwakho, futhi uzobeka amazwi asobala ezwi likaNkulunkulu ngokukhanya okudukisiwe."-*Testimonies to Ministers*, p. 108.

"USathane uholela abaningi ukuba bakholwe ukuthi izinxenye zesiprofetho sikaDaniyeli noJohane umambuleli angeke zaqondwa. Kodwa isithembiso esikhanyayo esinesibusiso sizohambisana nokufundwa kweziprofetho."-*Prophets and Kings*, p. 547.

**b. Chaza ukubaluleka kokusetshenziswa kweqiniso komuntu uqobo. Isambulo 22:7; Mathewu 7:24-27; Johane 7:17.**

"Abamnene baholwa iNkosi, ngoba bayafundiseka, bakulungele ukuqondiswa. Banesifiso ngempela sokwazi nokwenza intando kaNkulunkulu. Isithembiso soMsindisi yilesi, 'Uma umuntu ethanda ukwenza intando Yakhe, uzokwazi ngemfundiso.' Johane 7:17. Futhi uphinde akhulume ngompostoli uJakobe, 'Uma kukhona kini oswela ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngobuhle, engajakadi, khona uyakuphiwa.' Jakobe 1:5. Kodwa isithembiso Sakhe esalabo abathanda ukulandela iNkosi ngokuphelele."-*Patriachs and Prophets,* p. 384.

"Uma uzokwazi imfihlakalo yokwesaba uNkulunkulu, kufanele ulandele izwi elisobala leqiniso-umoya omuhle noma omubi, umuzwa noma ukungabi namuzwa. Ukulalela kufanele kunikelwe ngomuzwa wesimiso, nokulungile kufanele kusebenze ngaphansi kwezimeko zonke."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 125.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mbasa 3

1. **Ngenxa yolwazi, uNkulunkulu uzihlukanisa kanjani kunazo zonke ezinye izidalwa-na?**
2. **Kuyini uNkulunkulu asembulela kona ngemibhalo yabaprofethi, futhi kungani-na?**
3. **Lapho sivula Izwi likaNkulunkulu, yiluphi usizo okufanele silukhulekele-na?**
4. **Umzamo onjani okufanele ngizimisele ukuwutshala ekufundeni iBhayibheli-na?**
5. **Ingabe ngizimisele ukusebenzisa engikuthola eZwini likaNkulunkulu?**

# Isithunywa SikaNkulunkulu Kumakhosi

**"IVESI LEKHANDA: "Labafana abane uNkulunkulu wabanika ukwazi nokuqonda encwadini nasekuhlakanipheni; uDaniyeli wayenengqondo kuyo yonke imibono namaphupho" (Daniyeli 1:17).**

**Incwadi Enikeziwe**: *Prophets and Kings,* p. 479-490.

"Ukuphila kukaDaniyeli nabangane bakhe kubonisa lokhu Azokwenza kulabo abazinikela Kuye futhi abafuna ngenhliziyo yonke ukuphelelisa inhloso Yakhe."-*Prophets and Kings,* p. 490.

## 1. IZIGQILA EBHABHILONA — NgeSonto, Mbasa 5

**a. Kwenzeka kanjani ukuthi uDaniyeli abe seBhabhilona-na? Daniyeli 1:1-7.**

**b. Waba yini umphumela wesinqumo sikaDaniyeli maqondana nokudla etafuleni leNkosi-na? Daniyeli 1:8-16.**

"[Isabelo] esinikelelwe ezithombeni, ukudla okusetafuleni lenkosi kwakuhlukaniselwe ekukhonzeni izithombe; futhi umuntu ohlanganyela ekudleni wayebhekwa njengonikela inkonzo konkulunkulu baseBhabhilona. Kwinkonzo enjalo, ukwethembeka kuJehova kwenqabela uDaniyeli nabangane bakhe ukuba bahlanganyela ekudleni….

"Futhi abazange balokotha ukubeka engcupheni umphumela ovuselelayo wokunethezeka kanye nokuchitha ukukhula kwengqondo, komzimba, nokwesimoya."-*Prophets and Kings,* pp. 481, 482.

"Lapho uDaniyeli nabangane bakhe belethwa ekuvivinyweni, bazibeka ngokuphelele ohlangothini lokulunga neqiniso. Abazange bahambe ngokuthathwa yinhliziyo, kodwa ngokukhaliphile. Bakhetha ukuthi njengoba inyama yesilwane ingazange yaba yinxenye yokudla kwabo ngaphambili, futhi ayisoze yaba yinxenye yokudla kwabo esikhathini esizayo. Futhi njengoba iwayini lithe lanqatshelwa kubobonke abazohlanganyela emsebenzini kaNkulunkulu, bazimisela ukuthi abayi kuliphuza iwayini."-*In Heavenly Places,* p. 261.

**c. Chaza ukuhlola nokuvivinya kweNkosi. Daniyeli 1:17-21**

**a. Ngaphansi kokusongelwa ngokufa, amaHeberu avivinywa kanjani maqondana nokwethembeka kwawo emthethweni wesibili-na? Daniyeli 3:1-15.**

______________________________________________________________________________

"Asibo bonke abathe baguqa ngamadolo kuphawu lwesithombe samandla omuntu. Phakathi kwesixuku esikhulu sabakhonzayo kwakukhona amadoda amathathu azimisela ngokuqinile ukuba angamdumazi uNkulunkulu osezulwini. UNkulunkulu wabo uyiNkosi yamakhosi noMbusi Wababusi; angeke baguqa noma kubani."-*Prophets and Kings,* p. 506.

**b. Kungayiphi indlela babanakho ukugcina ukholo nokulalela kwabo-na? Daniyeli 3:16-18; Isaya 43:1, 2.**

______________________________________________________________________________

"Kwabayize ukusongela kwenkosi. Ibingeke yaguqule amadoda ekukhonzeni uMbusi wezulu nomhlaba. Ukusuka kumlando wawoyise babo bafunda ukuthi ukungalaleli uNkulunkulu kuholela ekumhlazeni, kwincithakalo, nokufa. Nokuthi ukumesaba uJehova kungukuqala kokuhlakanipha, isisekelo sempumelelo yonke yeqiniso. Ngokuzolile bebhekene nesithando somlilo, bathi, 'Nebukadinesari, thina asidingi ukukuphendula kulendaba. Uma kunjalo [noma lesi kuyisinqumo sakho], uNkulunkulu wethu esimkhonzayo unamandla okusikhulula esithandweni somlilo, yebo, uyakusikhulula esandleni sakho, nkosi.' Ukholo lwabo lwaqiniswa lapho bememezela ukuthi uNkulunkulu uzokhazimuliswa ngokubakhulula futhi nangesiqiniseko sokunqoba esizalwa ukuthembela okuphelele kuNkulunkulu, ngokwengeza, 'kepha noma kungenjalo, makwazeke kuwe nkosi ukuthi asiyikukhonza onkulunkulu bakho, singakhuleki esithombeni segolide osimisileyo."-Ibid., pp. 507, 508.

**c. UNkulunkulu wakhazimuliswa kanjani ekukhululweni kwabo-na? Daniyeli 3:19, 20, 24-28.**

______________________________________________________________________________

"Ihlezi esihlalweni sayo sobukhosi inkosi yabheka, ilindele ukubona amadoda athe ameyisa ebhujiswa ngokuphelele. Kepha imizwa yakhe yokunqoba yaguquka ngokuphazima kweso…. Ngesimo somuntu wesine phakathi komlilo inkosi yabona iNdodana kaNkulunkulu….

"Futhi manje, ubukhulu bakhe nesithunzi kwase-kukhohlakele, uNebukadinesari wehla esihlalweni sakhe sobukhosi….

"OShadiraki, noMeshaki, no-Abed-nigo baphuma bema phambi kwesixuku esikhulu, bebonakala bengalimalanga…. Isithombe esikhulu segolide silitshelwe, esakhiwe ngobukhazikhazi obukhulu. Phambi kobukhona bukaNkulunkulu ophilayo, abantu besaba futhi bathuthumela."-Ibid., pp. 509, 510.

## 3. UKUZIGABISA NOKUZITHOBA — Ngolwesibili, Mbasa 7

**a. UNkulunkulu wakhuluma kanjani neNkosi uNebukadinesari-na? Daniyeli 4:4-7.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Akumangalisi ukuthi iNkosi ephumelelayo, efisa izinto ezinkulu enomoya wokuzigabisa, ingalingeka ukuba iguqukele endleleni yokuthobeka, okuyiyo kuphela eholela kubukhulu beqiniso. …Ngomusa kaNkulunkulu wanikeza iNkosi elinye iphupho, ukuze amxwayise ngengozi yakhe kanye nangogibe olubekelwe incithakalo yakhe."-*Prophets and Kings*, p. 515.

**b. Lapho uDaniyeli ebizwa ekugcineni ukuba achaze iphupho, seluleko sini asinikeza iNkosi-na? Daniyeli 4:20-27.**

________________________________________________________________________________
_

"KuDaniyeli incazelo yephupho yayisobala, nokubaluleka kwalo kwamethusa. Umprofethi wabona ukuthi uNkulunkulu ubeke phezu kwakhe umsebenzi onesizotha wokwembulela uNebukadinesari izahlulelo ezizokwehlela phezu kwakhe ngenxa yokuzigabisa nokuzidla."-Ibid*.,* p. 517.

"Njengoba athe wachaza ngokwethembeka iphupho, uDaniyeli wanxusa inkosi ezidlayo ukuba iphenduke ibuyele kuNkulunkulu, ukuze ngokwenza okuhle ingagwema izehlakalo ezisongelayo."- Ibid*.,* p. 518.

**c. Ephoqeleka ukuba afunde izindlela ezinzima namava athobekile, iNkosi yaholelwa kanjani ukuba ikhazimulise uNkulunkulu ngomsebenzi kaDaniyeli-na? Daniyeli 4:34-37.**

________________________________________________________________________________

"Iminyaka eyisikhombisa uNebukadinesari wayebatshazwa izikhonzi zakhe zonke; iminyaka eyisikhombisa wathotshiswa phambi komhlaba wonke. Khona-ke umqondo wakhe wabuyiselwa futhi, ebheka phezulu ngokuzithoba kuNkulunkulu wezulu, wabona isandla saphezulu ekujezisweni kwakhe. Esimemezelweni esisobala walivuma icala lakhe kanye nesihawu esikhulu sikaNkulunkulu ekubuyiselweni kwakhe….

"Inkosi ngaphambili ebizigabisa yathotshiswa njengomntwana kaNkulunkulu; inkosi ebinonya, nombusi ocindezelayo, manje uyinkosi ehlakaniphile nenozwelo. Lowo owadelela futhi wahlambalaza uNkulunkulu wezulu, manje uvuma amandla oPhezu-Konke futhi efuna ngobuqotho ukukhuthaza ukwesaba uJehova nenjabulo yezikhonzi zakhe….

"Inhloso kaNkulunkulu yokuthi umbuso omkhulu emhlabeni ungaletha udumo Kuye manje iyagcwaliseka. Isimemezelo phambi kwabantu bonke, lapho uNebukadinesari evuma umusa nobuhle namandla kaNkulunkulu, kwaba isenzo sokugcina sokuphila kwakhe esalotshwa kumlando ongcwele."-Ibid*.,* p. 520, 521.

**a. Yisiphi isehlakalo esimangalisayo esamisa uBelishasari kungazelelelwe, isizukulwane sikaNebukadinesari, ekuhlambalazeni kwakhe ngokweyisa uNkulunkulu wezulu-na? Daniyeli 5:1-6.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Owamukelwa ebusheni bakhe ukwabelana namandla ombuso, uBelishasari wadumisa amandla akhe waphakamisa inhliziyo yakhe ukumelana noNkulunkulu osezulwini. Abaningi babenethuba lokwazi intando engcwele nokuqonda ukuziphendulela ngokunikela ukulalela kuyo. Ubazi ngokudingiswa kukamkhulu wakhe, nangesimemezelo sikaNkulunkulu, phakathi kwabantu; futhi wayefundile ngokuphenduka kukaNebukadinesari nokubuyiselwa kwakhe okumangalisayo. Kodwa uBelishasari wavumela ukuthanda ukuzijabulisa nokuzidumisa kususe izifundo lezo engabe engazange wazikhohlwa."-*Prophets and Kings,* pp. 522, 523.

**b. UDaniyeli walethwa kanjani futhi ukuba adlulisele umlayezo kaNkulunkulu enkosini yabahedeni-na? Daniyeli 5:8-16.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"UMprofethi wakhumbuza kuqala uBelishasari ngezindaba lezo ayejwayelene nazo; kodwa ezingazange zimfundise isifundo sokuthobeka engabe samsindisa. Wakhuluma ngesono sikaNebukadinesari nokuwa kwakhe, nangendlela iNkosi eyamphatha ngayo-umbuso nenkazimulo ebekwe phezu kwakhe, izahlulelo ezingcwele ngenxa yokuzigabisa kwakhe, nokuvuma okwalandela amandla nomusa kaNkulunkulu kaIsrayeli; besekuthi ngesibindi nangamazwi aqinisayo wakhuza uBelishasari ngobubi bakhe obukhulu."-Ibid., p. 529.

**c. Kwagcwaliseka kanjani ukuhumusha kukaDaniyeli ngalobo busuku-na? Daniyeli 5:17, 25-31.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Lapho kusenjalo eholweni lwemikhosi, ezungezwe yilabo okubekwe uphawu lokubhujiswa kwabo, inkosi yaziswa ngesithunywa ukuthi 'umuzi wayo uthathiwe, yisitha ebesinomuzwa wokuthi ulondeke ngokuphephile kuwo…. Ngisho nalapho yena nezikhonzi zakhe ebeziphuza kwizitsha ezingcwele zikaJehova, futhi zidumisa onkulunkulu babo besiliva negolide, amaMede nama-Peresiya, sebewususile umfula iEwufrathe emzileni wawo, behamba phakathi komuzi ongalindiwe. Ibutho laseKhupro manje lema ngaphansi kwezindonga zesigodlo umuzi wawugcwele amasotsha ayizitha, 'kungathi amacimbi' (vesi 14) futhi ukumemeza kwawo kokunqoba kwakuzwakala ngaphezu kokukhala kokuphelelwa yithemba kwalabo abajabulayo ababemangele."-Ibid., p. 531.

## 5. EMPHANDWINI WEZINGONYAMA — Ngolwesine, Masingana 9

**a. Kungani ukuthembeka kukaDaniyeli kuNkulunkulu umphumela waba ukushushiswa-na? Daniyeli 6:1-5.**

"Ukuhlonishwa okwabekwa phezu kukaDaniyeli kwavusa umona phakathi kwamadoda aholayo embusweni, futhi bafuna ithuba lokukhononda bemelene naye….

"Ukuziphatha okungenabala kukaDaniyeli kwavusa umona ukuya phambili ezitheni zakhe….

"Kwabayikhona omongameli namakhosana, belulekana ndawonye bebodwa, beceba isu lelo ababenethemba lokuphelelisa ukuchithwa komprofethi."-*Prophets and Kings,* pp. 539, 540.

**b. Kuyini okwenzeka ngenxa yokwenqaba kukaDaniyeli ukuntengantenga-na? Daniyeli 6:11-17.**

"Noma ubenolwazi oluphelele ngemiphumela yobuqotho bakhe kuNkulunkulu, umoya wakhe awuzange unqikaze. Phambi kwalabo ababeceba ukumonakalisa, wayengavumi nakanye abonakale sengathi ukuxhumana kwakhe neZulu akunamandla. Kuzo zonke izindaba, lapho inkosi iyala ngokuqondile, uDaniyeli wayevuma; kodwa inkosi ayizange noma isimemezelo sayo singamenza aphenduke ekunamatheleni kwiNkosi yamaKhosi."-Ibid., p. 542.

**c. UNkulunkulu wabuye wakhazimuliswa kanjani ngenceku yakhe-na? Daniyeli 6:19-23, 27.**

"UNkulunkulu akazange avimbe izitha zikaDaniyeli ukuba zimphonse emphandwini wezingonyama; wavumela izingelosi ezimbi nabantu ababi ukuba baphumelelise inhloso yabo; kodwa ukuze enze ukukhululwa kwenceku Yakhe kuphawuleke kakhulu, nokunqotshwa kwezitha zeqiniso nokulunga kuphelelisiwe kakhulu. 'Ngokuba ulaka lomuntu luyakukudumisa Wena' (Amahubo 76:10), umhlabeleli ufakazile. Ngenxa yesibindi somuntu oyedwa owakhetha ukulandela okulungile kunesimiso, uSathane kwakufanele anqotshwe, ukuze igama likaNkulunkulu liphakanyiswe futhi lihlonishwe."-Ibid., pp. 543, 544.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Masingana 9

1. **Singalingisa kanjani ukukhetha okuhlakaniphile kwamaHeberu amane namuhla?**
2. **Ukudlula kwizilingo kungasenza siqine kanjani futhi sivule umnyango wobufakazi emhlabeni-na?**
3. **Yiziphi isifundo ezafundwa nguNabukatinesari ezamholela ekuphendukeni-na?**
4. **Abaholi banamuhla bangafunda kanjani ngobusuku bokugcina bukaBelishasari eBhabhilona-na?**
5. **Imbali kaDaniyeli ingakhuthaza kanjani abantu bakaNkulunkulu ekubhekaneni nokushushiswa-na?**

# Ukwembulwa Kwemibuso Ezayo

**IVESI LEKHANDA "Uyaguqula izikhathi nezinkathi; uyasusa amakhosi, abeke amakhosi; unika abahlakaniphileyo ukuhlakanipha, nokwazi kwabaqonda ukwazi "(Daniyeli 2:21).**

**Incwadi Enikeziwe**: *Prophets and Kings,* pp. 491-502.

"Amandla ezizwe, ngasinye, awatholakali ngamathuba noma amalungelo lawo abonakala ebenza bangahlulwa; awatholakali ekuzigabiseni kwazo okukhulu. Alinganiswa ngobuqotho bokuphelelisa inhloso kaNkulunkulu."-*Prophets and Kings*, p. 502.

## 1. IPHUPHO ELIMANGALISAYO — NgeSonto, Mbasa 12

**a. Kulayeza kuni iNkosi uNebukadinesari akwenza ngemva kokuphaphama ephusheni elikhathazayo-na? Daniyeli 2:1, 2.**

___

**b. Abeluleki beNkosi baphendula kanjani esicelweni esingajwayelekile-na? Daniyeli 2:3-7.**

___

"Inkosi beyazi ukuthi uma bengachaza ngempela iphupho, bangabanakho futhi ukusho nephupho. INkosi ngokuhlinzekela Kwayo inikile uNebukadinesari lephupho, yabangela ukuthi imininingwano yalo ikhohlakale, lapho ukucindezela okwesabisayo kushiywe engqondweni yakhe, ukuze embule ukuzenzisa kwamadoda ahlakaniphile aseBhabhilona."-*The Sanctified Life,* p. 34.

**c. Naphezu kokuzisho kwabo maqondana nemimoya yomhlaba nangempilo emva kokufa, yini eyavunywa yizihlakaniphi zaseBhabhilona-na? Daniyeli 2:8-11.**

___

"Zagcwala ukwesaba ngemiphumela yokwehluleka kwazo, izanusi zazama ukubonisa inkosi ukuthi isicelo sayo sasingenamqondo nesivivinyo sakhe sedlula lokhu okuke kwafunwa kunoma yimuphi umuntu."- *Prophets and Kings*, p. 492.

**a. Yaphendula kanjani inkosi lapho amadoda ahlakaniphileyo ehluleka ukwembula incazelo yephupho layo, futhi uDaniyeli wangena kanjani-na? Daniyeli 2:12-16.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Phakathi kwalabo abafunwa izikhulu ababelungiselela ukugcwalisa amalungiselelo esimemezelo sasebukhosini, uDaniyeli nabangane bakhe. Lapho betshelwa ukuthi ngokuya ngesimemezelo nabo kufanele bafe, 'ngeseluleko nokuhlakanipha, uDaniyeli wabuyisela impendulo kuAriyoki, induna yabalindi benkosi, 'Siphumelani enkosini lesimemezelo esicindezelayo-na' UAriyoki wasemazisa uDaniyeli indaba yokudideka kwenkosi ngenxa yephupho lakhe elimangalisayo, nokwehluleka kwakhe ukuthola usizo kulabo ngaphambili ayebeke ithemba eliphelele kubo. Ngokuzwa lokho, uDaniyeli, wathathela kuye ukuphila ezandleni zakhe, wangena phambi kwenkosi wacela ukuba anikwe isikhathi, ukuba acele kuNkulunkulu wakhe ukwembula kuye iphupho nencazo yalo.

"Kulesicelo sikaDaniyeli inkosi yavuma. 'UDaniyeli wayeseya endlini yakhe, wazisa uHananiya, noMishayeli, noAzariya, abangane bakhe lendaba.' Bendawonye bafuna ukuhlakanipha kuMthombo wokukhanya nolwazi. Ukukholwa kwabo kwakunamandla ekuqapheleni ukuthi uNkulunkulu ubabeke lapho bekhona, ukuthi benza umsebenzi Wakhe futhi bahlangabezane nezidingo zomsebenzi."-*Prophets and Kings*, p. 493.

**b. Kuyini esingakufunda indlela uDaniyeli nabangane bakhe abakhuleka ngayo ngalesi sikhathi-na? Daniyeli 2:17-23.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ezikhathini zokudideka nengozi [uDaniyeli nabangane bakhe] kaningi babephendukela [kuNkulunkulu] ukuze bathole isiqondiso nokuvikelwa, futhi wafakazela ukuthi ulusizo oluhlala-njalo. Manje ngokudabuka kwenhliziyo bazithoba kabusha kuMahluleli womhlaba, bencenga ukuthi abanike inkululeko ngesikhathi sesidingo esikhethekile. Futhi ukuncenga kwabo kwaphendulwa. UNkulunkulu abathe bamhlonipha, manje usehlonipha bona. Umoya kaNkulunkulu wahlala phezu kwabo, futhi kuDaniyeli, 'ngombono ebusuku,' wembulelwa iphupho lenkosi kanye nencazelo yalo."-Ibid., p. 493, 494.

"[AmaHeberu amane] awazange afuna umusa kaNkulunkulu ngeze. UDanyeli wabiza abangane bakhe ndawonye, babonga uNkulunkulu ukuthi imikhuleko yabo izwakele futhi yaphendulwa, futhi base beletha kuNkulunkulu umnikelo wokudumisa nokubonga, owamukelwa nguMbusi wezulu nomhlaba. [Daniyeli 2:20-22 ngokuphindwa]. UDaniyeli nabangane bakhe baba nomhlangano wokudumisa, futhi izulu nomhlaba lahlanganyela nabo ekubongeni."-*The Youth's Instructor,* Lwezi 22, 1894.

## 3. ISITHOMBE ESIMANGALISAYO — Ngolwesibili, Mbasa 14

**a. UDaniyeli wakhuluma kanjani kuNebukadinesari maqondana nokwembulwa kwephupho lakhe-na? Daniyeli 2:24-30.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Bheka abathunjwa bakwaJuda, bezolile futhi benesithunzi, bephambi kwenkosi yombuso onamandla kakhulu emhlabeni. Ngamazwi akhe okuqala inkosi yenqaba inhlonipho yakhe yaphakamisa uNkulunkulu umthombo wokuhlakanipha konke. Ngokukhathazeka iNkosi yabuza, 'Ungangazisa iphupho engilibonileyo nencazo yalo-na?' UDanyeli waphendula wathi: imfihlakalo eyibuzayo inkosi, abahlakaniphileyo, nabathwebulayo, nezanusi, nabahlola imihlola, bangebonise yona inkosi; kepha kukhona uNkulunkulu ezulwini owembula izimfihlakalo; wazisile inkosi uNebukadinesari okuyakuba-khona ngezinsuku ezizayo."-*Prophets and Kings*, pp. 494-497.

"Abathunjwa bamaJuda bema phambi kwenkosi yombuso onamandla amakhulu lokhu ilanga elingazange lakubonisa ngaphambili. Engenandaba nobucebi kanye nenkazimulo, uNebukadinesari wayekhathazeke kakhulu engqondweni, kodwa insizwa ethunjiwe yayizolile futhi inokujabula kuNkulunkulu. Besekuthi, uma kwenzeka, lalikhona ithuba lokuthi uDaniyeli azikhukhumeze-enza ngokusobala ubuhle bakhe nokuhlakanipha okukhulu. Kodwa umzamo wakhe wokuqala ukuba enqabe yonke inhlonipho yakhe, futhi aphakamise uNkulunkulu njengoMthombo wokuhlakanipha."-*The Acts of the Apostles*, pp. 54, 55.

**b. Chaza isithombe iNkosi eyasibona ephusheni layo. Daniyeli 2:31-33.**

__________________________________________________________________________

"Elalela ngokucophelela okukhulu okunesizotha njengoba imininingwane iphindaphindwa, inkosi yaqaphela ukuthi leli iphupho elalimkhathaza kakhulu; futhi yazimisela ukwamukela ngomusa incazelo."-Ibid.

"INkosi yamaKhosi yayizoletha iqiniso elikhulu enkosini yaseBhabhilona. UNkulunkulu uzokwembula ukuthi unamandla phezu kwemibuso yasemhlabeni, amandla okubeka amakhosi namandla okususa amakhosi. Ingqondo kaNebukadinesari kwakufanele ivuswe, uma kwenzeka, ngomcabango wokuziphendulela kwakhe eZulwini. Izehlakalo zesikhathi esizayo, ezifinyelela ekupheleni kwesikhathi, kwakufanele zembuleke phambi kwakhe."-*Prophets and Kings*, pp. 498.

**c. Kuyini okwenzeka kwisithombe njengoba iNkosi isibheka-na? Daniyeli 2:34, 35.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

## 4. UKUCHAZWA KWEPHUPHO — Ngolwesithathu, Mbasa 15

**a. Yayiyini incazelo yekhanda elenziwe ngegolide-na? Daniyeli 2:36-38.**

______________________________________________________________________________

"Ngaphansi kweNkosi uNebukadinesari, iBhabhilona belingumbuso ocebile futhi onamadla amakhulu emhlabeni, ubucebi balo nobukhazikhazi buthe kwafanekiswa kalufifi ngokuhola kukaMoya."-*The Youth Instructor,* Mandulo 29, 1903.

**b. Yimiphi imibuso eyayifanekiswa yizinsimbi ezilandelayo-na? Daniyeli 2:39, 40.**

"Isiprofetho silandela ukukhula nokuthuthuka kwemibuso emikhulu yomhlaba-iBhabhilona, Medo-Pheresiya, Greece, neRoma."- *Prophets and Kings*, pp. 535.

"UDaniyeli…watshela uNebukadinesari ukuthi umbuso wakhe uzodlula. Ubukhulu namandla akhe emhlabeni kaNkulunkulu kuzoba nosuku lwayo, nombuso wesibili uzovuka, nawo ozoba nesayo isikhathi sokuvivinywa ukuthi uzophakamisa uMbusi oyedwa, uNkulunkulu weqiniso. Ngokungenzi lokho, inkazimulo yawo izoshabalala, nombuso wesithathu uzothatha indawo yawo. Ofakazelwa ukulalela noma ukungalaleli, nalowo uzodlula; nowesine, onamandla njengensimbi, uzothobisa izizwe zomhlaba. Lezibikezelo zaLowo Ongapheliyo, zibhaliwe ezincwadini zabaprofethi nakumakhasi omlando, zanikezwa ukubonisa ukuthi uNkulunkulu ungamandla abusayo ezindabeni zalomhlaba. Uguqula izikhathi nezinkathi, ususa amakhosi abeke amakhosi, ukuze aphelelise inhloso Yakhe."-*The Youth Instructor,* Mandulo 29, 1903.

"IBhabhilona ladlula ngoba ekuthuthukeni kwalo lakhohlwa uNkulunkulu, futhi labheka inkazimulo yalo nokuchuma kwalo njengokubangelwa impumelelo yomuntu.

"UMbuso wamaMede-namaPheresiya wahanjelwa yintukuthelo yasezulwini ngoba lombuso umthetho kaNkulunkulu wawunyathelela ngaphansi kwezinyawo. Ukwesaba iNkosi akutholanga indawo ezinhliziyweni zabantu. Umfutho ovamile eMedo-Pheresiya kwakungububi, ukuhlambalaza, kanye nenkohlakalo.

"Imibuso eyalandela yayonakele kakhulu ngenkanuko kanye nenkohlakalo. Yonakala ngoba yalahla ukunamathela kwayo kuNkulunkulu. Lapho bemkhohlwa, bacwila phansi kakhulu esilinganisweni sokuziphatha okuhle."-Ibid., Mandulo 22, 1903.

**c. Imibuso ebifanekiswa nezinyawo nezinzwane yayinjani-na? Daniyeli 2:41-43.**

"Indawo yethu esithombeni sikaNebukadinesari ifanekiswa izinzwane, ngezimo ezihluka-hlukene, kanye nezinto eziwohlokayo, ezingeke zihlangane."-*Testimonies for the Church*, vol. 1, p. 361.

## 5. UMBUSO KANKULUNKULU UMI PHAKADE — Ngolwesine, Mbasa 16

**a. Yimuphi umbuso ozochitha uhlelo lonke lwamandla omhlaba-na? Daniyeli 2:44, 45.**

"Iphupho lesithombe esikhulu, elavulwa phambi kukaNebukadinesari izehlakalo ezifinyelela ekupheleni kwesikhathi, linikeziwe ukuze aqonde inxenye okumele ayidlale kwimbali yomhlaba, nobudlelwano bokuthi umbuso wakhe uqiniswe umbuso wasezulwini. Ekuchazweni kwephupho, waqondiswa ngokukhanyayo maqondana nokumiswa kombuso kaNkulunkulu ongunaphakade."-*Prophets and Kings,* p. 503.

**b. Kunini lapho ukuphatha kombuso kaNkulunkulu ngenkazimulo kuzoqala khona-na? Johane 18:36; Mathewu 25:31-34; 26:64; Isambulo 6:15-17.**

"Umbuso wethu akuwona owalelizwe. Silindele iNkosi yethu ivela ezulwini yehlela emhlabeni ukubeka phansi lonke igunya namandla, amise umbuso Wakhe ingunaphakade…Isiprofetho siyasibonisa ukuthi usuku olukhulu lukaNkulunkulu luphezu kwethu. Lushesha kakhulu."-*Testimonies for the Church*, vol. 1, p. 360, 361.

**c. Kungayiphi indlela inkosi eyaphendula ngayo impumelelo kaDaniyeli ekwembuleni iphupho layo-na? Daniyeli 2:46-49.**

___________________________________________________________________________

"Ukudalula kukaDaniyeli leliphupho umphumela waba ukuthi inkosi inike udumo nesithunzi kuye nabangane bakhe… Abangane abathathu bakaDaniyeli benziwa abeluleki, abahluleli, nababusi ezweni. Lamadoda awazange azikhukhumeze ngeze, kodwa abona futhi athokozela ukuthi uNkulunkulu ubongwa ngaphezu kwamakhosi onke omhlaba, nokuthi umbuso Wakhe wawubatshazwa ngaphezu kwemibuso yonke yomhlaba."-*The Youth's Instructor,* Mandulo 8, 1903.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mbasa 17

1. **Kuyini iNkosi uNebukadinesari akubona maqondana namadoda ahlakaniphile ayewathemba-na?**
2. **Kuyini okugqamile ngeqiniso lokuthi umkhuleko wokubonga kaDaniyeli ubhaliwe, kodwa umkhuleko wesicela sakhe awubhalwanga-na?**
3. **Naphezu kokuthi wayengumuntu ohlakaniphe kakhulu eBhabhilona, yimaphi amandla uDaniyeli ayenawo-na?**
4. **Chaza izimpawu zemibuso efanekisiwe yizinsimbi eziguqukayo-na?**
5. **Kunini lapho inxenye yephupho maqondana nelitshe izogcwaliseka-na?**

# Umbono Wokuqala kaDaniyeli

**IVESI LEKHANDA: "Ngisabheka, lolophondo lwalwa nabangcwele, lwabahlula, waze wafika omdala wezinsuku, abangcwele boPhezukonke banikwa ukwahlulelwa, kwafika isikhathi sokuba umbuso ube-ngowabangcwele" (Daniyeli 7:21, 22).**

**Izincwadi Ezinikeziwe**: *The Great Contoversy*, pp. 479-491;
*Early Writings*, pp. 54-56.

"Njengoba sisondela ekupheleni kwembali yalomhlaba, iziprofetho ezabhalwa uDanyeli zidinga ukunaka okukhethekile, njengoba ziqondene nesikhathi esiphila kuso."-*Prophets and Kings,* p. 547.

## 1. IMIMOYA EMINI, NEZILO EZINE NgeSonto, Mbasa 19

**a. UDanyeli wawuthola nini umbono wakhe wokuqala ngokwesiprofetho, futhi wasabela kanjani kuwo-na? Daniyeli 7:1, 15, 16 (isigaba sokuqala).**

________________________________________________________________________

"Ngaphambi nje kokuwa kweBhabhilona, lapho uDaniyeli esazindla ngaleziprofetho efuna kuNkulunkulu ukuqonda izikhathi, wanikezwa uhlu lwemibono maqondana nokuvuka nokuwa kwemibuso. Ngombono wokuqala, njengoba ubhaliwe kwisahluko sesikhombisa encwadini kaDaniyeli, incazelo yanikezwa; nokho ayizange yenziwa yabasobala kumprofethi."-*Prophets and Kings,* p. 553.

**b. Kuyini okwakumelwe imisuka yezemvelo ebonwayo-na? Daniyeli 7:2; Isambulo 17:15; Jeremiya 25:31-33.**

**c. Ingelosi yachaza kanjani incazelo yezilo ezine ezinkulu ezazikhuphuka? Daniyeli 7:3, 16 (isigaba sokugcina), 17.**

________________________________________________________________________

"Imibuso emikhulu eyayibusa umhlaba yanikezwa umprofethi uDanyeli njengezilo ezizingelwayo."-*The Great Controversy*, pp. 439, 440.

**a. Yisiphi isilo sokuqala kwezine, futhi sifanekisa omuphi umbuso-na? Daniyeli 7:4; Jeremiya 50:17; Habakuki 1:6-8.**

____________________________________________________________________________

"[IBhabhilona] ayizange igcwalise inhloso kaNkulunkulu; futhi lapho isikhathi Sakhe sesifikile, lombuso ozigabisayo nonamandla, obuswa amadoda ahlakaniphe kakhulu, waphuka, wachithwa, ungenakuzisiza. UKristu wathi, 'Ngokuba ngaphandle Kwami ningenze lutho.' Izikhulu zombuso waseBhabhilona zazingazibheki njengezincike kuNkulunkulu. Zazicabanga ukuthi yizona ezidale bonke ubukhulu nokuphakanyiswa. Kodwa uma uNkulunkulu ekhuluma, bafana notshani obubunile, nembali yotshani enyamalalayo. Izwi nentando kaNkulunkulu kuphela okuhlala ingunaphakade."-*The Youth's Intructor,* September 29, 1903.

**b. Isilo sesibili sichazwa kanjani, futhi yimuphi umbuso esiwufanekisayo-na? Daniyeli 7:5.**

____________________________________________________________________________

"Isizwe ngasinye esike sema kwindawo yesenzo savunyelwa ukuba sihlale endaweni yaso emhlabeni, ukuze kubonakale ukuthi sizophelelisa yini inhloso 'yoMlindi naLowo Ongcwele.' Isiprofetho sithe salandela ukuvuka nokuwa kwemibuso emikhulu yomhlaba-iBhabhilona, Medo-Pheresiya, Greece, neRoma. Isizwe ngasinye, njengezizwe zamandla amancane, imbali iyaziphinda-phinda. Ngasinye saba nesikhathi saso sokuvivinywa, ngasinye sehluleka, inkazimulo yaso yafiphala, amandla aso amuka, futhi nendawo yaso yathathwa esinye.

"Lapho izizwe zenqaba izimiso zikaNkulunkulu, lokwenqaba kwaletha ukonakala kwazo, kwakusabonakala ukuthi ubungcwele, obuchitha inhloso kusasebenza kukho konke ukunyakaza kwazo."-*Education,* pp. 176, 177.

**c. Yiziphi izimila zemvelo ezifanekisa isilo sesithathu, esifanekisa umbuso wamaGreki-na? Daniyeli 7:6.**

____________________________________________________________________________

"Uma lemibuso ehlukene yagcina ukumesaba uJehova njalo phambi kwazo, ngabe yanikezwa ukuhlakanipha namandla, engabe yabophelwa ndawonye yagcinwa isemandleni. Kodwa ababusi balemibuso yelizwe benza uNkulunkulu amandla azo kuphela uma behlukunyezwa noma bedidekile…. Baphoqeleka ukuba banxuse labo izingqondo zabo zikhanyiswe ngokukhanya kwasezulwini, ukuze bathole incazelo yezimfihlakalo ababehluleka ukuziqonda."-*The Youth's Instructor,* Mandulo 29, 1903.

## 3. I-ROMA, UMBUSO WESINE — Ngolwesibili, Mbasa 21

**a. Kuyini okwenza isilo sesine kubenzima kakhulu ukusichaza ngamazwi ajwayelekile-na? Daniyeli 7:7**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"UMoya Ongcwele ufanekisa imibuso yomhlaba ngaphansi kophawu lwezilo ezesabekayo ezizingelayo; kodwa uKristu uyiWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe.' Johane 1:29. Ngecebo Lakhe lombuso akukho ukusetshenziswa ngendluzula yolunya ukucindezela unembeza."-*Christ's Objec Lessons*, p. 77.

"Isiphambano besihlanganiswa namandla ombuso waseRoma. Bekuyithulusi elinonya kakhulu nokuthotshiswa ngesimo sokufa. Izigebengu ezincane zazinikwa ukuthwala isiphambano ukuya naso endaweni yokubethelwa; futhi kaningi ngaphambi kokuba bathweswe sona emahlombe, babemelana nobudlova obesabekayo, baze banqotshwe, nethulusi lokuhlukunyezwa beliboshelwa phezu kwabo."-*The Desire of Ages,* pp. 416, 417.

**b. Kuyini okwabonakala phakathi kwezimpondo zesilo sesine-na? Daniyeli 7:8.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ngekhulu lesithupha ubupapa base buqinile. Isihlalo samandla awo samiswa emzini wobukhosi futhi umbhishophi waseRoma kwathiwa uyinhloko phezu kwebandla lonke. UDrako wanikeza isilo 'amandla aso, nesihlalo sawo, namandla amakhulu.' ISambulo 13:2. Manje kwaqala iminyaka engu 1260 yokucindezela kompapa okwabikezelwa kwiziprofetho zikaDaniyeli neSambulo. Daniyeli 7:25; Isambulo 13:5-7. AmaKrestu acindezelwa ukukhetha ukuthi bazonikela ubuqotho babo noma bamukele imikhosi yobupapa nenkonzo, noma banikele ngokuphila kwabo emgodini noma bahlupheke ngokufa noma ukudicilela phansi izimpilo zabo emigodini noma bafe ngenxa yezinhlangano, izigebengu, noma izimbazo zamadoda. Manje kwagcwaliseka amazwi kaJesu. 'Yebo niyakukhashelwa nangabazali, nabafowenu, nezihlobo, nabangane, abanye benu bayakubulawa yibo. Niyakuzondwa yibo bonke ngenxa yegama Lami.' Luka 21:16, 17. Ukushushisa okwavulelwa abathembekile ngolunya olukhulu okuke kwenzeka ngaphambili, nomhlaba waphenduka inkundla ebanzi yempi. Iminyaka eyikhulu ibandla likaKristu lathola isiphephelo ehlane nasekusithekeni. Kanjalo umprofethi uthi: 'Owesifazane, wamuka, lapho enendawo ayilungiselelwe nguNkulunkulu, ukuba bamondle izinsuku eziyizinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha.'-*The Great Conroversy*, pp. 54, 53.

**c. Kuyini uDaniyeli ayefuna ukukwazi emva kokubona umbono-na? Daniyeli 7:19, 20.**

**a. Kuyini ingelosi eyakuchaza maqondana nesilo sesine esesabekayo, esifanekisa umbuso waseRoma-na? Daniyeli 7:23.**

____________________________________________________________________________

**b. Kuyini okwambulwa maqondana nophondo oluncane-na? Daniyeli 7:24.**

____________________________________________________________________________

"Ububanzi bombuso waseRoma waphuka izicucu, futhi kwizicucu zalo kwavuka amandla amakhulu, iRoman Catholic Church. Lebandla lizigabisa ngokungabi naphutha kwalo nefa lenkolo yalo. Kodwa lenkolo iyesabeka kubo bonke abajwayelene nezimfihlo zemfihlakalo yokungalungi. Abapristi bebandla bagcina ukuphakama kwabo ngokugcina abantu bengayazi intando kaNkulunkulu, njengoba yembuliwe emiBhalweni engcwele."-*The Youth's Instructor,* Mandulo 22, 1903.

**c. Amandla entukuthelo yophondo oluncane ayeqondiswe kubani-na? Daniyeli 7:21, 25.**

____________________________________________________________________________

"Ukwenyukela kwebandla laseRoma emandleni kuphawula ukuqala kweDark Ages. Njengoba amandla alo ekhula, ubumnyama bajula. Ukukholwa kwasuswa kuKristu, isisekelo seqiniso, kwayiswa kumpapa waseRoma. Esikhundleni sokuthembela eNdodaneni kaNkulunkulu ngokuthethelelwa kwezono nensindiso engunaphakade, abantu babheka kumpapa, nakubapristi nabo-bhishobhi labo abanikezwe igunya. Bafundiswa ukuthi umpapa ngumlamuleli wabo wasemhlabeni nokuthi akukho muntu ongaya kuNkulunkulu ngaphandle kwakhe; futhi, ngaphambili, ethi ume endaweni kaNkulunkulu kubo ngakho-ke kwakufanele bamamele ngaphandle kombuzo. Ukuchezuka kwizidingo zakhe kwakuyisizathu esanele sokuthi isijeziso esinzima sizohambela umzimba nomphefumulweni wabenzi bobubi. Kanjalo izingqondo zabantu zasuswa kuNkulunkulu zanikezwa umuntu ofayo, ophambukayo nabantu ababi, cha, kakhulu, kwinkosana yobumnyama uqobo. Uma iMibhalo icindezelwa, abantu bambheka njengophakeme, kufanele sibheke kuphela inkohliso, amacebo, nobubi obonakalisayo. Ngokuphakamisa imithetho yomuntu namasiko kwabonakalisa inkohlakalo njengomphumela wokubekela eceleni umthetho kaNkulunkulu.

"Lezi bekuyizinsuku eziyingozi zebandla likaKristu. Abathwele umthetho ngokuthembeka babembalwa ngempela. Noma iqiniso lingashiywanga lingenabo ofakazi, nokho ngezinye izikhathi lalibonakala sengathi amaphutha nezinkolelo zamanga zizobusa ngokuphelele, nenkolo yeqiniso izochithwa emhlabeni. Ivangeli lalahleka ebantwini, kodwa izinhlobo zezenkolo zaphinda-phindeka, futhi abantu babethweswa amacala anzima."-*The Great Controversy*, p. 55.

## 5. UKWAHLULELA — Ngolwesine, Mbasa 23

**a. Kuyini okuzokwenzeka okuzoletha isiphelo samandla ophondo oluncane-na? Daniyeli 7:26.**

"Izinyanga ezingamashumi amane nambili [zikaSambulo 13:5] ziyafana "nesikhathi nezinkathi kanye nokwehlukanisa kwesikhathi,' iminyaka emithathu nenxenye, noma izinsuku ezingu 1260, zikaDaniyeli 7-isikhathi phakathi kwaso amandla obupapa ayezocindezela abantu bakaNkulunkulu. Lesikhathi…. saqala ekubuseni kompapa, a.d. 538, saphela ngo 1798. Ngaleso sikhathi umpapa waboshwa ngamabutho aseFrance, amandla ompapa athola ingozi yokufa, nesiprofetho sagcwaliseka, 'Lowo oholela abanye ebugqilini naye uzokuya ebugqilini."-*The Great Conroversy,* p. 439.

**b. Kuchazwa kanjani ukuhlala kokwahlulela-na? Daniyeli 7:9, 10, 13.**

"Ukuza kukaKristu okuchazwayo lapha akusikho ukuza Kwakhe okwesibili emhlabeni. Uza njengoMdala Wezinsuku ezulwini ukwamukela ukubusa nenkazimulo nombuso, azonikwa wona ekupheleni komsebenzi Wakhe njengommlamuli."-Ibid*.,* p. 480.

**c. Uzoba yini umphumela wokwahlulela-na? Daniyeli 7:11, 14, 18, 22, 26, 27.**

"Icebo elikhulu lokuhlenga lilandelwa ukubuyiselwa komhlaba ngokuphelele emuseni kaNkulunkulu. Konke okwalahleka ngenxa yesono kuyabuyiselwa. Kungesiye umuntu kuphela nomhlaba nawo uyahlengwa, ukuba ube yindawo yabalalelayo ingunaphakade. Iminyaka eyizinkulungwane eziyisihupha uSathane ushukekile ukugcina imfuyo yomhlaba. Manje inhloso yokuqala kaNkulunkulu yokudala iyagcwaliseka. 'Kepha abangcwele boPhezukonke bayakwamukeliswa umbuso, umbuso ubengowabo kuze kubephakade.' Daniyeli 7:18."-*Patriachs and Prophets,* p. 342.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Mbasa 24

1. **Chaza izilo ezine uDaniyeli azibona zikhuphuka olwandle.**
2. **Yisho amagama emibuso izilo eziwafanekisayo, nokuthi izimo zazo zagcwaliseka kanjani.**
3. **Kuyini okwenza amandla ophondo oluncane ahluke kunamanye amandla abonisiwe-na?**
4. **Mazwi mani "amakhulu" amandla ophondo oluncane-na?**
5. **Ukwahlulela kuzonikezwa obani njengomyalo ukubusa emhlabeni, futhi kuzokwenzeka nini-na?**

# Umnikelo WeSabatha Lokuqala

ISabatha, Nhlaba 2, 2026

## Ngenxa yeWorld Missions

Kwi-General Conference Delegation Session yamashumi amabili-nane (24), ama-Mission amasha asanda kuvulwa ayemelwe izithunywa kulengqungquthela. Siye sajabula kakhulu ngalentuthuko ngenxa yomsebenzi weqiniso lanamuhla, futhi sibheke phambili ekuvulweni kwamanye ama-Mission njengamaxuku, njengoba umhlaba wonke kufanele ukhanyiswe ngenkazimulo kaNkulunkulu.

Kukhona izindlela eziningi zokusiza kulomsebenzi omangalisayo wokusindisa imiphefumulo ezindaweni ezintsha. “Ngokuba bonke abakhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa. Kepha bayakukhuleka kanjani Kuye abangakholwanga Nguye-na? Bayakukholwa kanjani abangezwanga Ngaye-na? Bayakuzwa kanjani, kungekho oshumayelayo-na? Bayakushumayela kanjani bengathunywa-na?” (Roma 10:13-15, isigaba sokuqala). Bobabili izisebenzi kanye nalabo abaxhasa umsebenzi bezidela uqobo ngezindlela ezahlukene ukusindisa imvu elahlekile.

“Uma amabandla angaba nolwazi ukuthi kwakunzima kanjani eminyakeni edlule ukumisa umsebenzi ezindaweni ezibe yinxenye ebalulekile, bazoqonda ukuthi kufanele ubenesibindi sokubhekana nesimo esivukayo futhi umemeza, ngezandla ezibheke ezulwini: ‘Asingeke sihluleke noma sidangaliswe.’ Labo abangazange bagubhe kanzima umhlaba wamasimu amasha ababazi ubunzima bomsebenzi wawokhokho. Uma bengaqonda ukusebenza kukaNkulunkulu angeke bajabulela kuphela lokhu okwenziwe, kodwa bazobona imbangela yokujabulela umsebenzi olandelayo.

“Bazalwane bami, asikho isizathu sokudumala. Imbewu enhle ithe yatshalwa. UNkulunkulu uzoyinakekela, enze ukuba ithele isivuno esikhulu. Khumbula ukuthi imizamo eminingi yokusindisa imiphefumulo yenziwe, ekuqaleni, futhi ithe yaqhubekela phambili phakathi kobunzima obukhulu.”-*Testimonies for the Church,* vol. 7, p. 242.

“IRandi ngalinye esinalo eleNkosi. Endaweni yokuchitha imali ezintweni ezingenasidingo, kufanele siyigcinele ukusabela ubizo lomsebenzi wokuhambisa ivangeli.

“Njengoba amasimu amasha evulwa, ubizo lwezimali luyakhula njalo-njalo.”-*Historical Sketches,* p. 293.

Ngakho-ke, uMnikelo WesiKolo seSabatha namuhla uzobuthelwa i-World Missions, isikhwama esibalulekile siyadingeka kakhulu manje. INkosi mayibusise ophayo ukuba anikele ngenhliziyo emhlophe ngokuzidela nangokukholwa-futhi kamuva avuze umuntu ngamunye.

*Your brethren from the General Conference*

# Ukulandelana Kwemibuso

**IVESI LEKHANDA: "Imibono yakusihlwa neyasekuseni esilandiwe iqinisile, kepha gcina wena umbono, ngokuba ungowezinsuku eziningi" (Daniyeli 8:26).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy,* pp. 423-432.

"Isizwe ngasinye…sibe nesikhathi sokulingwa; ngasinye sehluleka, udumo lwaso lwafiphala, amandla aso asuka."-*Prophets and Kings,* p. 535.

## 1. INQAMA IYAZIKHULISA **NgeSonto, Mbasa 26**

**a. Ngasekupheleni kombuso waseBhabhilona, kuyini uDaniyeli akubona-na? Daniyeli 8:1, 2.**

**b. Chaza ukuziphatha kwesilo sokuqala esafika embonweni futhi esaba sikhulu. Daniyeli 8:3, 4.**

**c. Ingelosi ichaza kanjani inqama eyabonwa nguDaniyeli. Daniyeli 8:19, 20.**

"Embonweni womprofethi [uNkulunkulu] uvezwa njengolahlela phansi umbusi owodwa onamandla, abesebeka omunye. Uvezwa njengenkosi yezulu nomhlaba, ozomisa umbuso Wakhe ingunaphakade-Omdala Wezinsuku, uNkulunkulu ophilayo, uMthombo wolwazi lonke, Umbusi wanamuhla, noMambuli wekusasa."- *The SDA Bible Commemntary* [E. G. White Comments], vol. 4, p. 1166.

"Kusukela ekuvukeni nasekuweni kwezizwe njengoba kuvezwa ngokusobala ezincwadini zikaDaniyeli neSambulo, kufanele sifunde ukuthi kuyize kanjani ukuzisho kwangaphandle nodumo lwezwe. IBhabhilona, ngamandla nobukhosi balo, okufana nakho umhlaba wethu ongakaze ukubone kusukela ngaleso sikhathi-amandla nobukhosi lokhu abantu bangaleso sikhathi babebonakala bezinzile futhi beqinile-Yeka ukudlula ngokuphelele okunjani! Njengembali yotshani,' ebunile. Waphela kanjalo umbuso wamaMede-namaPheresiya, nombuso wamaGreek nowaseRoma. Kuzophela kanjalo konke okungasekelwanga kuNkulunkulu."-*Prophets and Kings*, p. 548.

## 2. IMPONGO "ENKULU KAKHULU" — NgoMsombuluko, Mbasa 27

a. **Mandla mani amasha abeka inselela ku-Medo-Peresiya-na? Daniyeli 8:5, 21.**

---

b. **Chaza amandla anqobayo enkosi yombuso omusha. Daniyeli 8:6, 7.**

"Amandla asetshenziswa ngumbusi ngamunye emhlabeni anikezwa yiZulu, futhi ekusebenziseni kwakhe amandla anikezwe wona, impumelelo yakhe yencikile. Ngamunye izwi loMlindi ongcwele, 'ngakubhincisa, ungakangazi Mina.' Isaya 45:5. Futhi ngamunye amazwi akhulunywa kuNebukadinesari wasendulo ayisifundo sokuphila: 'Unqamule izono zakho ngokulunga, nobubi bakho ngokuba nomusa kwabampofu; mhlawumbe kungalulwa ukuthula kwakho.' Daniyeli 4:27. "Ukuqonda lezi zinto-kungukuqonda lokhu ukuthi 'ukulunga kuphakamisa isizwe;' ngokuba isihlalo sobukhosi simiswa ngokulunga' (Izaga 14:34; 16:12; 20:28); ukuqonda kokusetshenziswa kwezimiso ekubonakalisweni kwamandla Akhe lawo 'asusa amakhosi, nabeka amakhosi' (Daniyeli 2:21)-lokhu ukuba siqonde ulwazi lomlando.

"Kusezwini likaNkulunkulu kuphela lapho kubekwa ngokukhanyayo. Lapha kuboniswa ukuthi amandla ezizwe, ngasinye, awatholakali emathubeni noma ezikhungweni ezibonakala zibenza bangahlulwa; awatholakali ngokuziqhenya ngobukhulu bazo. Kulinganiswa ngobuqotho bokuphelelisa inhloso kaNkulunkulu."-*Education,* p. 174, 175.

c. **Kuyini okwenzeka kumbuso wase-Greece lapho ubamkhulu kakhulu ngobubanzi bomsebenzi kaAlexander the Great-na? Daniyeli 8:8, 22.**

" 'Lowo owephuza ukuthukuthela,' kusho indoda ehlakaniphile, ungcono kuneqhawe; nalowo olawula umoya wakhe, kunalowo onqoba umuzi'. Owesilisa noma owesifazane ogcina ukulingana kwengqondo uma elingeka ukuba enelise inkanuko umi njengophakeme phambi kukaNkulunkulu nezingelosi zasezulwini kunomphathi odume kakhulu owaholela ibutho empini nasekunqobeni. Kusho umbusi esembhedeni wakhe wokufa, 'Phakathi kokunqoba kukhona okukodwa okunginikeza induduzo manje, lokho kungukunqoba engikuzuzile phezu kwentukuthelo yami evuthayo.' UAlexander noCeasor bathola kulula ukuthobisa umhlaba kunokuzithobisa ngokwabo. Emva kokunqoba isizwe emva kwesizwe, bawa-omunye wabo 'isisulu sokungakwazi ukuzithiba, omunye ngesifiso sokufuna izinto ezinkulu."-*Child Guidance,* pp. 95, 96.

## 3. "UKUKHULA NGOKUKHULA OKWEDLULELE" Ngolwesibili, Mbasa 28

**a. Mandla mani amasha achazwa njengathatha umbuso waseGreece ohlukene phakathi-na? Daniyeli 8:9, 23.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

**b. Chaza izenzo zeRoma-kokubili ezobuhedeni nezobupapa-lezo uDaniyeli azibona embonweni. Daniyeli 8:10-12, 24.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ukuzikhukhumeza kuphenduke ulunya emhlabeni. Amakhosi nababusi bathobela isimemezelo esivela kopapa baseRoma. Isiphelo sabantu, kokubili esamanje nesikhathi esiphakade, zibonakala ziphansi kolawulo…Kodwa imini yompapa kungubusuku bomhlaba….'Iminyaka eyikhulu e-Europe ayizange ithuthuke ekufundeni, ezobuciko, kanye nempucuko. Ukuziphatha nokuhlakanipha okukhubazekile kufinyelele nakumhlaba wamaKrestu."-*The Great Controversy*, p. 60.

"Njengoba kwabikezelwa ngesiprofetho, amandla obupapa elahlela emhlabathini iqiniso. Umthetho kaNkulunkulu wanyathelelwa othulini, lapho amasiko nemikhuba yabantu kuphakanyiselwa phezulu. Amabandla angaphansi kombuso wobupapa ekuqaleni acindezelwa ukuhlonipha iSonto njengosuku olungcwele. Phakathi kokuduka okwakuvamile nenkolo eyize, abaningi, ngisho nabantu bakaNkulunkulu beqiniso, bamangala kakhulu ukuthi lapho begcina iSabatha, bezinqanda ukusebenza nangeSonto. Kodwa lokho akuzange kwenelise abaholi bobupapa. Kabafunanga ukuthi iSonto lingcweliswe kuphela, kodwa ukuthi iSabatha lingcoliswe; futhi bahlambalaza ngolwimi olunamandla kakhulu kulabo abanesibindi sokubonisi inhlonipho. Kwaba ngokubalekela amandla aseRoma kuphela ukuze noma ngubani angalalela umthetho kaNkulunkulu ngokuthula."-Ibid., p. 65.

**c. Ngaphandle kwezindlela zawo zobuqili, lamandla azoqedwa kanjani ekugcineni-na? Daniyeli 8:25.**

"Phakathi kokufiphala okwakuphezu komhlaba esikhathini eside sobukhosi bompapa, ukukhanya kweqiniso akuzange kuchithwe ngokuphelele. Ngezikhathi zonke babekhona ofakazi bakaNkulunkulu-abantu abathokozela ukukholwa kuKristu njengomlamuli kuphela phakathi kukaNkulunkulu nabantu, abaphatha iBhayibheli njengombusi kuphela wokuphila, nabagcina iSabatha leqiniso lingcwele. Umhlaba ubakolota kangakanani labantu, izizukulwane angeke zabazi. Babhekwa njengabahlubuki, izisusa zabo zahlanjalazwa, abalingiswa babo benyundelwa, imibhalo yabo yacindezelwa, yahlanekezelwa, noma yacwiywa. Kodwa bema beqinile, futhi ngezikhathi zonke bagcina ukholo lwabo luhlanzekile, njengefa elingcwele lezizukulwane ezizayo."-Ibid., p. 61.

**a. Iyiphi inkulumo uDaniyeli ayizwa mayelana nokwelulwa kwesikhathi esihlanganiswa nezehlakalo zombono, nokuthi kuyini okuzokwenzeka ekupheleni kwesikhathi? Daniyeli 8:13, 14.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

**b. Yisiphi isehlakalo esingokomfanekiso esifanekiswa ngokuhlanjululwa kwendlu engcwele, njengoba kuboniswa emthethweni wemikhosi, futhi esabikezelwa ngaphambili embonweni kaDaniyeli? Levi 23:27-32; 16:33, 34.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ohlelweni olungokomfanekiso, olwaluyisithunzi somhlatshelo nobupristi bukaKristu, ukuhlanzwa kwendlu engcwele kwakuyinkonzo yokugcina eyenziwa umpristi omkhulu kumjikelezo wonyaka wobuphathi. Bekungumsebenzi wokugcina wokubuyiselwa-ukususwa noma ukudediswa kwesono kwaIsrayeli. Wawufanekisa ngaphambili umsebenzi wokugcina wenkonzo yoMpristi Omkhulu ezulwini, ekususeni noma ekwesulweni kwezono zabantu Bakhe, ezilotshiwe ezincwadini zezulu."-*The Great Controvesy*, p. 352.

"Njengoba izono zabantu endulo ngokukholwa zazibekwa phezu komnikelo wesono futhi ngenxa yegazi lawo zazidluliselwa, ngomfanekiso, itabanekeli lasemhlabeni, kanjalo esivumelwaneni esisha izono zabaphendukayo ngokukholwa zibekwa phezu kukaKristu futhi zidluliswe, ngempela, kwitabanakeli lasezulwini. Njengoba ukuhlanzwa kophawu lwasemhlabeni lwakuphheleliswa ngokususwa kwezono ezigcolisiwe, ukuhlanzwa ngempela ngokususwa, noma ukuhlangulwa, kwezono ezibhaliwe. Kodwa ngaphambi kokuba konke kufezeke, kufanele kuhlolisisiswe izincwadi ezinqumayo, ngokuphenduka kwesono nokukholwa kuKristu, banelungelo lezipho zenhlawulelo Yakhe. Ukuhlanzwa kwetabanakeli kanjalo kuhlanganisa umsebenzi wokuhlolisisa-umsebenzi wokwahlulela. Lomsebenzi kufanele wenziwe ngaphambi kokubuya kukaKristu ukuhlenga abantu Bakhe; ngoba uma eza, Umvuzo Wakhe unaye ulunikeza umuntu ngokuya ngokomsebenzi wakhe. ISambulo 22:12."-Ibid., pp. 421, 422. 14

**c. Kuyini ingelosi eyakusho maqondana nesiprofetho se-2300-na? Daniyeli 8:26 (qhathanisa no-vesi 14, isiphetho).**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

## 5. UMBONO OZWISISEKA NGOKWENXENYE — Ngolwesine, Mbasa 30

**a. Ingelosi uGabariyeli yathunyelwa ukuba imenzeleni uDaniyeli-na? Daniyeli 8:15-18.**

"Kwakungu-Gabariyeli, ingelosi elandela iNdodana kaNkulunkulu ngokwesikhundla, oweza nesigijimi esingcwele kuDaniyeli. Kwakungu-Gabariyeli, 'Ingelosi Yakhe; leyo uKristu ayithumela ukwembula ikusasa kuJohane othandekayo; nesibusiso siyamenyezelwa kulabo abafundayo nabo abawezwayo amazwi alesi siprofetho, bagcine okulotshiweyo kuso. ISambulo 1:3."-*The Desire of Ages,* p. 234.

**b. Naphezu kwencazelo ngempela enikezwe ngemininingwane eminingi, uDaniyeli wasabela kanjani ngemva kokuzwa ngesikhathi sesiprofetho sezinsuku ezingu 2300-na? Daniyeli 8:27.**

"Ngomunye umbono ukukhanya okuqhubekayo kwabekwa phezu kwezehlakalo zesikhathi esizayo; futhi kwakusekugcineni kombono lapho uDaniyeli ezwa 'Ngase ngizwa ongcwele ekhuluma, nomunye ongcwele wakhuluma kulowo owakhuluma: Uyakubakhona kuze kube-nini lombono?' Daniyeli 8:13. Impendulo enganikwayo yathi,'Koze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; bese ihlanjululwa indlu' (ivesi 14), wagcwala ukudideka. Ngokukhuthazela wafuna incazelo yombono. Akazange aqonde ubudlelwane obukhona beminyaka engamashumi ayisikhombisa zobugqila, njengoba kwabikezelwa nguJeremiya, iminyaka engamakhulu amabili nantathu lapho embonweni ezwa isihambeli sezulu simemezela ukuthi kufanele sidlule ngaphambi kokuhlanzwa kwetabanakeli likaNkulunkulu. Ingelosi u-Gabariyeli yamupha inxenye yencazelo; nokho lapho umprofethi ezwa amazwi, 'Gcina umbono…ngokuba ungowezinsuku eziningi,' ngaphela amandla. 'Mina Daniyeli ngaphela amandla, ebhala amava akhe, ngagula izinsuku ezithile, ngavuka, ngenza umsebenzi wenkosi; ngamangala ngombono, kwakungekho owuqondayo.' Vesi 26, 27."-*Prophets and Kings,* p. 554.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 1

1. **Yiziphi izizathu ezivame ukuhambisana nokunqotshwa kwamandla asemhlabeni-na?**
2. **Yisiphi isimilo esiphambukile esingalungisiwe esaholela ekwephukeni kophondo lwempongo eliphawulekayo?**
3. **Kungani ubuhedeni nobupapa besikhathi seRoma bufaniswa esinye kwesinye-na?**
4. **Kuyini okwakumele kwenzeke ekupheleni kwezinsuku ezingu-2300-na?**
5. **Ngeyiphi inxenye yombono ebilokhu iyimfihlakalo kuDaniyeli ngesikhathi sokuqaleka kwakhe-na?**

# Umbono Uyachazwa

**IVESI LEKHANDA: "Ngalokho yazi, uqonde ukuthi, kusukela ekuphumeni kwezwi lokubuyisa nokwakha iJerusalema kuze kufike ogcotshiweyo, umbusi, kuyakuba ngamasonto ayisikhombisa, lihlale lakhiwe, izitaladi zalo nogange lwalo, amasonto angamashumi ayisithupha nambili nasesikhathini sokuhlupheka" (Daniyeli 9:25).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy,* pp. 409-422.

"Ingelosi eyathunyelwa kuDaniyeli ukugcizelela inhloso yokumchazela umcijo ahluleke ukuwuzwisisa embonweni wesahluko sesishiyagalombili, amazwi aqondene nesikhathi."-*The Great Controversy,* p. 326.

## 1. UKUFUNDELA UKUQONDA — NgeSonto, Nhlaba 3

**a. Ngesikhathi sokunqotshwa kweBhabhilona ngama-Mede-namaPheresiya, kuyini uDaniyeli abekufunda-na? Daniyeli 9:1, 2.**

____________________________________________________________________________

"Labo ababethembekile kuNkulunkulu phakathi kweBhabhilona babemfuna uJehova behlola behlola iziprofetho ezibikezela ukukhululwa kwabo, uNkulunkulu wayelungisa izinhliziyo zamakhosi ukuba zibonakalise umusa kubantu Bakhe abaphendukile."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 4, p. 1172.

**b. Chaza ukubaluleka kwesiprofetho uDaniyeli abesifunda. Jeremiya 25:8-14.**

____________________________________________________________________________

**c. Isiprofetho sikaJeremiya sasincenga abantu bakaNkulunkulu ukuba benzeni-na? Jeremiya 29:10-14.**

____________________________________________________________________________

"Imibhalo kaJeremiya yayifinyele phakathi [kwabathunjwa], futhi ngazo kwabekwa ngaphambili kwabasobala ubude besikhathi okwakufanele siphele ngaphambi kokubuyiselwa kukaIsrayeli ephuma eBhabhilona…. Umusa uzobonakaliswa kwinsali yakwaJuda, njengempendulo yomkhuleko oshisekelayo."-*Prophets and Kings,* p. 552.

**a. Kuyini uDaniyeli akwenza njengempendulo yalokhu abekufunda-na? Daniyeli 9:3.**

________________________________________________________________________

"Ngokukholwa okusekelwe ezwini eliqinisekile lesiprofetho, uDaniyeli wancenga uJehova ukuba kugcwaliseke ngokushesha lezithembiso. Encenga ukuba inhlonipho kuNkulunkulu ingagcinwa. Emkhulekweni wakhe wazihlanganisa ngokuphelele nalabo abathe basilela kwinhloso engcwele, evuma izono zabo njengezakhe."-*Prophets and Kings,* pp. 554, 555.

**b. Emva kokufunda umkhuleko kaDaniyeli, kuqaphela kuni ongakwenza indlela azithoba ngayo nalapho encenga uNkulunkulu? Daniyeli 9:4-19.**

________________________________________________________________________

"Noma uDaniyeli wayenesikhathi eside esemsebenzini kaNkulunkulu, futhi izulu lalikhuluma ingaye 'njengothandwa kakhulu,' nokho manje ubonakala phambi kukaNkulunkulu njengesoni, ekhuthaza Isidingo esikhulu sabantu abathandayo."-Ibid., p. 555.

**c. Kuyini uDaniyeli ayekhathazeka kakhulu ngakho-na? Daniyeli 9:16, 17.**

________________________________________________________________________

"Cishe iminyaka engaba ngamashumi ayisikhombisa, uIsrayeli ethunjiwe. Izwe uNkulunkulu alikhethile ukuba libe yimfuyo Yakhe lanikelwa ezandleni zabahedeni. Umuzi othandekayo, owemukela ukukhanya kwasezulwini, owake waba yinjabulo yomhlaba wonke, wadeleleka futhi wehliswa nesithunzi. Ithempeli okwakukhona kulo umphongolo wesivumelwane sikaNkulunkulu kanye namakherubim enkazimulo emboza isihlalo somusa, kwashabalala. Yona indawo yayo ingcoliswe izinyawo ezingalungile. Abantu ababethembekile ababenolwazi lwenkazimulo yokuqala bagcwala usizi ekuchithweni kwendlu engcwele ebihlukanisa uIsrayeli njengabantu abakhethekile bakaNkulunkulu. Labantu bebengofakazi bokukhuza kukaNkulunkulu ngenxa yezono zabantu Bakhe. Babengofakazi bokugcwaliseka kwalamazwi. Bebengofakazi futhi bezithembiso zothando Lwakhe uma uIsrayeli ezobuyela kuNkulunkulu, ahambe ngokucophelela phambi Kwakhe. Abantu asebakhulile, izihambi ezimpunga ekhanda zenyukela eJerusalema ukukhuleka phakathi kwomonakalo. Bawanga amatshe awo, bawathambisa ngezinyembezi zabo, lapho benxusa iNkosi ukuba ibenomusa kwiSiyoni, alemboze ngenkazimulo yokulunga Kwakhe. UDaniyeli ubenolwazi lokuthi isikhathi sokuthunjwa kukaIsrayeli sifinyelele ekupheleni; kodwa akazange abenomuzwa wokuthi njengoba uNkulunkulu ethembisile ukubakhulula, bona ngokwabo ayikho into ababengayenza. Ngokuzila nokudabuka wayifuna iNkosi, evuma izono zakhe, kanye nezono zabantu."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 4, p. 1172.

**a. Umkhuleko kaDaniyeli waphazanyiswa kanjani-na? Daniyeli. 9:230, 21.**

________________________________________________________________________

"Izulu lazithoba ukuzwa ukunxusa okuqotho komprofethi. Futhi ngaphambi kokuba aqede ukunxusa kwakhe wokuxolelwa nokubuyiselwa, uGabariyeli onamandla waphinde wabonakala kuye."-*Prophets and Kings,* p. 556.

"Ngu-Gabariyeli, ingelosi ngokwesikhundla elandela iNdodana kaNkulunkulu, oweza nesigijimi esingcwele kuDaniyeli…. UNkulunkulu unikezile lezizinto kithi, futhi isibusiso Sakhe sizoqaphela abesabayo, nabafunda ngokukhuleka imibhalo eprofethiwe."-*The Desire of Ages,* p. 234.

**b. Yayiyini inhloso yokuvakasha kwengelosi uGabariyeli, futhi ihlangana kanjani nombono wesahluko sesishiyagalombili (8)? Daniyeli 9:22, 23.**

________________________________________________________________________

"[UGabariyeli] ubiza ukunaka kwakhe kumbono awubonile ngaphambi kokuwa kweBhabhilona nangokufa kuka-Baliteshasari."-*Prophets and Kings,* p. 556.

"UNkulunkulu uthi kwisithunywa Sakhe: 'Menze lo ukuba aqonde umbono.' Lomlayezo kufanele ugcwaliseke. Uma ulalelwa, ingelosi, emva kwalokho, yabuyela kuDaniyeli, yathi: 'Sengiphumile ukukuhlakaniphisa nokukuqondisa;' 'ngakho qonda lelizwi, uqonde nombono.' Daniyeli 8:27, 16; 9:22, 23, 25-27. Kwakukhona umcijo owodwa obalulekile embonweni wesahluko sika 8 owashiywa ungachazwanga, okungukuthi, lokhu okumaqondana nesikhathi-sezinsuku ezingu 2300, ngakho-ke ingelosi, uma iqala incazelo yayo, yagxila kakhulu phezu kwesihloko sesikhathi."-*The Grea Controversy,* p. 325.

**c. Yisiphi isikhathi okwakumele sibekelwe isizwe samaJuda, nalokho okuzofezwa ngaleso sikhathi-na? Daniyeli 9:24.**

"Umthwalo wokushumayela kukaKristu yilona, 'Isikhathi sigcwalisekile, nombuso kaNkulunkulu usondele; phendukani, nikholwe yivangeli.' Kanjalo isigijimi sevangeli, njengoba sanikezwa nguMsindisi uQobo, sasisekelwe phezu kweziprofetho. 'isikhathi' amemezela ukugcwaliseka kwaso kuyisikhathi esalethwa ingelosi uGabariyeli kuDaniyeli…. Usuku esiprofethweni lumela unyaka: Bheka ku-Numeri 14:34; Hezekeli 4:6. Amasonto angamashumi ayisikhombisa, noma izinsuku ezingamakhulu amane namashumi ayisishiyagalolunye, amela iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalolunye."-*The Desire of Ages,* p. 233.

**a. Lokho okubalulekile okugunyazwe yinkosi okwakuluphawu lokuqala kwamasonto angamashumi ayisikhombisa-na? Daniyeli 9:25.**

"Isimemezelo sokubuyiselwa nokwakhiwa kweJerusalema, njengoba kwaqedwa ngesimemezelo sikaAthazeksa Longimanus (bheka ku-Ezra 6:14; 7:1, 9, ngokwengezwa), saqala ukusebenza ekwindla ngo b.c. 457. Kusukela ngaleso sikhathi iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili nantathu yelulelwa ekwindla ngo a. d. 27."-*The Desire of Ages,* p. 284.

**b. Chaza amalungiselelo enziwe ngesimemezelo esasigcwaliswa yilesiprofetho-na? Ezra 7:11-13, 21-27.**

"UJehova…washukumisa inhliziyo yenkosi, ukuze uEzra afumane umusa kuyo. Inkosi yabeka ezandleni zakhe imali eningi yokwakhiwa kwethempeli kabusha, wenza kwaphumelela ukuba amaJuda abuyele emuva."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], p. 1134.

**c. Kuyini okwabikezelwa yilesiprofetho maqondana nomsebenzi kaMesiya-na? Daniyeli 9:26 (isigaba soluqala), 27 (isigaba sokuqala)**

"Ngokuya ngokwesiprofetho, lesikhathi kwakufanele sifinyelele kuMesiya, Ogcotshiweyo. Ngo a.d. 27, lapho uJesu ebhaphathizwa wagcotshwa ngoMoya Ongcwele, futhi ngokushesha emva kwalokho waqala umsebenzi Wakhe. Kanjalo isigijimi samenyezelwa. 'Isikhathi sigcwalisekile.'

"Ngalokho, kusho ingelosi, 'Uyakuqinisa isivumelwano nabaningi isonto libe linye [iminyaka eyisikhombisa].' Iminyaka eyisikhombisa emva kokuba uMsindisi esengenile emsebenzini Wakhe, ivangeli kwakufanele lishunyayelwe kakhulu kumaJuda; iminyaka emithathu nenxenye nguKristu uQobo; emva kwalokho abapostoli.' phakathi kwesonto uzokwenza ukuba imihlatshelo neminikelo kuphele.' Daniyeli 9:27. Entwasahlobo ngo a. d. 31, uKristu umhlatshelo weqiniso uzonikelwa eKhalivari. Besekuthi iveyili lethempeli lidabuke phakathi, kubonakale ukuthi ubungcwele nokunakwa kwenkonzo yemihlatshelo kuphelile. Isikhathi sifikile sokuthi imihlatshelo yasemhlabeni neminikelo iphele.

"Isonto linye-iminyaka eyisikhombisa-eyaphela ngo a. d. 34. Lapho uStefani ekhandwa ngamatshe amaJuda abeka uphawu lokugcina lokwenqaba kwabo ivangeli; amaJuda ayehlakazekile ngenxa yokushushiswa 'ahamba eshumayela izwi levangeli."-*The Desire of Ages,* p. 233.

## 5. UKUPHELELISWA KWAMAVIKI ANGAMASHUMI AYISIKHOMBISA Ngolwesine, Nhlaba 7

**a. Kuyini okwakuzokwenzeka emva kweminyaka engu-490-na? Daniyeli.9:26 (isigaba sokuqala) 27 (isigaba sokuqala); Luke 21:20.**

"Ukubekezela kukaNkulunkulu maqondana neJerusalema kuphela kwaqinisa inkani yamaJuda yokungadabukeli ukona kwabo…[Ebumpuphutheni] babo nokungabaza okuhlazisayo [abaholi babo] ngokusobala babengasabi ukuthi iJerusalema lizobhujiswa, ngoba lingumuzi kaNkulunkulu. Ukusekela amandla abo ngokuqinile, bathenga abaprofethi bamanga ukumemezela, ngisho nalapho amasotsha aseRoma esevimbezela ithempeli, ukuthi abantu kumele balindele ukukhululwa kwabo okuvela kuNkulunkulu. Ekugcineni, iningi labantu labambelela ngokuqinile kwinkolo yokuthi Onamandla Onke uzongenelela ukuba anqobe izitha zabo. Kodwa uIsrayeli wadelela isivikelo esingcwele, manje wayengenako ukuvikelwa. IJerusalema elingathokozile! Elahlukana ngenxa yokungezwani, igazi labantwana babo ababulewe ngesandla somunye wabo lenza zababomvu izitaladi zabo, nalapho izitha zabo ziwisa phansi izinqaba zabo nokubulala amadoda abo empi."-*The Great Controversy,* pp. 62, 629.

**b. Ngalenxenye yokuqala yezinsuku eziqondwayo, kuyini esingakuphawula manje-na? Daniyeli 8:14; 9:24.**

"Kuze-kube manje zonke iziprofetho zigcwalisekile ngokumangalisayo, ukuqala kwamasonto angamashumi ayisikhombisa amisiwe ngaphandle kokungabaza ngo 457 b. c., futhi ukuphela kwawo ngo a. d. 34. Kusukela ngalesikhathi abukho ubunzima ekutholeni ukuphela kwezinsuku ezingu-2300. Amasonto angamashumi ayisikhombisa-izinsuku ezingu 490-ezithe zanqunywa ukusuka ku-2300, kwabakhona izinsuku ezingu 1810 eziseleyo. Ekupheleni kwezinsuku ezingu-490, izinsuku ezingu-1810 kwakufanele zigcwaliseke. Kusukela ngo a. d. 34, iminyaka engu 1810 yelulelwa ku-1844. Ngenxa yalokho izinsuku ezingu-2300 zika Daniyeli 8:14 zaphela ngo-1844. Ekupheleni kwesikhathi sesiprofetho esikhulu, phezu kobufakazi bengelosi kaNkulunkulu, 'bese ihlanjululwa indlu engcwele.' Ngaleyondlela isikhathi sokuhlanzwa kwendlu engcwele…. saphawuleka nakanjani."-Ibid., p. 328.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE NgoLwesihlanu, Nhlaba 8

1. **Noma engumprofethi ngokwakhe, kuyini uDaniyeli ayemaganga ukuyiqonda-na?**
2. **Kungani uDaniyeli ezifaka naye emikhulekweni yokuphenduka ezonweni ezedlule zikaIsrayeli?**
3. **Sazi kanjani okwenelisayo ukuthi uDaniyeli 9 ukuxazulula imfihlakalo kaDaniyeli 8-na?**
4. **Chaza isehlakalo esaphawula ukuqala kwesiprofetho seminyaka engu 490.**
5. **Chaza ukuchithwa kweJerusalema, njengoba kwabikezelwa ngaphambili nguDaniyeli noJesu.**

# Incwadi Enamathelisiwe Ivulwa-Kabusha

**IVESI LEKHANDA: "Ngaya kuyo ingelosi; ngase ngithi kuyo mayinginike incwadi encane. Yayisithi kimi: Yithabathe, uyidle uyiqede; izakubaba esiswini sakho, kepha emlonyeni wakho iyakuba-mnandi njengezinyosi" (Isambulo 10:9).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy*, pp. 391-408.

"Ingelosi enamandla eyayala uJohane yayingumuntu njengoJesu Kristu."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 971.

## 1. ABAHLAKANIPHILEYO BAZOCWEBEZELA — NgeSonto, Nhlaba 10

**a. Chaza isilingo nokunqoba okwabonakala ekupheleni kombono kaDaniyeli wokugcina-na? Daniyeli 12:1, 2.**

________________________________________________________________________________

**b. Kungayiphi indlela abahlakaniphile bazobonakala behlukile kwababi ngalolosuku-na? Daniyeli 12:3; Mathewu 13:41-43.**

________________________________________________________________________________

"Imiphefumulo ephendukile iphila kuKristu. Ubumnyama bakhe buyadlula, nokukhanya okusha kwasezulwini kukhanya emphefumulweni. 'Ozuza imiphefumulo uhlakaniphile. Abahlakaniphileyo bayakukhanya njengokukhazimula kwesibhakabhaka; nabaphendulela abaningi ekulungeni njengezinkanyezi kuze-kube phakade naphakade.' Lokhu okwenzeka uma abantu besizana noNkulunkulu ngumsebenzi ongeke waphela, ozohlala isikhathi esingunaphakade. Lowo owenza uNkulunkulu ukuhlakanipha kwakhe, okukhula ngokuphelele kwisimo somuntu kuKristu-Jesu, uzokuma phambi kwamakhosi, phambi kwamadoda amakhulu omhlaba, abonise udumo lwaLowo owamkhipha ebumnyameni wangena ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo. Isayensi nencwadi angeke yaletha engqondweni yabantu abenziwe mnyama ukukhanya lokhu ivangeli lenkazimulo yeNdodana kaNkulunkulu engalilетha. YiNdodana kaNkulunkulu kuphela engenza umsebenzi omkhulu wokukhanyisa umphefumulo. Akumangalisi uPawule ebabaza, 'Anginamahloni ngevangeli; ngokuba lingamandla kaNkulunkulu, kube-yinsindiso kulowo nalowo okholwayo.' Ivangeli likaKristu liba ubuntu kulabo abakholwayo, futhi libenza babe yincwadi ephilayo, eyaziwa ifundwa ngabantu bonke."-*Fundamentals of Christian Education,* pp. 199, 200.

**a. Manje uDaniyeli wayalwa ukuba enzeni-na? Daniyeli 12:4 (Isigaba sokuqala), 8, 9 (isigaba sokuqala).**

___

"Ehlonishwa ngabantu ngokuziphendulela ezintweni zesifunda kanye nezimfihlo zemibuso ezibusa umhlaba wonke, uDaniyeli wahlonishwa nguNkulunkulu njengenxusa Lakhe, futhi wanikezwa izambulo eziningi zezimfihlakalo zezikhathi ezizayo. Iziprofetho zakhe ezimangalisayo, njengoba azibhala kwisahluko 7 ukuya ku12 kwincwadi ethwele igama lakhe, zazingaqondwa ngokuphelele ngisho nangumprofethi ngokwakhe; kodwa ngaphambi kokuba ukusebenza kokuphila kwakhe kufinyelele ekugcineni, wanikezwa ithemba eliqinisekile lokuthi 'ekupheleni kwezinsuku'-ekuvalweni kwembali yomhlaba-uzovunyelwa futhi ukuba eme emsebenzini nasendaweni yakhe. Akanikwanga ukuba aqonde konke lokhu uNkulunkulu akwembulile ngenhloso engcwele….

"Njengoba sisondela ekupheleni kwembali yalomhlaba, iziprofetho ezabhalwa nguDaniyeli zidinga ukunaka kwethu okukhethekile, njengoba ziqondene nalesikhathi esiphila kuso. Ngazo kufanele sihlanganise izimfundiso zencwadi yokugcina zemiBhalo yeTestamende Elisha."-*Prophets and Kings,* p. 547.

**b. Kuyini okubonisa ukuthi amazwi engelosi ayeqondiswe kwimfihlakalo yezinsuku ezingu 2300, futhi lemfihlakalo izokwembulwa nini-na? Daniyeli 8:17; 12:4, 9 (isigaba sokugcina).**

___

"Iziprofetho ziletha izehlakalo ezilandelanayo eziholela ekuqaleni kokwahlulela. Leli iqiniso ngempela lencwadi kaDaniyeli. Kodwa inxenye yesiprofetho sakhe esiqondene nezinsuku zokugcina, uDaniyeli wacelwa ukuba asivale futhi asigcine 'kuze kube phakade-naphakade.' Kuze kufinyelele lesikhathi isigijimi esiqondene nokwahlulela simenyezelwe, sisekelwe ekuphelelisweni kwaleziprofetho. Kodwa kulesikhathi sokuphela, kusho umprofethi, abaningi bayakwehla benyuka, ukwazi kube kuningi….

"Kusikela ngo-1798, incwadi kaDaniyeli ithe yavulwa, ukwazi iziprofetho kwandile, abaningi basimemezele isigijimi esinesizotha sokwahlulela okuseduze.

"NjengeMvuselelo enkulu yekhulu leshumi nesithupha, intshukumo yeAdvent yabonakala kumazwe ahlukahlukene obuKrestu ngesikhathi esifanayo. E-Uerope nase America amadoda akholwayo nakhulekayo aholelwa ekuhloleni iziprofetho, futhi, elandelisa umbhalo ophefumulelwe, abona ubufakazi obudelisayo bokuthi ukuphela kwezinto zonke kusondele. Emazweni ahlukene kwakukhona amaxuku amaKrestu angawodwana, okwathi ngokufunda imibhalo engcwele, bafinyelela ekukholweni ukuthi ukubonakala koMsindisi kuseduze."-*The Grea Controversy*, pp. 356, 357.

**a. Lapho uDaniyeli ebheka futhi elalela, yisiphi isimemezelo esizothile esikhomba isikhathi esiholela esikhathini sokugcina-na? Daniel 12:5-7.**

____________________________________________________________________________

**b. Ngokubhekisa kwezinye izincwadi, ukuphawula isikhathi ngempela sesiprofetho. Daniyeli 7:25; Isambulo 11:2, 3; 12:6, 14; 13:5.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Umpostoli uPawule waxhwayisa ibandla ukuba lingalindeli ukubuya kukaKristu osukwini lwakhe. 'Ngokuba aluyikufika, kungakaveli kuqala ukuhlubuka, kwambulwe umuntu ongenamthetho, indodana yokulahlwa.' 2 Thesalonike 2:3. Angeke kwafika kungakafiki uhlubuko olukhulu, nokubusa isikhathi eside 'somuntu wesono,' esingabheka ukubonakala kweNkosi yethu. 'Umuntu wesono,' lowo futhi ofaniswa 'nemfihlakalo yobubi,' indodana yokulahlwa,' futhi, lobo bubi,' bemela umpapa, lowo, njengoba kubikezelwe ngeziprofetho, kwakufanele agcine ukuzikhukhumeza iminyaka engu 1260. Lesikhathi saphela ngo 1798. Kungaleso sikhathi isigijimi sokubuya kwesibili kukaKristu sizomenyezelwa."-*The Great Controversy,* p. 356.

**c. Isikhathi seminyaka engu 1260 sachazwa kanjani yingelosi-na? Daniyeli 12:10 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Eminyakeni yekhulu leshumi nantathu kwasungulwa okubi kakhulu kuzo zonke izinjini zompapa-ukuqulwa kwecala. Inkosana yobumnyama isebenza nabaholi besigaba sobupapa. Kwikomiti labo langasese uSathane nezingelosi zakhe zilawula izingqondo zabantu ababi, naphakathi kwabo kwakumi ingelosi kaNkulunkulu ingabonwa, ithatha obukayo owesabekayo izinqumo ezimbi kakhulu ukuba zingabonakala emehlweni abantu. 'Ibhabhilona elikhulu 'elidakwe yigazi labangcwele.' Izinhlobo ezihlanganisiwe zabafelu-kholo zikhala kuNkulunkulu zicela impindiselo kumandla wabahlubuko….

"Isimo somhlaba ngaphansi kwamandla ombuso waseRoma saletha ukugcwaliseka kwamazwi asabisayo namangalisayo esiprofetho sikaHoseya….'Alikho iqiniso, awukho umusa, alukho ulwazi ngoNkulunkulu emhlabeni. Ngokuthuka, nokuqamba amanga, nokubulala, nokweba, nokuphinga, bayafohla, izingazi zilandela izingazi.' Hoseya 4:6, 1, 2. Yabanjalo imiphumela yokulahla izwi likaNkulunkulu."-Ibid., pp. 59, 60.

**a. Ngokuqaphela ukufana kuka-Daniyeli 12:7, kungayiphi indlela umprofethi uJohane abona ukuvulwa kombono ovaliwe kaDaniyeli-na? Isambulo 10:1, 2, 5, 6.**

_______________________________________________________________________

"Ingelosi enamandla eyayala uJohane yayingumuntu njengoJesu Kristu. Lapho ibeka unyawo Lwayo lokunene phezu kolwandle, nolokhohlo emhlabeni owomileyo, ibonisa inxenye eYenzayo kwizehlakalo zokugcina sempikiswano enkulu noSathane. Lesikhundla sikhombisa amandla Akhe aphakeme negunya phezu komhlaba wonke….

"UJohane ubona incwadi encane ivulwa. Manje iziprofetho zikaDaniyeli zisendaweni yazo efanele ngezigijimi zengelosi yokuqala, eyesibili, neyesithathu ezinikezwa umhlaba. Ukuvulwa kwencwadi encane isigijimi esiqondene nesikhathi….

"Lesi-sikhathi, ingelosi ememezela isifungo ngesizotha, akusona sokuphela kwembali yalomhlaba, noma ukuvalwa komusa, kodwa isikhathi esiprofethiwe, okumemele sandulele ukubonakala kweNkosi yethu. Okungukuthi, abantu abasoze bathola esinye isigijimi esiqondene nesikhathi esinqumayo. Emva kwalesikhathi, esinfinyelela…. ku-1844, angeke kwabakhona ukulandelisa okunquma isikhathi sesiprofetho. Isibalo eside esifinyelela ekwindla ngo-1844.

"Ukuma kwengelosi, ngenyawo elilodwa olwandle, nolunye emhlabeni, kusho ububanzi bokumenyezelwa kwesigijimi. Kuzowelela ngapheseya kolwandle futhi simenyezelwe kwamanye amazwe, ngisho nasemhlabeni wonke."-*The SDA Bible Commentary,* [E. G. White Comments], vol. p. 971.

**b. Chaza ukuthi amava kaJohane embonweni wokudla incwadi encane ayafana namava entshukumo yeAdvent ngonyaka ka1840. Isambulo 10:9-11.**

"Ukuqondwa kweqiniso, ukwamukelwa kwesigijimi ngenjabulo, kufaniswa njengokudla incwadi encane. Iqiniso maqondana nesikhathi sokubonakala kweNkosi yethu bekuyisigijimi esiyigugu emphefumulweni wethu."-Ibid.

"Isikhathi sokulindela sidlulile, noKristu akabonakalanga ukukhulula abantu Bakhe. Labo ngokukholwa kweqiniso nothando abathe babheka uMsindisi, babanamava okudangala okukhulu. Kodwa inhloso kaNkulunkulu igcwalisekile; wayevivinya izinhliziyo zalabo abafakazela ukulindela kokubonakala Kwakhe….

"Kodwa uJesu nebutho lonke lasezulwini babheka ngothando nozwelo phezu kwalabo abalingwayo nabathembekile ekudangaleni kwabo. Uma iveyili elihlukanisa okubonwayo kulokhu okungabonwa komhlaba kubuyiselwe emuva, izingelosi ngabe zibonakele zisondela eduze kwalemiphefumulo emi ngokuqinile ukubavikela kwimcibisholo kaSathane."-*The Great Controversy,* p. 374.

## 5. PHAKATHI KWABAHLAKANIPHILEYO — Ngolwesine, Nhlaba 14

**a. UDaniyeli uchazwa kanjani uHezekeli, omunye wabantu besikhathi sakhe-na? Hezekeli 14:14.**

________________________________________________________________________

**b. Singaba phakathi kwabahlakaniphileyo kanjani njengoba wayenjalo uDaniyeli-na? Daniyeli 12:10 (isigaba sokugcina); Izaga 9:10; Mathewu 7:24, 25.**

________________________________________________________________________

"Isikhathi 'sohlupho, esingakaze sibekhona,' masinyane sizombuleka kithi; futhi sizodinga amava manje esingenawo lawo abaningi abavilapha ngempela ukuwazuza. Ngokuvamile indaba esikathazeka ngayo kakhulu ngokungalindelwe kunalokho kwangempela. Kodwa lokhu akunjalo ngezingozi eziphambi kwethu. Esikuphiwe ngokukhanyayo angeke ubukhulu bakhona buhlolwe ngempela. Ngesikhathi sokulingwa, wonke umphefumulo kumele uzimele ngokwawo phambi kukaNkulunkulu. 'Noma babekhona oNowa, noDaniyeli, noJobe phakathi kwalo, kuphila kwami, kusho iNkosi uJehova, bebengayikophula amadodana noma amadodakazi, bophule imiphefumulo yabo kuphela ngokulunga kwabo.' Hezekeli 14:20.

"Manje, lapho uMpristi wethu Omkhulu esenzela inhlawulelo, kufanele sifune ukuba ngabaphelele kuKristu. Ngisho nangomcabango owodwa ukuba uMsindisi wethu angalethwa ekuzinikeleni kumandla esilingo. USathane uthola enhliziyweni yomuntu eminye imicijo lapho angathola indawo yokufaka unyawo lwakhe; ezinye izifiso zokona ziyathokozelwa, ngendlela leyo aqinisa amandla akhe: Kodwa uKristu uthi Ngaye: 'Ngokuba uyeza umbusi wezwe, kepha akanalutho Kimi.' Johane 14:30. USathane akukho akufumana eNdodaneni kaNkulunkulu okuzomsiza azuze ukunqoba. Wagcina umthetho kaBaba Wakhe, futhi sasingekho isono Kuye uSathane angayisebenzisa emandleni akhe. Lesi yisimo okumele sitholakale ngaphansi kwalabo abazokuma ngesikhathi sohlupho."-*The Great Controversy,* pp. 622, 623.

**c. Ekugcineni ingelosi yamxosha kanjani uDaniyeli-na? Daniyeli 12:13.**

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 15

1. **Kuzokwenzeka nini ukuvuka kukaDaniyeli 12v2-na?**
2. **Kuyini okwenzeka ukuze isiprofetho sikaDaniyeli sivulwe-na?**
3. **Yisiphi isehlakalo esaphawula ukuqala kwesikhathi sokuphela-na?**
4. **Yisiphi isiprofetho esembula ukuvalwa kwencwadi kaDaniyeli-na?**
5. **Ngingaqiniseka kanjani ukuba phakathi kwabahlakaniphileyo-na?**

# Umprofethi e-Patimose

**IVESI LEKHANDA: "Kwakuhlezi ekudleni omunye wabafundi bakhe uJesu amthandayo, encike esifubeni sikaJesu" (Johane 13:23).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Acts of the Apostles,* pp. 539-556.

"Emva kokwenyuka kukaKristu, uJohane wema phambi kweNkosi ethembekile, isisebenzi esikhuthele."-*The Acts of the Apostles*, p. 546.

## 1. UMFUNDI UJESU AMTHANDAYO — NgeSonto, Nhlaba 17

**a. Yiziphi izibonelo ezembula ukusondela komfundi kuJesu-na? Mathewu 17:1; Maraku 14:33; Luke 8:51.**

_________________________________________________________________________

_________________________________________________________________________

"[UJohane] kubonakala sengathi ukujabulela ngezinga eliphakeme ubungane bukaKristu, futhi wathola izimpawu eziningi zethemba nothando loMsindisi. Ubengomunye wabathathu abavunyelwa ukuba ngofakazi benkazimulo kaKrisu entabeni yokuguqulelwa nosizi Lwakhe eGetsemane, futhi kungenxa yokunaka kwakhe ukuba iNkosi imphathisa umama Wakhe ngamahora okugcina osizi esiphambanweni."-*Acts of the Apostles,* p. 539.

**b. UJohane uhlukaniswa kanjani phakathi kwabafundi-na? Johane 13:23; 21:20 (isigaba sokuqala), 24.**

_________________________________________________________________________

"UJohane noJakobe, uAndreya noPeter, uFiliphu, uNathaniyeli, noMathewu, babesondele kakhulu Kuye kunabanye, futhi babe ngofakazi bezimangaliso Zakhe eziningi. UPeter, uJakobe, noJohane baqhubeka bema eduze kakhulu kubudlelwano babo Naye. Kaningi babehlala Naye, bebona izimangaliso Zakhe, futhi bezwa amazwi Akhe. uJohane wacindezela kakhulu ubuhlobo bakhe noJesu, ukuze ahlukaniswe njengalowo uJesu amthandayo. UMsindisi wayebathanda bonke, kodwa uJohane wayenomoya owamukela kakhulu. Wayengomncane kunabo bonke, futhi ngethemba elikhulu lomntwana wavulela uJesu inhliziyo yakhe. Kanjalo waba nozwelo kakhulu noKristu, futhi ngaye imfundiso ejulile yesimoya soMsindisi yadluliselwa kubantu Bakhe."-*The Desire of Ages,* p. 292.

**a. Kuyini ukubaluleka kwegama uJesu aliqamba uJohane nomfowabo uJakobe-na? Marako 3:17.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"UJohane akazange ngokwemvelo abenesimilo esihle leso amava akhe kamuva asembula. Ngokwemvelo wayeneziphambeko ezimbi kakhulu. Wayengazigabisi nje kuphela, ezethemba, efisa ukuhlonishwa, kodwa enamawala, futhi ethukuthela uma ekhubaziwe. Yena nomfowabo babebizwa 'amadodana odumo.' Wayenolaka olubi, enesifiso sokuphindisela, enomoya wokugxeka, konke kwakungumfundi othandekayo. Kodwa ngaphansi koThishela ongcwele wabanakho ukubona inhliziyo yothando oluvuthayo, noluqinisile. UJesu wakhuza ukuzifunela kwakhe, izifiso zakhe ezidanile, wavivinya ukholo lwakhe. Kodwa wembula kuye lokhu umphefumulo wakhe okulangazela ngempela-ubuhle bobungcwele, amandla othando oluguqulayo."-*The Acts of the Apostles,* p. 594, 595.

**b. UJohane wafunda kanjani indlela entsha yokusebenzela abanye-na? Johane 13:34; 1 Johane 4:7, 8.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Izifundo zikaKristu, zibeka phambili ubumnene nokuthobeka nothando njengokukhula okubalulekile emseni nokufaneleka emsebenzini Wakhe, kwakubalulekile kuJohane. Wayelondoloza isifundo ngasinye futhi kaningi wayezama ukuletha ukuphila kwakhe ekuvumelaneni nesibonelo esingcwele. UJohane waqala ukubona inkazimulo kaKristu-kungesibo ubukhazikhazi bomhlaba namandla afundiswe ukuwethemba, kodwa inkazimulo Yozelwe Yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso."-Ibid., p. 544.

**c. Chaza imiphumela yegunya eligcwele uthando komakhelwane bethu. 1 Johane 3:10, 11; Johane 13:35.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Ukujula nokuvutha okwathathekisa uJohane ngeNkosi yakhe kwakungeyona indlela yothando lukaKristu kuye, kodwa umphumela walolo-thando. UJohane wayefisa ukufana noJesu, futhi ngaphansi komfutho oguqulayo wothando luka-Kristu ngempela waba ngomnene futhi wathobeka. Umina wafihleka kuJesu. Ukudlula bonke abangane bakhe, uJohane wazinikela ngaphansi kwamandla okuphila okumangalisayo. UJohane wamazi uMsindisi ngolwazi oluhlolayo. Izifundo zeNkosi yakhe zabhalwa emphefumulweni wakhe. Lapho efakaza ngomusa woMsindisi, ulwimi lwakhe olulula lwalukhuluma ngothando olugcwele umphefumulo wakhe wonke."-Ibid., pp. 544, 545.

## 3. UKUDINGISELWA E-PATMOSE — Ngolwesibili, Nhlaba 19

**a. Emva kwemizamo yokuthatha ukuphila kukaJohane okungazange kuphumelele kukuphi lapho athunyelwa khona ekugcineni-na? Isambulo 1:9.**

__________________________________________________________________________

"UJohane…. wabizelwa eRoma ukuba alingwe ngenxa yokukholwa kwakhe. Ephambi kweziphathi-mandla izimfundiso zompostoli zazingahlanekezelwa. Ofakazi bamanga bambeka icala lokufundisa inkolo yokuvukela umbuso. Ngalezinsolo izitha zakhe zazinethemba lokuletha ukufa komfundi.

"UJohane waziphendulela ngokwakhe ngendlela ekhanyayo nedelisayo, futhi ngobulula obunjalo nobuqotho ukuthi amazwi akhe abanomphumela onamandla. Abalaleli bakhe bamangaliswa ukuhlakanipha kwakhe nenkulumo ebushelelezi. Kodwa njengoba ubufakazi bakhe budelisa, inzondo yabamelene naye yajula kakhulu….

"UJohane waphonswa embizeni enkulu enamafutha abilayo; kodwa iNkosi yalondoloza ukuphila kwenceku Yakhe ethembekile, njengoba alondoloza amaHeberu amathathu esithandweni somlilo. Njengoba amazwi akhulunywa, bayakubhubha bonke abakholwa ulomkhohlisi, uJesu Kristu waseNazaretha, kusho uJohane, iNkosi yami ngokubekezela yazithoba kukho konke uSathane nezingelosi zakhe abakucebayo ngokuthotshiswa Kwakhe nokuMzwisa ubuhlungu. Wanikela ngokuphila Kwakhe ukusindisa umhlaba. Nami kuludumo ukuba ngivunyelwe ukuhlupheka ngenxa yakhe….

"Lamazwi aba nomfutho wawo, uJohane wakhishwa embizeni yiwona lamadoda amfaka kuyo ngaphambili….

"Ngesimemezelo sombusi uJohane wadingiselwa esiqhingini sasePatmose….

"Lapha, izitha zakhe zazicabanga ukuthi, umfutho wakhe awungeke usezwakala, futhi ekugcineni kufanele afe ngenxa yobunzima kanye nokucindezeleka."-*The Acts of the Apostles,* pp. 569, 570.

**b. Yiliphi ilungelo eliyigugu elalethwa ngenxa yokudingiswa kwakhe-na? Isambulo 1:1-3, 10, 11.**

__________________________________________________________________________

"IPatmose, ewugwadule enamatshe, isiqhingi esinamadwala olwandle lwase-Aegean, sakhethwa umbuso waseRoma njengendawo yokudingiselwa kwezigebengu; kodwa kwinceku kaNkulunkulu lendawo edabukisayo yaba isango lezulu. Lapha, evalelwe ngaphandle kwezigcawu ezimatasatasa zokuphila, nasemishikashikeni yokusebenza kweminyaka edlule, wazuza ubungane bukaNkulunkulu noKristu nezingelosi zasezulwini, futhi ngabo kubo wathola imfundo yebandla kuze kubephakade. Izehlakalo ezizokwenzeka ekugcineni kwembali yalomhlaba yalethwa phambi kwakhe; lapho ebhala imibono ayithola kuNkulunkulu."-Ibid., pp. 570, 571.

**a. UKristu wabonakala kanjani kuJohane embonweni esiqhingini sasePatmose-na? Isambulo 1:12-16.**

____________________________________________________________________________

"[Umfundi othandwayo] wabona iNkosi yakhe eGetsemani, ubuso Bayo bumbozwe ngamachaphazela egazi losizi, 'Ubuso Bayo…babonakele kunobabantu, nesimo Sayo kunesamadodana abantu.' Isaya 52:14. Wambona esesandleni samasotsha aseRoma, egqoke ingubo endala ebubende bambeka umqhele wameva. Wambona elenga esiphambanweni saseKhalivari, njengento yokugconwa nokuhlukunyezwa ngonya. Manje uJohane uvunyelwa futhi ukubona iNkosi yakhe. Kodwa ukubonakala Kwayo kwakehluke kanjani! Akaseyena uMuntu weSono, odelelekile futhi olulazwa ngabantu. Manje wembethe ingubo yenkazimulo yasezulwini…IPatmose likhazimuliswe ngenkazimulo yeNkosi evukikle."-*The Acts of the Apostles,* p. 582.

**b. Waphendula kanjani uJohane, futhi yimaphi amandla uJesu amupha wona-na? Isambulo 1:17-19.**

____________________________________________________________________________

"UJohane wanikwa amandla okuphila kubukhona beNkosi yakhe ekhazimulisiwe. Khona-ke ngaphambi kombono wakhe omangalisayo wavulelwa inkazimulo yezulu. Wavunyelwa ukubona isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu futhi, wabonela ngaphambili izingxabano emhlabeni, nokubona ixuku labahlengiwe ligqoke izingubo-ezimhlophe. Wezwa ingoma yezingelosi zezulu nengoma yokunqoba kwalabo abanqobe ngegazi leWundlu nangezwi lobufakazi. Kwisambulo anikezwa sona wembulelwa isehlakalo emva kwesehlakalo esivusa amadlingosi samava abantu bakaNkulunkulu. Nomlando webandla owabikezelwa kuze kube sekupheleni kwesikhathi. Ngezimpawu nemifanekiso, izifundo ezibalulekile kakhulu zalethwa kuJohane, okwakufanele azibhale, ukuze abantu abaphila esikhathini sakhe nasesikhathini esizayo bangase babe nokuqonda okukhaliphile kwezingozi nezingxabano eziphambi kwabo."-Ibid., pp. 582, 583.

**c. Incwadi yeSambulo iqukethe kanjani umlayezo oza kithi uqobo-na? Isambulo 1:4-6; 3:22.**

____________________________________________________________________________

"Lesambulo sanikezwa njengesiqondiso sokududuza ibandla esikhathini sonke sobuKrestu. Kodwa abafundisi bezenkolo bamemezela ukuthi yincwadi evaliwe futhi izimfihlo zayo azinakuchazwa. Ngakho-ke abaningi basukile emibhalweni yeziprofetho, benqaba ukunikela isikhathi nokuhlola izimfihlo zayo. Kodwa uNkulunkulu akafisi ukuthi abantu Bakhe bayibheke kanjalo lencwadi."-Ibid., pp. 583.

## 5. UBUKHONA BUKA-KRISTU BUYAQINISEKISWA — Ngolwesine, Nhlaba 19

**a. Wawusho ukuthini umbono kaKristu phakathi kwezinti zezibane eziyisikhombisa zegolide-na? Isambulo 1:20.**

"UKristu kukhulunywa Ngaye njengohamba phakathi kwezinti zesibane segolide. Yingakho efanekisa ubuhlobo Bakhe emabandleni. Uhlala ekhulumisana nabantu Bakhe. Wazi isimo sabo sangempela. Ubheka uhlelo lwabo, ukukhonza kwabo, ukunamathela kwabo. Noma engumpristi omkhulu nomlamuli endlini engcwele-ngcwele ngaphezulu, kodwa ufaniswa njengowehla enyuka phakathi kwamabandla emhlabeni. Ngokuphaphama kokungakhathali nangokuqaphela okungapheli, ubheka ukuze abone ukuthi ingabe ukukhanya kwabalindi Bakhe kuvutha ngokukhanya okufiphele noma ekugcineni kucime. Uma izinti zesibane zishiyelwa ukunaka komuntu, ukulokoza kwelangabi bokuzofiphala futhi kucime; kodwa Yena ongumlindi endlini yeNkosi, umlindi-sango weqiniso ezigodlweni zethempeli. Ukunakekela Kwakhe okuqhubekayo nomusa olondolozayo yizona ezingumthombo wokuphila nokukhanya."-*The Acts of the Apostles,* p. 586.

**b. Chaza injongo yemiyalezo kaNkulunkulu ebandleni lonke, emela amabandla ayisikhombisa kwi-Sambulo isahluko 2, 3.**

_______________________________________________________________________________

"Amagama amabandla ayisikhombisa ayizimpawu zebandla ezikhathini ezehlukene esikhathini sobuKrestu. Isibalo 7 sikhomba ukuphelela, futhi uphawu ngomcabango wokuthi izigijimi zelulelwa ekupheleni kwesikhathi, lapho izimpawu ezivame ukwembula isimo sebendla ezikhathini ezehlukene zembali yomhlaba."-Ibid., p. 587.

"Ibandla lalingaphelele futhi lidinga ukusolwa okuqinile nokushaywa, futhi uJohane waphefumulelwa ukuba abhale izigijimi zesixwayiso nokusola nokunxusa labo, abalahlekelwe umbono wezimiso eziyisisekelo zevangeli, angabeka engozini ithemba lensindiso. Kodwa njalo amazwi okukhuza lawo uNkulunkulu ebona efanele ukuba angawathumela akhulunywa ngothando olumnene ngesithembiso sokuthula kuwo wonke ophendukela ekukholweni."-Ibid., p. 587.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 22

1. **Noma uJesu engenayo intandokazi, kungani uJohane ebizwa umfundi othandwayo-na?**
2. **Kuyini okwabangela inguquko ekuphileni nasesimilweni sikaJohane-na?**
3. **Kungayiphi indlela uNkulunkulu achitha inhloso yabantu ababi abazama ukubulala uJohane-na?**
4. **Ngesikhathi kuvamile ukubiza incwadi evaliwe, iSambulo sisho ukuthini kithi-na?**
5. **Chaza inhloso kaNkulunkulu yokuthumela imiyalezo yokusola ebandleni Lakhe.**

# UDrako, Owesifazane, Nensali

**IVESI LEKHANDA: "Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe, labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu" (Isambulo 12:17).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy*, pp. 582-592.

"Inkululeko kanembeza, ethe yabiza ukuzidela okukhulu kangaka, angeke usahlonishwa ngempela. Impi enkulu ezayo masinyane sizobona amazwi omprofethi efanekiswa."-*The Great Controversy*, p. 592.

## 1. IBANDLA LIYEMBULWA — NgeSonto, Nhlaba 24

**a. Kuyini okwabonakala ekuqaleni kombono wesine kaJohane-na? Isambulo 12:1.**

______________________________________________________________________

**b. Emfanekisweni weBhayibheli, kuyini owesifazane aqanjwa ukuba akufanekise-na? 2 Korinte 11:2; Hezekeli 23:2-4; Isambulo 17:3-6.**

______________________________________________________________________

"IBhabhilona elitholakala kuSambulo 17 limelwa ngowesifazane-umfanekiso osetshenziswa eBhayibhelini njengophawu lwebandla, owesifazane olungile umela ibandla elihlanzekile, owesifazane okhohlakele umela ibandla elihlubukile.

"Ebhayibhelini isimilo esingcwele nesiqinile sobuhlobo obukhona phakathi kukaKristu nebendla Lakhe lifanekiswa nobunye bomshado. UNkulunkulu uhlanganisile abantu Bakhe Kuye ngesivumelwano esiqinile, uthembisa ukuthi uzoba nguNkulunkulu wabo, futhi nabo bayathembisa ukuthi bazakuba ngaBakhe futhi aBakhe kuphela. Uthi: 'Ngiyakuzimisela wena ube ngumkani kuze kube phakade; yebo, ngizimisele wena ngokulunga, nangokwahlulela, nangomusa, nangobubele.' Hoseya 2:19. Futhi, ngingumyeni wenu.' Jeremiya 3:14. UPawule usebenzisa izimpawu ezifanayo kwiTestamende Elisha lapho ethi: 'Ngokuba nganandisela endodaneni eyodwa ukuba niyise kuKristu niyintombi emhlophe."-*The Great Controversy,* p. 381.

**a. Ibandla lazizwa kanjani lapho lilindele umntwana onguMesiya-na? Isambulo 12:2; Isaya 9:6; Luka 2:25-32.**

______________________________________________________________________

"Amazwi kaJakobe ofayo agcwalisa [abathembekile phakathi kwamaJuda] ngethemba:

"Intonga yobukhosi ayiyikusuka kuJuda, nozime lokubusa phakathi kwezinyawo zakhe, aze afike yena olufanele lona (uShilo).' Genesis 49:10. Ukuncipha kwamandla kaIsrayeli kufakazela ukuthi ukubuya kukaMesiya kuseduze. Isiprofetho sikaDaniyeli sifanekisa inkazimulo yokubusa Kwakhe phezu kombuso ozolandela imibuso yonke yomhlaba; futhi, kusho umprofethi, 'Uzakuma ingunaphakade.' Daniyeli 2:44. Lapho abambalwa beqonda imvelo yomsebenzi kaKristu, kwakukhona ukulindela okugcwele yonke indawo kwesikhulu esinamandla esasizomisa umbuso waso kwaIsrayeli, futhi esasizoza njengomkhululi wesizwe.

"Ukuphelela kwesikhathi kufikile. Ubuntu, buncipha kakhulu phakathi kwezikhathi zokwephulwa komthetho, okubiza ukubuya koMhlengi."-*The Desire of Ages,* p. 34.

**b. Yimaphi amandla elizwe aboniswa noDrako omkhulu obomvu-na? Isambulo 12:3.**

______________________________________________________________________

"Izimpawu zikadrako omkhulu obomvu, isilo esinjengengwe, nesilo esinezimpondo ezinjengezewundlu, imibuso yomhlaba izohlanganyela ngokukhethekile ekunyatheleleni phansi umthetho kaNkulunkulu futhi ishushise abantu Bakhe, zaboniswa uJohane."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 972.

**c. Ngenxa yamandla afana noDrako, iyiphi ingozi ibandla noMesiya ababhekene nayo-na? Isambulo 12:4.**

______________________________________________________________________

"USathane ulokhu esebenza ukwenza igebe lokuvala indlela phakathi komhlaba nezulu lijule. Ngamanga akhe unikile abantu isibindi sokona. Kuyinhloso yakhe ukuqeda amandla ukubekezela kukaNkulunkulu, nokucima uthando Lwakhe ebantwini, ukuze ayekele umhlaba emandleni esikhundla sobusathane."-*The Desire of Ages,* pp. 34, 35.

"Ezulwini uSathane wamzonda uKristu ngenxa yesikhundla Sakhe esigodlweni sikaNkulunkulu. Wamzonda kakhulu lapho yena uqobo ekhishwa embusweni. Wamzonda Lowo owathembisa ukuhlenga isizwe sezoni. Kodwa umhlaba uSathane akhuluma ukuthi uyabusa uNkulunkulu wavuma ukuba iNdodana Yakhe ize, njengomtwana ongenakho ukuzisiza, ethobela ubuthakathaka bomuntu. Wamvumela ukuba ahlangabezane nokuphila okuyingozi okuvamile kumphefumulo womuntu wonke, ukulwa impi yawo wonke umntwana woluntu okumele ayilwe, ngengozi yokwehluleka nokulahlekelwa yiphakade."-Ibid., p. 49.

**a. Kuqonda kuni kwesikhathi esedlule okwambulelwa uJohane, futhi kusho ukuthini-na? Isambulo 12:7-9.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ukumelana nomthetho kaNkulunkulu kunesiqalo sako ezigodlweni zezulu, ngoLusifa, ikherubi elisibekelayo. USathane wazimisela ukuba ngowokuqala kumakomiti asezulwini, nokuthi alingane noNkulunkulu. Waqala umsebenzi wakhe wohlubuko ngezingelosi ezingaphansi kolawulo lwakhe, efisa ukuhlakaza ngaphakathi umoya wokusola. Wasebenza ngendlela yenkohliso ukuze izingelosi eziningi zingazuzelwa ekukhonzeni yena ngaphambi kokuba inhloso yakhe yaziwe ngokuphelele. Ngisho nezingelosi ezithembekile zazingakwazi ukuhlukanisa ngokuphelele isimilo sakhe, nokubona ukuthi umsebenzi wakhe wawuholela kuphi. Lapho uSathane ephumelela ukudonsela ohlangohini lwakhe izingelosi eziningi, wethula indaba yakhe kuNkulunkulu, ebonisa ukuthi kuyisifiso sezingelosi ukuba athathe isikhundla uKristu asiphethe.

"Ububi baqhubeka ukusebenza kwaze kwafinyelela lapho umoya wokunganeliseki uvuthela ukwenza uhlubuko. Kanjalo kwabakhona ukulwa ezulwini, uSathane, kanye nabo bonke abazwelana naye, baxoshwa ezulwini."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, pp. 972, 973.

**b. Isimemezelo sika-Sambulo 12:10, 11 sibonisa kanjani ukupheleliswa kokuxoshwa kukaSathane ngesikhathi somsebenzi kaJesu emhlabeni-na?**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ngamehlo esiprofetho uKristu walandela umkhondo wezehlakalo ukuba zenzeke empini Yakhe enkulu yokugcina. Ubazi ukuthi lapho ememezela ukuthi, 'Kuphelile,' lonke izulu lizonqoba. Indlebe yakhe yabamba ingoma yokumemeza kokunqoba ezigodlweni zezulu. Ubazi ukuthi ukuthoba kombuso kaSathane kuzozwakala ngaleso sikhathi, negama likaKristu lizomenyezelwa ukusuka kulomhlaba ukuya komunye ezulwini nasemhlabeni."-*The Desire of Ages,* p. 679.

"Icebo lensindiso nokho belinenhloso ebanzi nejulile kunensindiso yomuntu. Bekungekona kuphela ukuthi uKristu weza kulomhlaba; bekungekhona ukuthi abakhileyo emhlabeni omncane bangabheka umthetho kaNkulunkulu njengoba kufanele bawubheke; kodwa kungenxa yokuphindisela isimilo sikaNkulunkulu phambi kwezulu nomhlaba…. Isenzo sikaKristu sokufa ngenxa yensindiso yomuntu angeke senza izulu lamukeleke kubantu, kodwa phambi kwezulu nomhlaba sizovumela uNkulunkulu neNdodana Yakhe ekuphatheni kwabo uhlubuko lukaSathane. Kuzoseka ukungapheli komthetho kaNkulunkulu futhi kwembule imvelo nemiphumela yesono."-*Patriachs and Prophets,* pp. 68, 69.

**a. Ngeyiphi ingozi ekhulayo manje ezovezwa ebandleni-na? Isambulo 12:12, 13.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"USathane, ngokwazi ukuthi umbuso awuqhwagile ekugcineni uzophucwa wona, wanquma ukuba angagodli ubuhlungu ukuze abhubhise izidalwa zikaNkulunkulu azidale ngomfanekiso Wakhe. Wazonda umuntu ngenxa kaKristu ngokubonisa kuye uthando oluxolelayo nozwelo, manje uzama ukusebenzisa phezu kwakhe zonke izinhlobo zenkohliso lezo azolahlwa ngazo; walandela indlela yakhe ngamandla amakhulu ngenxa yesimo sakhe sokungabi nethemba."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, pp. 973, 974.

"Impikiswano enkulu ekhona phakathi kokubi nokuhle izokhula ngamandla ngasekupheleni kwesikhathi. Ngezikhathi zonke ulaka lukaSathane luthe labonakaliswa lumelene nebandla likaKristu; futhi uNkulunkulu unikile umusa Wakhe noMoya phezu kwabantu Bakhe ukubaqinisa bamelane namandla alowo omubi. Lapho abapostoli bakaKristu kufanele bahambise ivangeli Lakhe emhlabeni nokuthi babhalele nezikhathi ezizayo, bathweswa ngokukhethekile ukukhanyiselwa koMoya. Kodwa njengoba ibandla lifinyelela ekukhululweni kokugcina, uSathane kufanele asebenze ngamandla amakhulu…. Nangokujula konke kwamaqhinga obusathane nobuqili obufanayo, lonke ulunya olukhulayo, kulezikhathi zomshikashika, kuzolethwa ukuba kumelane nabantu bakaNkulunkulu empini yokugcina. Futhi kulesikhathi sengozi enkulu abalandeli bakaKristu kufanele bayise emhlabeni isixwayiso sokubuya kwesibili kweNkosi; nabantu kufanele balungiselwe ukuma ngaphambi Kwakhe ekubuyeni Kwakhe, 'bengenabala, bengenacala Kuye.' 2 Peter 3:14. Ngalesikhathi ukuthweswa okukhethekile komusa ongcwele namandla adingeka kakhulu ebandleni kunasosukwini lwabapostoli."-*The Great Controversy,* p. ix, x.

**b. Chaza amava ebandla enzeka phakathi kweminyaka engu-1260 yokucindezelwa nokushushiswa-na? Isambulo 12:6, 14.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

**c. Sizo luni olwafika ukuphambukisa ukuhlaselwa kwezithunywa zoluntu lokhu udrako ayehlose ukuzisebenza emelene nabathembekile-na? Isambulo 12:15, 16.**

"Njengoba izindaba zizungeza amazwe ase-Europe, izwe lapho wonke umuntu angathokozela izithelo zokusebenza kwakhe nokulalela ukulahlwa yicala ngunembeza wakhe, abaningi bathutheleka emingceleni yoMhlaba Omusha."-Ibid., p. 296.

## 5. INSALI — Ngolwesine, Nhlaba 28

**a. Njengoba intukuthelo kadrako ifinyelela esiqongweni sayo, bachazwa kanjani abathembekile-na? Isambulo 12:17.**

______________________________________________________________________

"Umambuleli, ebheka phansi ezinsukwini zokuphela kwesikhathi, uthi, 'Udrako wathukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe; labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu-Kristu.' Isambulo 12:17. Abanye abaphilayo namuhla emhlabeni bazobona lamazwi egcwaliseka. Umoya ofanayo ezikhathini ezidlule waholela abantu ukushushisa ibandla leqiniso, esikhahini esizayo uzoqhuba indlela efanayo maqondana nalabo abagcina ukuthembeka kwabo kuNkulunkulu. Ngisho namanje amalungiselelo ayenziwa alempi enkulu yokugcina."-*Prophets and Kings,* p. 605.

**b. Izimpawu zensali zichaza kanjani ibandla ezinsukwini zokugcina-na? Isambulo 14:12; 19:10.**

______________________________________________________________________

"Ibandla lensali lizovuma uNkulunkulu emthethweni Wakhe futhi lizothola isipho sesiprofetho. Ukulalela umthetho kaNkulunkulu, nomoya wesiprofetho kaningi kuhlukanisa abantu bakaNkulunkulu ngempela, futhi isilingo ngokuvamile siyabonakala namuhla."-*Loma Linda Messages,* p. 33.

"Ibandla lensali lizolethwa kwizilingo ezinkulu nezilusizi. Labo abagcina umthetho kaNkulunkulu nokukholwa kukaJesu bazoluzwa ulaka lukadrako nombuthano wakhe. USathane ubala umhlaba njengezikhonzi zakhe, uholile ukulawula ngamabandla ahlubukile; kodwa nali ixuku elincane elenqaba ubukhosi bakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, p. 231.

"Ukwenqaba ukulalela umthetho kaNkulunkulu, nokuzimisela ukuthokozela inzondo emelene nalabo abamemezela lemithetho, baholelwa empini ekhamemelelayo ohlangothini lukadrako, wonke amandla alethwa ekumelaneni nabantu bakaNkulunkulu abagcina umthetho."-Ibid., vol. 8, p. 117.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlaba 29

**1. Kungani ibandla lifaniswa nowesifazane eBhayibhelini-na?**
**2. Chaza ingozi iNdodana kaNkulunkulu eyayithatha ukuze ize emhlabeni njengomuntu.**
**3. Kunini lapho ukuxoshwa kukaSathane ezulwini kwapheleliswa khona-na?**
**4. Chaza isizathu solaka lukadrako emelene nebandla.**
**5. Yiziphi izimpawu esingazibona lapho sibheka insali-na?**

# UMNIKELO WESABATHA LOKUQALA

## ISabatha, Nhlangulana 6, 2026

## Indlu Yokukhonzela eParague, Czech Republic

I-Czech Republic ilizwe elingaphakathi neEurope, lizungezwe iGerman, Poland, Austria, neSlovakia. Ngaphakathi kwelizwe kukhona i-Bohemia, isifunda esinomlando wemizi ebukekayo, izindlu zobukhosi ezinkulu, namasiko anothile namafa esimoya lapho uJohn Huss ngonyaka ka (1369-1415) aqala khona imvuselelo yakhe enkulu. Namuhla iyisifunda esidumile esinabantu abakhile kulo abangu 10.9 wezigidi, kulabo kukhona abangu 1.4 wezigidi abahlala kwinhloko-dolobha, i-Prague.

I-Prague akuyona indawo enomlando nempucuko kuphela kodwa futhi iyindawo lapho izinkulungwane zabantu zidinga khona okwesimoya., abaningi bafuna isizathu sokuphila, ithemba, nokuthula ezinhliziyweni zabo. Phakathi kwabakhileyo kulo, 47.8% abantu abangakholwa, 11.7% bazihlanganisa namaKrestu (phakathi kwabo I 9.3% ngamaKatolika azishoyo i-2.4% amanye amabandla amaKrestu), i-10.8% izihlanganisa nezinye izinkolo.

Umsebenzi weSDA Reform Movement kulelidolobha waqala ngo-Nhlaba 2014, lapho abantu abathathu bahlangana ndawonye okokuqala. Kamuva, ngo-Ncwaba 2020, umfundisi ehamba nomkhaya wakhe bathunyelwa lapha ukumemezela iqiniso lanamuhla lesigijimi sensindiso kwimiphefumulo elahlekile.

Namuhla, ibandla lasePrague linamalunga angamashumi amathathu (30), sihlangene nalabo abanentakazelelo futhi abalungiselela ukungena emanzini babhapathizwe, bangabantu abangamashumi ayisikhombisa (70) izinkonzo okwamanje zibanjelwa endaweni yokuqhasha, kodwa ibandla likhuleka ngokushiseka ithuba lokuthenga noma lizakhele indlu yokukhonzela-indawo lapho abantu bakaNkulunkulu bengahlangana ndawonye, baqinisane ekukholweni, babelane ngokukhanya kulabo ababazungezile.

“Ikhaya lelo elikhonza uNkulunkulu kufanele livumelane nesimilo Sakhe nobukhosi Bakhe.”-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 268.

Bazalwane nodade abathandekayo, namuhla sinethuba elibusisekile lokuthatha inxenye kulomsebenzi omkhulu kaNkulunkulu. Umnikelo wakho uyifa elingunaphakade, ekusindisweni kwemiphefumulo, nokuqinisa ibandla elingaphakathi ne-Europe. Siyanicela ukuba nikhulekele ukuhola kukaNkulunkulu, ngomusa nixhase lomsebenzi, futhi nabele nabanye ngalesidingo. INkosi inibusise ngabanye ngothando babeyinxenye kulomsebenzi!

“Sibonga uNkulunkulu njalo ngani nonke, sinibeka emikhulekweni yethu. (1 Thesalonike 1:2).

*Abazalwane benu nodade ePrague*

# Isilo Kanye Nophawu

**IVESI LEKHANDA: "Senza futhi ukuba bonke, abancane nabakhulu, nabacebileyo nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigqila, bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo" (Isambulo 13:16).**

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy,* pp. 439-450.

"Izimpondo ezifana nezewundlu futhi sikhuluma njengo-drako ngophawu lwamandla aphikisanayo phakathi kokuzisho nesenzo sesizwe esibameleyo."-*The Great Controversy,* p. 442.

## 1. ISILO ESINHLOBONHLOBO — NgeSonto, Nhlaba 31

**a. Kuyini okwabonwa nguJohane encwadini ka-Sambulo 13:1 (isigaba sokuqala), futhi sikuqonda kanjani lokhu uma sibheka isifundo sethu sika-Daniyeli 7:3.**

**b. Kuyini esingakufunda ngobunjalo bezimpawu zomzimba wezilo ezihlobana ngayo nezilo ezine esike sazifunda ngaphambili-na? Isambulo 13:2; Daniyeli 7:4-6.**

"Kusahluko 13 (ivesi 1-10) kuchazwa esinye isilo, 'esifana nengwe,' leso udrako asinikeza 'amandla akhe, nesihlalo sakhe, negunya lakhe elikhulu.' 'Loluphawu, njengoba amaProtestanti amaningi ayakholwa, ukuthi limela umpapa, owalandela amandla nesihlalo, negunya elake laphathwa umbuso wasendulo wamaRoma. Kumenyezelwa ngesilo esifana nengwe: 'Sanikwa umlomo wokukhuluma izinto ezinkulu nenhlamba…Savula umlomo waso ngenhlamba emelene noNkulunkulu, ukuhlambalaza igama Lakhe, neTabanakeli Lakhe, nalabo abahlala ezulwini. Sanikwa ukuba silwe nabangcwele, sibanqobe: sanikwa amandla phezu kwemindeni yonke, nabantu, nezilimi, nezizwe.' Lesiprofetho, esicishe sifane nokuchazwa kophondo oluncane lukaDaniyeli 7, sikhomba ngokuqondile kumpapa."-*The Great Controversy,* p. 439.

"Izizwe eziningi zase-Europe amandla azo abusa ibandla kanye nombuso isikhathi eside bewalawulwa nguSathane ngokuhlanganyela nompapa."-Ibid., pp. 268, 269.

**a. Kungayiphi indlela ukubonakala kwesilo kuqinisekiswa ngokusekelwa esikhathini sokubusa kwaso-na? Isambulo 13:5; Daniyeli 7:25.**

______________________________________________________________________

"Amandla anikezwa yena ukuba aqhubeke izinyanga ezingamashumi amane nambili.' Futhi, kusho umprofethi, 'Ngabona elinye lamakhanda alo kungathi lidebezwe okokufa.' Futhi: 'Uma ekhona oyisa ekuthunjweni, uya naye ekuthunjweni: uma ekhona obulala ngenkemba, umelwe naye ukubulawa ngenkemba.' Izinyanga ezingamashumi amane nambili ziyafana 'nesikhathi nezikhathi nokwehlukaniswa kwesikhathi,' iminyaka emithathu nenxenye, noma izinsuku ezingu 1260, zikaDaniyeli 7-kuyisikhathi leso umpapa ecindezela abantu bakaNkulunkulu. Lesikhathi…saqala ngonyaka wokubusa kompapa, ngo-a. d. 538, esaphela ngo-1798. Ngaleso sikhathi umpapa waboshwa yibutho laseFrance, namandla ompapa amukela isilonda sokufa, nokuprofethiwe kwagcwaliseka, 'Uma ekhona oyisa ekuthunjweni, uya naye ekuthunjweni'."-*The Great Controversy*, p. 439.

**b. Kungayiphi indlela ubukhulu besilo esifana nengwe buzoncishiswa ngayo-na? Isambulo 13:3 (isigaba sokuqala), 10.**

______________________________________________________________________

**c. Yiziphi izenzo ezizokwenziwa isilo-na? Isambulo 13:6-8.**

______________________________________________________________________
______________________________________________________________________

"Umfutho weRoma kumazwe ngaphambili ake avuma ukubusa kwayo usekude ukuba ungachithwa. Isiprofetho sabikezela ngaphambili ukubuyiselwa kwamandla awo. 'Ngabona elinye lamakhanda aso kungathi lalidebezwe okokufa; kepha ingozi yaso yokufa yelashwa: umhlaba wonke walandela isilo.' Vesi 3. Ukulashwa kwesilonda okokufa kukhomba ukulwa kompapa ngo 1798. Emva kwalokho, kusho umprofethi, 'isilonda saso selashwa: nomhlaba wonke walandela isilo.' uPawule ubeka ngokusobala ukuthi 'umuntu wesono' uzoqhubeka aze abonakale okwesibili. 2 Thesalonike 2:3-8. Ekusondeleni kwesikhathi sokuphela uzoqhubekisela phambili umsebenzi wenkohliso. Nomambuleli uthi, eqondise kumpapa: 'Bonke abakhileyo emhlabeni bayakukhuleka kuso, wonke ogama lakhe lingalotshiwe encwadini yokuphila.' Isambulo 13:8. Kokubili Umhlaba Omdala Nomusha, ubupapa buzothola ukukhonzwa ngenhlonipho enikezwa kwisimiso seSonto, esisegunyeni lebandla lamaRoma kuphela."-Ibid., p. 579.

**a. Yimaphi amandla amasha ezombusazwe abonakala eqhamuka lapho amandla obupapa amukela inxeba lawo lokufa-na? Isambulo 13:11.**

______________________________________________________________________________

"Isilo esinezimpondo ezifana nezewundlu sabonakala 'siphuma emhlabeni.' Endaweni yokuchitha amanye amandla ukuze izimise ngokwaso, isizwe esifanekiswayo kufanele siphume endaweni ngaphambili engenamuntu sakhula kancane kancane nangokuthula. Besingeke, ngaleso sikhathi, sivuke phakathi kwezizwe ezihlangene nezidonsa kanzima zoMhlaba Omdala-ulwandle oluyaluzayo 'lwabantu, noquqaba, lezizwe nezilimi.' Kufanele sifunwe kwiLizwe elingaseNtshonalanga.

"Yisiphi isizwe kuMhlaba Omusha esathatha amandla okubusa ngonyaka-ka 1798, sinikeza isithembiso samandla nobukhulu, nokuthathekisa kokunaka okomhlaba? Ukusetshenziswa kwalophawu kuyavunyelwa ngaphandle kokungabaza. Isizwe esisodwa, esisodwa kuphela, sihlangabezana nokushiwo yilesiprofetho; esikhomba ngempela kwiUnited States of America. Kaningi-ningi umcabango, cishe okuyiwona kanye, kombhali ongcwele uthe wasetshenziswa ngokungazi umkhulumeli kanye nesazi-mlando ekuchazeni ukuvuka nokukhula kwalesizwe. Isilo sabonakala 'siphuma emhlabeni;' futhi, ngokuya kwababahumushi, izwi lapha elinikezwayo 'liphuma' ngokusobala lifanekisa 'ukukhula noma ukumila njengesitshalo.' Futhi, njengoba sesibonile, isizwe kumele sivuke endaweni eyayingahlali muntu….

"Futhi sasinezimpondo ezimbili ezifana nezewundlu.' Izimpondo ezifana nezewundlu zikhombisa ubusha, ubumsulwa, nobumnene, obumela kahle isimilo se-United States lapho sethulwa ngumprofethi ngonyaka ka-1798. Phakathi kwamaKrestu adingiswa abalekela eAmerica efuna ukukhoseliswa ekucindezelweni kwasebukhosini nokungabekezelelani kwabapristi baningi ababenquma ukumisa umbuso wesisekelo esibanzi senkululeko yokuphatha neyezenkolo. Imibono yabo yathola indawo ekuMenyezelweni kweNkululeko, ebeka phambili iqiniso elikhulu lokuthi 'bonke abantu badalwe ngokulingana' futhi banikezwe ilungelo elingenakuphucwa 'lokuphila, nenkululeko, nokulandela injabulo.' Futhi Isimiso sasinikeza abantu ilungelo lokuzibusa, ngaphandle kokuthi ababamele abakhethwe ngamavoti amaningi bazoshaya futhi bahambise ngokomthetho. Inkululeko yezenkolo yokukholwa yanikezwa, wonke umuntu wavunyelwa ukukhonza uNkulunkulu ngokusho ngokukanembeza wakhe. AmaRepublican namaProtestanti aba yizimiso eziyisisekelo zesizwe. Lezimiso ziyimfihlo yamandla nempumelelo. Abacindezelwe nabanyathelelwe phansi ezikhathini zonke zobuKrestu baphendukela kulomhlaba ngentakazelelo nethemba. Izigidi zithe zafuna amasebe alo, ne-United States yenyukele kwindawo ephakathi kwezizwe ezinamandla amakhulu emhlabeni."-*The Great Controversy,* pp. 440, 441.

**a. Kukhula-kuni okwesabisayo okuzothatha indawo, okucindezelwa isilo esifana newundlu-na? Isambulo 13:12, 16.**

"Izimpondo ezifana nezewundlu nezwi likadrako lophawu lukhomba ukungqubuzana okuphawulekayo phakathi komkhakha kanye nomkhuba wesizwe esimelwa kanjalo. 'Ukukhuluma' kwesizwe ngesenzo segunya lenkululeko nokwahlulela. Ngesenzo esinjalo sizonikeza amanga kulabo abakhululekile nezimiso zokuthula elizibeke phambili njengesisekelo sezimiso zalo. Isibikezelo sokuthi sizokhuluma 'njengodrako' sisebenzise 'amandla onke esilo sokuqala' esabikezelwa ngokukhanyayo ukukhuliswa komoya wokungabekezelelani nokushushiswa okwaboniswa yizizwe ezimela udrako nesilo esifana nengwe. Namazwi athi isilo esinezimpondo ezimbili 'sabangela ukuthi umhlaba nabakhileyo kuwo bakhuleke kwisilo sokuqala' kusho ukuthi igunya lalesizwe kufanele lisetshenziswe ekucindezeleni ukugcinwa okuthile okuzoba yisenzo sokuhlonipha umpapa.

"Isenzo esinjalo sizophambana ngokuqondile nezimiso zalombuso, kohlakaniphileyo ngezimiso zawo zenkululeko, ezivumelwaneni eziqondile nezinesizotha Zokumenyezelwa Kwenkululeko, kanye Nomthetho-sisekelo. Abasunguli besizwe bazama ngokuhlakanipha bazama ukuqaphela ukusetshenziswa kwamandla elizwe kwinxenye yebandla, kwaba nemiphumela engenakugwenywa-ukungabekezelelani nokushushiswa. Umthetho-sisekelo uhlinzekela ukuthi 'Ubumbano angeke lwenze umthetho ophathelene nokusungulwa kwezenkolo, noma wenqabele ukusetshenziswa kwayo ngokukhululekile,' nokuthi 'akukho sivivinyo sezenkolo esizoke sidingeke ngemfanelo kunoma yiliphi ihovisi lokwethenjwa komphakathi ngaphansi kweUnited States.' Kuphela ngokwephula ngabomu lezivikelo zenkululeko yesizwe, noma yikuphi ukuqaphela kwezenkolo ezingaphoqelelwa yiziphathimandla zikahulumeni."-*The Great Controversy,* p. 442.

**b. Kuzoba njani ukucindezelwa kophawu lwesilo kuzoba ukuwa kweUnited States-na? Izaga 14:34; Amahubo 119:126.**

"Lonke ikhulu leminyaka yokonakala lizibekele ulaka maqondana nosuku lwentukuthelo yosuku lolaka; uma isikhathi sifika, nobubi sebandile, yilapho uNkulunkulu ezokwenza umsebenzi Wakhe ongavamile. Kuzotholakala kuyinto esabeka kakhulu ukubekezela okungcwele; ngoba intukuthelo kaNkulunkulu izokwehla ngendlela ebonakalayo nangamandla lawo afanekiswa njengalawo angahlanganiswanga nomusa; futhi wona lomhlaba uzobayincithakalo. Yileso sikhathi sohlubuko lwezwe lonke, lapho, abasebenza ngesimiso sikaSathane, ababusi bomhlaba abazibeka ngokwabo ohlangothini lomuntu wesono-yileso silinganiso sesono ngokuphelele; uhlubuko lwezwe lonke uphawu lwencithakalo yomhlaba."-*Seleced Messages,* bk. 2, p. 373.

## 5. UPHAWU LWESILO **Ngolwesine, Nhlangulana 4**

**a. Luyini uphawu lwamandla aseRoma-na? Daniyeli 7:25.**

______________________________________________________________________________

"Njengoba uphawu lwamandla eBandla lamaKatolika, ababhali bobupapa bayacaphuna 'sona kanye isenzo sokuguqula iSabatha libe yiSonto, lokhu amaProtestanti akuvumelayo; ngokuba ngokugcina usuku lweSonto, bavuma amandla ebandla ukumisa imikhosi, nokubayala ukuba babengaphansi kwesono.' -UHenry Tuberville, *An Abrigment of the Christian Doctrine*, page 58. Kodwa kuyini-ke ukuguqulwa kweSabatha, uphawu, noma isibonakaliso, samandla eBandla laseRoma oluwuphawu lwesilo'?...

"Lapho abagcini bosuku lweSonto becindezelwa umthetho, nomhlaba uzokhanyiselwa maqondana nesibopho seSabatha langempela, besekuthi noma ngubani ozokweqa umthetho kaNkulunkulu, alalele isimiso esingenamandla aphezulu kunalawo aseRoma, bazobe behlonipha umpapa ngaphezu kukaNkulunkulu."-*The Great Controversy,* pp. 448, 449.

**b. Chaza-uvuthondaba lokunyakaza okuphikisanayo-komunye wemiphefumulo ekhanyiselwa ngeqiniso futhi omunye ugcizelela uphawu lwesilo. Isambulo 13:13-15; 16:13, 14; Mathewu 24:14, 24.**

______________________________________________________________________________

"Ibandla likhalela ingalo eqinile yamandla ombuso, futhi, kulomsebenzi, abopapa namaProtestanti bayahlangana. Njengoba intshukumo yokucindezelwa kweSonto iqina futhi inqunywa, umthetho uzobizwa ngokumelene nabagcina umthetho. Bazosongelwa ngokuhlawuliswa nokufakwa etilongweni, abanye bazonikwa izikhundla ezinomfutho abanye imivuzo enenzuzo, njengezivumisa ukuba balahle ukholo lwabo. Kodwa impendulo yabo eqinile ithi: 'Siboniseni ezwini likaNkulunkulu iphutha lethu'-ukuncenga okufanayo okwenziwa nguLuther ngaphansi kwezimo ezifanayo. Labo abamiswe phambi kwezinkantolo benza ukuliqinisekisa ngokuqinile iqiniso, futhi abanye ababazwile baholelwa ukuba bathathe indawo yabo ukugcina imiyalo kaNkulunkulu. Kanjalo ukukhanya kuzolethwa phambi kwezinkulungwane ebezingeke zawazi lamaqiniso."-Ibid., p. 607.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Nhlangulana 5**

1. **Kungayiphi indlela ezinye izimpawu zesilo sikaDaniyeli 7 zadlulela eRoma-na?**
2. **Buyekeza izindlela ezihlukene iminyaka engu-1260 yokuphakama kobupapa eyabalwa ngayo-na?**
3. **Kungani inxeba elapholiswa lingabanga lingaphumeleli ekufeni kwesilo-na?**
4. **Yiziphi izimpawu ezingavamile zase-United States ezavezwa uphondo lwewundlu-na?**
5. **Ingabe abantu abakhonza ngeSonto sebenalo yini uphawu lwesilo-na?**

# Izingelosi Ezintathu

**"IVESI LEKHANDA: "Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu" (Isambulo 14:12).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Early Writings,* pp. 232-261.

"Ngaboniswa amanyathelo amathathu-isigijimi sengelosi yokuqala, eyesibili, neyesithathu. Kusho ingelosi ehambisana nami, 'Maye kulowo ozosusa okuncane noma anyakazise uthi lwalezigijimi. Ukuqonda ngempela lezigijimi kubalulekile kakhulu."- *Early Writings,* p, 258.

## 1. IZINGELOSI KU-SAMBULO *NgeSonto*, Nhlangulana 7

**a. Qhathanisa futhi mahluko muni okhona phakathi kohlobo lwezigijimi ezifanekiswa izingelosi. Isambulo 1:20; 10:1, 5; 11:1: 22:8.**

________________________________________________________________________

**b. UNkulunkulu uthumela kanjani isigijimi kuwo wonke umuntu emhlabeni-na? Roma 10:13-15.**

________________________________________________________________________

"Njengabameli Bakhe phakathi kwabantu, uNkulunkulu akakhethi izingelosi ezingazange zawela esonweni, kodwa izidalwa zabantu, abantu abanentshiseko ngalabo abafuna ukubasindisa…. Futhi kwabesilisa nabesifazane abanikezwe ukwethenjwa okungcwele bazomemezela 'ivangeli lengcebo kaKristu engaphenyekiyo.' Efesu 3:8."-*The Acts of the Apostles,* p, 134.

"Kufanele sisebenze ndawonye nezingelosi zasezulwini ngokufanekisa uJesu emhlabeni…. ngokuba umuntu kufanele abengumzila wokuxhumana nomunye umuntu. Futhi uma sizinikela uqobo kuKristu ngokunamathela ngenhliziyo yonke, izingelosi zithokozela ukuthi zikhuluma ngamaphimbo ethu ukwembula uthando lukNkulunkulu."- *The Desire of Ages,* p, 297.

**c. Ngubani ofanekiswa yizingelosi eziku-Sambulo 14:6-12 nomsebenzi wazo-na? Mathewu 28:19, 20; Izenzo 1:8.**

"Izingelosi zifanekiswa njengezindiza emkhathini wezulu, zimemezela emhlabeni isigijimi sesixwayisa. Akukho-noyedwa owezwa izwi lezingelosi, ngoba ziluphawu olumela abantu bakaNkulunkulu abasebenza ngokuvumelana nezulu nomhlaba."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 387.

**a. Ingelosi yokuqala ithumela kobani isigijimi sayo-na? Isambulo 14:6.**

______________________________________________________________________________

"Uvuso olukhulu lwezenkolo ngaphansi kokumemezela ukubuya masinyane okubikezelwe isiprofetho sesigijimi sengelosi yokuqala ka-Sambulo 14. Ukundiza kwengelosi 'emkhathini wezulu,' ngezwi elikhulu' indlela isixwayiso esakhulunywa ngaso, nesimemezelo esiza kubo bonke 'abantu' esinikeza ubufakazi obusheshayo kububanzi bomhlaba wonke."-*The Great Controversy,* p. 355.

**b. Ingelosi yokuqala ibiza ukunaka kwayo uNkulunkulu njengoMdali? Isambulo 14:7; Genesis 1:1; Efesu 3:9.**

______________________________________________________________________________

**c. Bonisa ukuthi intshukumo yeAdvent ifanele kanjani isigijimi sengelosi yokuqala nokwahlulela ekushumayeleni kwabo ukubuya kuka-Kristu masinyane. Daniyeli 7:26, 27; 8:14; Izenzo 17:30, 31.**

______________________________________________________________________________

"Ku-William Miller nasebenza nabo banikwa ukushumayela isixwayiso eAmerika. Lelizwe laba ilingaphakathi lentshukumo yokubonakala okukhulu. Yindawo lapho isiprofetho sesigijimi sengelosi yokuqala esagcwaliseka ngokuqondile okukhulu. Izincwadi zika-William nabangane bakhe zathwalela isigijimi nakumazwe akude. Lapho abashumayeli bengena khona safinyelela emhlabeni wonke, babethumela izindaba ezimnandi zokubuya masinyane kukaKristu. Kude naseduze isigijimi sevangeli elingunaphakade sithi: 'Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo; ngokuba ihora lokwahlulela kwakhe selifikile.'

"Ubufakazi beziprofetho ezikhomba ukubuya kukaKristu ekwindla ngonyaka ka-1844 bagxila ngokujulile ezingqondweni zabantu. Lapho isigijimi sihamba ukusuka kulesifunda ukuya kwesinye, kwabakhona ukusabalala kovuso lwentakazelelo yonke indawo. Abaningi bavuma ukuthi ukuphikisana esikhathini sesiprofetho kwakulungile, futhi, badela ukuziqhenya kwemibono yabo, ngokuthokoza bamukela iqiniso. Abanye abafundisi babekela eceleni imibono nemizwa yabo yezinhlelo, bashiya imivuzo yabo namabandla abo, bahlanganyela ekumemezeleni ukubuya kukaJesu. Babembalwa uma kuqhathaniswa, izikhonzi, nokho, ezizokwamukela lesigijimi; ngakho-ke yayizobophezela kakhulu kubantu abavamile abathobekile…Isimo sebandla elingamesabi uNkulunkulu nomhlaba ogcwele ububi, lisindwa yimiphefumulo yabalindi beqiniso, futhi ngokuthanda babekezelela umsebenzi okhathazayo, ukuswela, nokuhlupheka, ukuba babizele abantu ekuphendukeni ukuze basindiswe. Noma waphikiswa uSathane, umsebenzi waqhubekela phambili kancane-kancane, futhi iqiniso lokubonakala lamukelwa izinkulungwane eziningi."-Ibid., p, 368.

## 3. INGELOSI YESIBILI — Ngolwesibili, Nhlangulana 9

**a. Kuyini ingelosi yesibili ekushoyo ngesimo sesimoya sebandla elizishoyo likaKristu-na ? Isambulo 14:8.**

"Liyini lelowayini-na? -Izimfundiso zalo zamanga. Wanikeza umhlaba isabatha lamanga esikhundleni seSabatha lomthetho wesine, futhi ulokhu ephinda phinda amanga lawo uSathane awatshela uEva okokuqala ensimini yaseEdeni-Imvelo engapheliyo yomphefumulo. Amaphutha amaningi azinhlobo-nhlobo uwahlakazele kude naseduze, 'befundisa izimfundiso ezimiyalo yabantu' (Mathewu 15:9)."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 118.

"IBhabhilona lilokhu lingenisa izimfundiso ezinobuthi, iwayini lesiphambeko. Lewayini eliphambukile lakhiwe ngezimfundiso zamanga, ezifana nokungafi kwemvelo yomphefumulo, ukushushiswa okuphakade kwababi, ukwenqaba kobukhona ngaphambili kukaKrisu ngaphambi kokuzalwa Kwakhe eBethlehema, futhi umela futhi ephakamisa usuku lokuqala lweviki ngaphezu kukaNkulunkulu ongcwele usuku olungcwelisiwe. Leziphambeko ezinhlobo nhlobo zilethwa emhlabeni ngamabandla ahlukahlukene, kanjalo Imibhalo iyagcwaliseka ngokuthi, 'Ngokuba izizwe zonke ziphuzile iwayini lolaka lobufebe balo."-*Testimonies to Ministers*, vol. 6, pp. 61, 62.

**b. Chaza indlela abakholwayo beAdvent Movement beqonda ngayo ukudangala kwabo kokuqala, nokubona isiphelo ngempela sezinsuku ezingu 2300, nobizo lwabo ukuthi bazehlukanise kulabo abenqaba isigijimi. Habakuki 2:3; Mathewu 25:6.**

"Ehlobo ngonyaka ka-1844, phakathi kwesikhathi lapho kucatshangwa okokuqala ukuthi izinsuku ezingu 2300 zizophela, enkwindla ngalowonyaka, kamuva kwatholakala ukuthi yeluliwe, isigijimi sasinjengoba simenyezelwe ngawo ngamazwi oMbhalo: Bheka, uMyeni uyeza!'

"Yilokhu okwaholela lentshukumo ukutholakala kokuthi isimemezelo sikaAtaxerxers sokubuyiselwa kweJerusalema, leyo enendawo yokubala kuqala isikhathi sezinsuku ezingu-2300, yaqala ukusebenza ngekwindla lonyaka ka 457 b. c., kungesikho ekuqaleni konyaka, njengoba kwakukholelwa kanjalo ekuqaleni. Ngokubala kusukela ekwindla ngonyaka ka-457, iminyaka engu 2300 izophela ngo 1844."-*The Great Controversy,* pp. 398, 399.

"Njengoba amabandla enqaba ukwamukela isigijimi sengelosi yokuqala, enqaba ukukhanya okuvela ezulwini kwehla ngomusa kaNkulunkulu. Bethembela emandleni abo, futhi ngokumelana nesigijimi sokuqala bazibeka uqobo endaweni abangeke babona ukukhanya kwesigijimi sengelosi yesibili. Kodwa uNkulunkulu othandekayo, obecindezelwe, wamukela isigijimi, 'IBhabhilona liwile,' futhi balishiya ibandla."-*Early Writings,* p. 237.

**a. Yisiphi isixwayiso esithusayo esivela kwingelosi yesithathu-na? Isambulo 14:9-11.**

________________________________________________________________________

"Ukusongela okwesabeka kakhulu okuke kwalethwa kwabafayo kutholakala kwisigijimi sengelosi yesithathu. Lesi yisono esibi kakhulu esehlisela phansi ulaka lukaNkulunkulu olungaxutshaniswanga nomusa. Abantu akufanele bashiywe ebumnyameni maqondana nalendaba ebalulekile; isixwayiso maqondana nalesono kufanele sinikezwe umhlaba ngaphambi kokuhanjelwa kwezahlulelo zikaNkulunkulu, ukuze bonke bazi ukuthi bazozwa ubuhlungu, futhi bathole ithuba lokuzibalekela. Kufanekiswa kwisiprofetho njengoba simenyezelwa ngezwi elikhulu, yingelosi endiza phakathi komkhathi wezulu; futhi lesigijimi sizoletha ukunaka emhlabeni."-*The Great Controversy,* pp. 449, 450.

**b. Ngesikhathi sesigijimi sengelosi yesithathu, abangcwele bazobonakala kanjani-na? Isambulo 14:12.**

"Abakhonza uNkulunkulu bazohlukaniswa ngempela ngokuqaphela kwabo umthetho wesine, njengoba lokhu kuluphawu lwamandla adalayo kaNkulunkulu nobufakazi bezimfuno Zakhe ekuhlonishweni nasekukhonzeni umuntu…Endabeni yempi yamazwe onke obuKrestu azohlukana amaxuku amabili amakhulu, labo abagcina imithetho kaNkulunkulu nokukholwa kukaJesu, nalabo abakhonza isilo nomfanekiso waso, nabamukela uphawu lwaso. Noma ibandla nombuso bezohlanganisa amandla abo ukucindezela bonke, 'abancane nabakhulu, abacebile nabampofu, abakhululekile nabayizigqila,' ukwamukela uphawu lwesilo, kodwa abantu bakaNkulunkulu abasoze balamukela. Isambulo 13:16."-*Testimonies for the Church*, vol. 9, p. 16, 17.

**c. Kungayiphi indlela ukuvuka kwesigijimi sengelosi yesithathu kuchazwa ngayo-na? Isambulo 7:2, 3.**

"Emhlanganweni owawubanjwe eDorchsester, eMass., ngo-Lwezi, 1848, ngaboniswa umbono wokumenyezelwa kwesigijimi sokuphawulwa, nomsebenzi wabazalwane wokuba basakaze ukukhanya okukhanya endleleni yabo.

"Ekupheleni kombono, ngathi kumyeni wami: "Nginesigijimi esiqondene nawe. Kufanele ushicilele ipheshana elincane ulithumele kubantu. Ekuqaleni malibe lincane; kodwa njengoba abantu belifunda, bazothumela imali yokuba ulishicilele, futhi lizoba yimpumelelo kusukela ekuqaleni. Kusukela kulesiqalo esincane ngaboniswa okufana nemifudlana yokukhanya eyakhanyisa umhlaba wonke."-*Life Sketches,* p. 125.

## 5. UKUPHELELISWA KWESIGIJIMI **Ngolwesine, Nhlangulana11**

**a. Kungayiphi indlela isibusiso esamenyezelwa sizogcwaliseka maqondana nalabo abafe bekholwa ngesikhathi sokumenyezelwa kwesigijimi sengelosi yesithathu? Isambulo 14:13; Daniyeli 12:2.**

__________________________________________________________________________

"Kwakuphakathi kobusuku lapho uNkulunkulu ekhetha ukukhulula abantu Bakhe. Lapho ababi ababazungezile bebagcona, masinyane ilanga labonakala, likhazimula ngamandla alo, nenyanga yema. Ababi babheka lesehlakalo ngokumangala, lapho abangcwele bebheka ngentokozo uphawu lokukhululwa kwabo. Izibonakaliso nezimangaliso zalandelana ngokushesha. Yonke into yabonakala kungathi iguquliwe endleleni yayo yemvelo. Imifula yema ekugelezeni kwayo. Ubumnyama, amafu anzima aphuma futhi abonakala eshayisana elinye kwelinye. Kodwa kwakukhona indawo eyodwa ekhanyayo nenkazimulo emisiweyo, lapho kwaphuma izwi likaNkulunkulu lifana namazwi amaningi, lashukumisa amazulu nomhlaba. Kwabakhona ukuzamazama okukhulu. Amathuna avuleka, nalabo abafa bekholiwe ngaphansi kwesigijimi sengelosi yesithathu, begcina iSabatha, baphuma emibhedeni yothuli, bekhazimula, ukuzwa isivumelwano sokuthula uNkulunkulu azosenza nalabo abagcinile umthetho Wakhe."-*Early Writings,* p. 285.

**b. Kuyini okuzokwenzeka ekupheleni kwesigijimi sengelosi yesithathu-na? Isambulo 14:14-16; Marako 4:26-29.**

"Ngaboniswa izingelosi zehla zenyuka ezulwini. Ingelosi eyayiphethe uphondo lokubhala ohlangothini lwayo ivela emhlabeni yabikela uJesu ukuthi umsebenzi wayo uphelile, abangcwele babaliwe futhi baphawulwa. Ngaleso sikhathi ngabona uJesu, obekhonza phambi komphongolo oqukethe imithetho elishumi, ebeka phansi isitsha sempepho. Waphakamisa izandla Zakhe, nangezwi elikhulu wathi, 'Kuphelile."-Ibid., p. 279.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE **NgoLwesihlanu, Nhlangulana 12**

1. **Kungani uNkulunkulu enza ukushumayela ivangeli kweyame phezu kwizithunywa ezingabantu-na?**
2. **Kungayiphi indlela isigijimi sengelosi yokuqala safinyelela emhlabeni wonke-na?**
3. **Chaza isizathu sokunikeza isigijimi sengelosi yesibili.**
4. **Yimuphi umahluko isigijimi sengelosi yesithathu esiwugcizelelayo-na?**
5. **Yisiphi isehlakalo esizokwenzeka emva kokupheleliswa kwezigijimi zezingelosi ezintathu-na?**

# Ubizo Lokugcina

**IVESI LEKHANDA: "Emva kwalokho ngabona enye ingelosi yehla ezulwini, inamandla amakhulu, nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo" (Isambulo 18:1)**

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *The Great Controversy,* pp. 603-612.

"Umsebenzi omkhulu wevangeli akufanele uvalwe ngokubonakala okuncane kwamandla kaNkulunkulu kunalawo abonakaliswa ekuqaleni."-*The Great Controversy,* p. 611.

## 1. IBHABHILONA ELIKHULU — NgeSonto, Nhlangulana 14

**a. Chaza umbono omangalisayo uJohane awubona ngebandla elaziwa njengeBhabhilona Elikhulu-na? Isambulo 17:1-6.**

____________________________________________________________________________

"Owesifazane obizwa (IBhabhilona) kuSambulo 17…uchazwa 'njengombethe okububende nokubomvu, evunule ngegolide nangamatshe anenani nangamaparele, ephethe isitsha segolide ngesandla sakhe, sigcwele amanyala nokungcolileyo: …nasebusweni bakhe kulotshiwe igama, *Eliyimfihlakalo, IBhabhilona elikhulu, unina wezifebe…'*Amandla lawo iminyaka engamakhulu edlule lilondoloze ngokugcina ukubusa phezu kwamakhosi obuKrestu yiRoma. Umbala obubende nobomvana, igolide namatshe ayigugu namaparela, afanekisa ngokukhanyayo ubukhosi ukudlula ukuzikhukhumeza kwenkosi yathintwa ukubona kokuzidla kweRoma. Awekho amanye amandla angamenyezelwa ngempela 'edakiwe yigazi labangcwele' njengebandla elashushisa ngolunya abalandeli bakaKristu. IBhabhilona libekwa icala futhi ngesono sokuhlangana ngokungemthetho 'namakhosi omhlaba.' Kwakungenxa yokusuka eNkosini, nokuzihlanganisa nabahedeni, ukuthi ibandla lamaJuda liba yisifebe; futhi neRoma yazonakalisa ngokwalo ngendlela efanayo yokufuna usizo kumandla omhlaba, lizothola ukulahlwa okufanayo."-*The Great Controversy,* p. 382. [Authors Italics.]

**b. Lamandla azofinyelela kanjani ekugcineni kwawo-na? Isambulo 17:15-18.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**a. Chaza ukuza kwengelosi ebonakala kuSambulo Isambulo 18:1.**

______________________________________________________________________

"Izigijimi zezingelosi ezintathu kufanele zihlanganiswe, zinikeze ukukhanya kwazo okuphindwe kathathu emhlabeni. Ecwadini yeSambulo, uJohane uthi, 'Ngabona enye ingelosi yehla ezulwini, inamandla amakhulu; nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo.' [Isambulo 18:2-5 ngokuphindwa.] Lokhu kufanekisa ukunikezwa kwesixwayiso sokugcina sezingelosi ezintathu emhlabeni."-*The SDA Bible Commentary,* [E. G. White Comments] vol. 7, p. 985.

"Ibandla lingumthwali wengcebo yomusa kaKristu; futhi ekugcineni ibandla lizobonakaliswa, ngisho' nakuzo iziphathimandla nangamandla ezindaweni zasezulwini,' ekugcineni lizobonakaliswa ukugcwala kothando lukaNkulunkulu."-*The Acts of the Apostles,* p. 9.

**b. Kuyini inkazimulo yengelosi ekuqondisayo, nokuthi ibonakaliswa kanjani-na? Amahubo 29:1, 2; Johane 17:22, 23.**

"Yilapho uma ukwakhiwa kwesimilo kunganakwa, lapho ukuhlotshiswa komphefumulo kuntuleka, lapho ubulula bokwesaba uNkulunkulu budelelwa, ukuzigabisa nothando lokubukisa ludinga izakhiwo zebandla ezinhle, ukuhlotshiswa okuhle, nemikhosi ejabulisayo. Kodwa kukho konke lokhu uNkulunkulu akahlonishwa. Uyalithanda ibandla Lakhe, kungesikho ngezinzuzo zalo zangaphandle, kodwa ngenxa yokuzinikela okuqotho okubahlukanisa nezwe. Ulilinganisa ngokukhula kwamalunga awo olwazini lukaKristu, ngokuthuthuka kwalo kumava esimoya."-*Prophets and Kings*, pp. 565, 566.

**c. UNkulunkulu uchaza kanjani inkazimulo Yakhe, lapho uMose ecela ukuyibona-na? Eksodusi 33:18, 19; 34:5-7.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Inkazimulo yokucabangela kukaNkulunkulu ibonakala esimilweni Sakhe. Ikhasi ngalinye loMbhalo Ongcwele likhazimula ngokukhanya Kwakhe. Ukulunga kukaKristu, njengeparela elihlanzekile, elimhlophe, elingenasisihla, noma ichashaza. Awukho umsebenzi womuntu ongathuthukisa isipho esikhulu nesiyigugu sikaNkulunkulu. Ngoba asinasici."-*Christ's Object Lessons*, p. 115.

"Lesimilo sembulwa ekuphileni kukaKristu. Ukuze abe isibonelo Sakhe adele isono enyameni, wathathela Kuye ukufana ngokwenyama kwesono. Kaningi wayebheka isimilo sikaNkulunkulu; kaningi wayembula lesi similo emhlabeni.

"UKristu ufisa abalandeli Bakhe bembule ekuphileni kwabo lesimilo esifanayo."-*God's Amazing Grace*, p. 322.

**a. Ingelosi ibingelela kanjani abakhileyo eBhabhilona-na? Isambulo 18:2.**

______________________________________________________________________________

"Amandla amakhulu nenkazimulo okwabelwa ingelosi, njengoba yehla, umhlaba wakhanyiswa ngenkazimulo yawo. Ukukhanya okwahlangana nalengelosi kwabonakala yonke indawo, njengoba imemeza, ngezwi elikhulu…Isigijimi sokuwa kweBhabhilona, njengoba sanikezwa ingelosi yesibili, siyaphindwa, ngamazwi engeziwe ngokonakala okungeniswe emabandleni kusukela ngonyaka ka-1844."-*Early Writings*, p. 277.

**b. Kuyini okuzobe kushintshile eBhabhilona kusukela ekumenyezelweni kwesigijimi sesibili-na? Isambulo 18:3.**

______________________________________________________________________________

"Isigijimi sengelosi yesibili sikaSambulo 14 sashunyayelwa okokuqala ehlobo ngonyaka ka-1844, futhi yabe isisebenza ngokuqondile kumabandla ase-United States, lapho isixwayiso sokwahlulela esimenyezelwe futhi ngokuvamile senqatshwa, lapho ukonakala emabandleni kwakushesha kakhulu. Kodwa isigijimi sengelosi yesibili asizange sifinyelele ekugcwalisekeni ngokuphelele ngonyaka ka-1844. Amabandla abana-mava okuwa ngokuphelele, ngenxa yomphumela wokwenqaba ukukhanya kwesigijimi se-Advent; kodwa lokuwa kwakungaphelele. Njengoba beqhubeka amaqiniso akhethekile anamuhla behlela ukuya phansi kakhulu. Okwamanje, nokho, kungashiwo ukuthi iBhabhilona liwile, ngoba wenzile izizwe zonke ukuba ziphuze iwayini lolaka lokuhlobonga kwalo.' Okwamanje izizwe zonke azikakwenzi lokhu. Umoya womhlaba uyaphenduka futhi ngokungakhathali kumaqiniso avivinyayo esikhathini sethu akhona futhi alokhu ethola indawo kumabandla enkolo yobuProtestanti kuwo wonke amazwe obuKrestu; futhi lamabandla angenisiwe ngesizotha nasekulahlweni okwesabekayo kwengelosi yesibili. Kodwa umsebenzi wohlubuko awukafinyeleli ekugcineni.

"IBhayibheli lithi ngaphambi kokuba iNkosi ifike, lokhu okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane 'ngamandla *onke* nangezibonakaliso nezimangaliso zamanga, nangayo yonke inkohliso yokungalungi kwababhubhayo, ngenxa yokuba bangavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe,' ngalokhu-ke uNkulunkulu ubathumela amandla okuduka, baze bakholwe ngamanga.' 2 Thesalonika 2:9-11. Kuze kube yilapho lesi simo sizocetshiswa, futhi ukuhlangana kwebandla nomhlaba kuzofezeka ngokugcwele kubo bonke ubuKrestu, isimo seBhabhilona siyobe sesiphelele. Inguquko iyaqhubeka, futhi ukugcwaliseka okuphelele kuSambulo 14:8 kuyinto yesikhathini esizayo."-*The Great Controversy,* p. 389, 390. [Authors italics].

**a. Yisiphi isimemezelo esiphuthumayo esilalelwa yilabo abaseBhabhilona-na? Isambulo 18:4.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"KuSambulo isahluko 18 sikhomba esikhathini lapho, njengomphumela wokwenqaba izixwayiso ezintathu zika-Sambulo 14:6-12, ibandla lizobe lifinyelele ngokuphelele kwisimo esabikezelwa ngaphambili yingelosi yesibili, futhi abantu bakaNkulunkulu abase-Bhabhilona bazobizwa ukuba bahlukane ekuhlanganyeleni nalo. Lesigijimi esokugcina esizonikezwa emhlabeni; futhi izophelelisa umsebenzi waso. Labo 'ukuba bonke abangakholwanga yiqiniso benamela ukungalungi balahlwe' (2 Thesalonioke 2:12), bazoyekelwa ukuba bathole inkohliso enamandla nokukholwa amanga, bese ukukhanya kweqiniso kuzokhanya phezu kwabo bonke ozinhliziyo zabo zivulekele ukulamukela, bonke abantwana beNkosi abasala eBhabhilona bazoqaphela ubizo: 'Phumani kulo, bantu Bami' (Isambulo 18:4)."-*The Great Controversy,* p. 390.

**b. Ngobani abantu bokuqala okubhekiswa kubo ukuthi "abantu Bami," futhi babizwa ukuba baphume eBhabhilona-na? Johane 10:16.**

____________________________________________________________________________

"Nokho ubumnyama besimoya nokuhlukaniswa noNkulunkulu okukhona emabandleni akha eBhabhilona, umzimba omkhulu wabalandeli bakaKristu beqiniso usatholakala ekuhlanganyeleni nalo. Kukhona abaningi abangazange balibona iqiniso elikhethekile lanamuhla. Bambalwa abanganelisekile ngesimo sabo manje futhi abangazelele ngokukhanya okucace kakhudlwana. Babheka ngeze umfanekiso kaKristu emabandleni abaxhumene nawo. Njengalemizimba esuke kakhulu eqinisweni, futhi ukuzinikela kwabo kakhulu nomhlaba, umahluko phakathi kwamaxuku amabili uzoba-banzi, futhi ekugcineni umphumela uzoba ukwehlukana. Isikhathi siyeza labo abathanda uNkulunkulu kakhulu bangeke bazihlanganisa 'njengabathanda kakhulu ubumnandi kunokuthanda uNkulunkulu; abanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika."-Ibid., p. 390.

**c. Kungani isimemezelo sokuphuma eBhabhilona siphuthuma kangaka-na? Isambulo 18:5-8.**

"Ukukhanya okwakhanyiselwa phezu kwabalindile kwafinyelela yonke indawo, futhi labo abasebandleni ababenokukhanya, abangazange bezwa futhi benqaba izigijimi ezintathu, balalela ubizo futhi bawashiya amabandla awileyo."-*Early Writings,* p. 278.

## 5. UKULUNGELA UKUNIKEZA UBIZO — Ngolwesine, Nhlangulana 18

**a. Chaza ukubaluleka kwesigijimi sesixwayiso esisobala nesinqumayo. Isaya 58:1; 1 Korinte 14:7, 8.**

"Isahluko seshumi nesishiyagalombili sikaSambula sembula ukubaluleka kokumela iqiniso ngezimo ezingenaso isilinganiso kodwa ngesibindi nangamandla…kwakukhona ukushayisana okukhulu okusithekile ekumemezeleni isigijimi sezingelosi ezintahu."-*Evangelism,* p. 230.

"UNkulunkulu wayesho ukuthi abalindi kufanele bavuke futhi ngezwi elihlangene bathumele phambili isigijimi esinqumayo, benikeza icilongo umsindo othile, ukuze abantu bangavuka emsebenzini wabo benze inxenye yabo emsebenzini omkhulu. Ngakho-ke, ukukhanya okunamandla, okusobala kwalena enye ingelosi yehla ezulwini inamandla amakhulu, nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo. Sisemuva ngeminyaka; futhi labo abemi ngobumpumputhe futhi bavimbela ukuthuthuka kwesigijimi sikaNkulunkulu ukuthi kufanele siqhubekele phambili emhlanganweni ose-Minneapolis njengesibani esivuthayo, banesidingo sokuthobisa izinhliziyo zabo phambi kukaNkulunkulu futhi babone baqonde ukuthi umsebenzi uthe wavinjelwa ngobumpumputhe bengqondo yabo nokuqina kwezinhliziyo zabo."-*Ellen G. White 1888,* p. 1070.

**b. Kuncenga kuni kukaJesu esingakwamukela enhliziyweni umuntu ngamunye-na? Johane 12:35, 36.**

"Enye ingelosi ihlanganisa izwi layo nengelosi yesithathu, nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo. Ukukhanye kwakhula, futhi ukukhanya kwafinyelela ezizweni zonke zomhlaba. Kufanele kuqhubekele phambili njengesibane esikhanyayo. Futhi kuzohanjelwa ngamandla amakhulu, kufinyelele lapho imisebe yegolide iwela phezu kwezilimi zonke, abantu bonke, nezizwe zonke ezisebusweni bomhlaba wonke. Nanku umbuzo oza kuwe, kuyini okwenzayo ukulungisela lomsebenzi-na? Ingabe wakhela iphakade-na? Khumbula ukuthi lengelosi ifanekisa abantu abanalesigijimi okufanele sinikezwe umhlaba. Ingabe uphakathi kwalabo bantu?"-*The Review and Herald,* Ncwaba 18, 1885.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlangulana 19

1. **Chaza ukuthi iRoma ifanela kanjani ukufanekisa iBhabhilona, unina wezifebe.**
2. **Iyiphi inkazimulo kaNkulunkulu ngempela ezokwembulwa yilena enye ingelosi-na?**
3. **Kungani isigijimi sengelosi yesibili kufanele siphindwe-na?**
4. **Abalandeli beqiniso ngempela bakaJesu bakuphi namuhla-na?**
5. **Ngingaba nomfutho omuhle kanjani kunokuba isivimbelo emsebenzini kaNkulunkulu namuhla-na?**

# Isiphelo Esiprofethiwe

**IVESI LEKHANDA: "Wayesethi ohlezi esihlaweni sobukhosi: Bheka ngenza konke kube-kusha. Wathi: Loba, ngokuba lawamazwi athembekile, aqinisile" (Isambulo 21:5).**

**Incwadi Enikeziwe:** *Early Writings,* pp. 279-295.

"Umhlaba wethu omncane, ongaphansi kwesiqalekiso sesono ichashaza elilodwa elimnyama endalweni Yakhe emangalisayo, uzohlonishwa ngaphezu kwamazwe onke emhlabeni kaNkulunkulu."-*The Desire of Ages,* p. 26.

## 1. IZIBETHO ZOKUGCINA EZIYISIKHOMBISA — NgeSonto, Nhlangulana 21

**a. Kuyini lokho okwembulwa maqondana nezahlulelo zikaNkulunkulu ezizothululwa emhlabeni-na? Isambulo 15:1; Isahluko 16.**

"Ngabona ukuthi izibetho eziyisikhombisa masinyane zizokwehlela phezu kwalabo abangenaso isivikelo; nokho izwe alibabhekanga ngempela njengamathonsi amanzi amaningi ayezothululwa. Futhi ngenziwa ukuba ngibe namandla okubekezelela umbono osabekayo wezibetho eziyisikhombisa zokugcina, zolaka lukaNkulunkulu. Ngabona ukuthi intukuthelo Yakhe esabekayo nesesabisayo kakhulu, futhi uma elula isandla Sakhe phambili, noma aphakamise intukuthelo, abakhileyo emhlabeni bazoba kungathi abazange babekhona, noma bazohlupheka ngezilonda ezingelaphekile futhi nezibetho ezibunayo ezazizofika phezu kwabo, futhi abesoze bathola ukukhululwa, kodwa ukuba babhujiswe yibo."- *Early Writings,* p. 64.

**b. Yisiphi isimo esihlukile esichaza ngayo isehlakalo esifanayo-na? Jeremiya 25:30-33; Isambulo 19:17-21.**

"Ababi badlulile emkhawulweni womusa wabo; uMoya kaNkulunkulu, waphikiswa ngokuqhubekayo, ekugcineni uthe wahoxiswe ekugcineni. Bengavikelwanga umusa waphezulu, babengenaso isivikelo kwababi. USathane uzofaka izakhamuzi zomhlaba enkathazweni eyodwa enkulu, uhlupho lokugcina. Lapho izingelosi zikaNkulunkulu ziyeka ukubamba imimoya enamandla wenkanuko yomuntu, zonke izici zombango zizodedelwa. Umhlaba wonke uzakuba yincithakalo esabekayo ukwedlula leyo eyenzeka phezu kweJerusalema lasendulo."-*The Great Controversy,* p. 614.

**a. Incwadi yeSambulo ichaza kanjani ukubuya kwesibili kukaKristu-na? Isambulo 1:7; 6:15-17.**

___________________________________________________________________________

"Masinyane amehlo ethu avuleka ebheke empumalanga, ifu elincane elimnyama lizobonakala, lingangenxenye yesandla somuntu ngobukhulu, sonke besazi ukuthi kuluphawu lweNdodana yomuntu. Sathula sonke sabheka ngesizotha njengoba ifu lisondela likhanya, likhazimula, likhazimula kakhulu, laze-laba yifu elikhulu elimhlophe. Ngaphansi kubonakala sengathi ngumlilo; uthingo lwaluphezu kwefu, ngapha nangapha kukhona izingelosi eziyizinkulungwane ezilishumi, zihlabelela ingoma emnandi kakhulu, phezu kwalo kuhlezi iNdodana yomuntu. Izinwele Zayo zimhlophe futhi ziphothene zilengela emahlombe Akhe; phezu kwekhanda Lakhe kukhona imiqhele eminingi. Izinyawo Zakhe kungathi umlilo; esandleni Sakhe sokudla kukhona isikela elibukhali; esandleni Sakhe sokhohlo icilongo. Amehlo Akhe kungathi ilangabi lomlilo, ehlola abantwana Bakhe yonke indawo. Wonke amehlo ayebukeka ephaphathekile, labo uNkulunkulu abanqabile babona ubumnyama. Sonke samemeza, 'Ngubani ozokwazi ukuma-na? Ingabe isambatho sami sihlanzekile-na? Izingelosi zathula ekuhlabeleleni kwazo, kwabakhona isikhathi sokuthula okwesabekayo, lapho uJesu ekhuluma: 'Labo abanezandla ezicwebile nezinhliziyo ezihlanzekile bazokwazi ukuma; Umusa Wakhe usanele sonke. Ngaleso sikhathi ubuso bethu bakhanya, izinhliziyo zethu zagcwala injabulo. Izingelosi zashaya inodi eliphezulu ukuhlabelela futhi, lapho ifu lisondela kancane-kancane emhlabeni."-*Early Writings,* pp. 15, 16.

**b. Izingelosi kuyini ezizokwenza-na? Mathewu 24:31; 1 Thesalonika 4:16, 17.**

___________________________________________________________________________

"Isono sangcolisa futhi sacisha ngokuphelele umfanekiso ongcwele; kodwa uKristu weza ukubuyisela lokho okwalahlekayo. Uzoguqula imizimba yethu engcolile, ayenze ifane nomzimba Wakhe wenkazimulo. Umzimba ofayo, owonakele, ongenabo ubuhle, owake wangcoliswa yisono, uba ngophelele, ubamuhle, futhi ongafiyo….

"Izingelosi zibuthela ndawonye abakhethiweyo Bakhe emimoyeni emine, kusukela emkhawulweni owodwa wezulu ukuya komunye.' Abantwana abancane bathwalwa izingelosi ezingcwele ezingalweni zonina. Abangane okudala bahlukaniswa ngukufa bayahlanganiswa, bengaphinde bahlukane, futhi ngezingoma zenjabulo benyuka ndawonye ukuya Emzini kaNkulunkulu."-*The Great Controversy*, p. 645.

**c. USathane uzobekwa kuphi-na? Isambulo 20:1, 2.**

"Lapha kuzoba yikhaya likaSathane nezingelosi zakhe ezimbi iminyaka eyinkulungwane. Elinganiselwe umhlaba, angeke akwazi ukufinyelela kweminye imihlaba ukulinga nokucasula labo abangakaze bawe."-Ibid., p. 659.

**a. Abangcwele bazobe benzani phakathi kweminyaka engu-1000 ngesikhathi uSathane eboshiwe. Isambulo 20:4-6; 1 Korinte 6:2,3.**

___

"Esikhathini seminyaka eyinkulungwane phakathi kovuko lokuqala nolwesibili ukwahlulela kwababi kwathatha indawo. Umpostoli uPawule ukhomba lokwahlulela njengesehlakalo esilandela ukubonakala kwesibili. UDaniyeli uthi waze wafika Omdala Wezinsuku, 'abangcwele boPhezukonke banikwa ukwahlulela.' Daniyeli 7:22. Ngaleso sikhathi abangcwele babusa njengamakhosi nabapristi bakaNkulunkulu…Kungalesi sikhathi, njengoba kwabikezelwa nguPawule, 'abangcwele bayakwahlulela izwe.' 1 Korinte 6:2. Bekanye noKristu bahlulela ababi, beqhathanisa izenzo zabo nencwadi yezimiso, iBhayibheli, benquma icala ngalinye ngokuya ngemisebenzi yezenzo abazenzile emzimbeni. Khona-ke isabelo sababi abazohlupheka ngaso siyanikezwa, ngokuya ngemisebenzi; futhi zibhaliwe eduze kwamagama abo encwadini yokufa.

"USathane kanye nezingelosi ezimbi bahlulelwa uKristu kanye nabantu Bakhe. UPawule uthi: 'Anazi yini ukuthi siyakwahlulela izingelosi-na?' Vesi 3. No-Juda uthi 'izingelosi ezingagcinanga ubukhosi bazo bokuqala, kodwa zalishiya ikhaya lazo, uzigcinele ukulahlwa kosuku olukhulu ngezibopho ezimiyo phansi kobumnyama.' Juda 6."-*The Great Controversy,* pp. 660, 661.

**b. Kuyini okuzokwenzeka ekupheleni kweminyaka engu-1000 yokwahlulela-na? Isambulo 21:2; 20:7, 8.**

___

"Ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane ukuvuka kwesibili kuzokwenzeka. Ngakho-ke ababi bazovuswa emathuneni bazovela phambi kukaNkulunkulu kuzokwenzeka 'ukwahlulela okubhaliwe…' UIsaya uthi, 'Bayakubuthelwa ndawonye, njengeziboshwa zibuthelwa emgodini bavalelwe etilongweni, futhi *bajeziswe emva kwezinsuku eningi*."-Ibid., p. 661. [Author's italics.]

**c. Siyoba yini isiphelo sababi-na? Isambulo 20:9; Malaki 4:1.**

"Kumalangabi ahlanzayo ababi ekugcineni bazobhujiswa, impande negatsha-uSathane uyimpande, abalandeli bakhe amagatsha. Isijeziso esiphelele somthetho kaJehova sibahambele, izimfuno zokulunga zifeziwe, futhi izulu nomhlaba kuyakumemezela ukulunga kukaJehova."-Ibid., p. 673.

## 4. UMHLABA OMUSHA — Ngolwesithathu, Nhlangulana 24

**a. Chaza isithembiso sikaNkulunkulu sokwenza konke kubekusha futhi-na? Isambulo 21:1, 5; 22:1, 2; Isaya 65:17.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Umsebenzi wokuhlenga uzopheleliswa. Endaweni lapho isono sivamile, umusa kaNkulunkulu uzovama kakhulu. Umhlaba ngokwawo, yona kanye leyonsimu uSathane athi ingeyakhe, akufanele uhlengwe kodwa kumele uphakanyiswe. Umhlaba wethu omncane, ongaphansi kwesiqalekiso sesono ichashaza elilodwa elimnyama endalweni Yakhe yenkazimulo, uzohlonishwa ngaphezu kwamazwe onke emhlabeni kaNkulunkulu. Lapha, itabanakeli leNdodana kaNkulunkulu likubantu; lapho iNkosi yenkazimulo yaphila futhi yahlupheka ekugcineni yafa-lapha, ngesikhathi izoKwenza zonke izinto zibezintsha, itabanakeli likaNkulunkulu lizakuba kubantu, 'Futhi uzohlala phakathi kwabo, bazakuba ngabantu Bakhe, uNkulunkulu ngoKwakhe uzokuba nabo, abe nguNkulunkulu wabo.' Futhi eminyakeni engenakuphela lapho abahlengiwe behamba ekukhanyeni kweNkosi, bazomdumisa ngeSipho Sakhe esingenakuphimiselwa-uImanuweli, 'UNkulunkulu unathi."-*The Desire of Ages,* p. 26.

**b. Uzakuba yini umehluko emhlabeni omusha-na? Isaya 65:21-25; Isambulo 21:4.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Ubuhlungu angeke babakhona emkhathini wezulu. Izinyembezi azisayi kubakhona, udwendwe lwemingcwabo, kungekho uphawu lwezingubo zokulila….

"Emzini kaNkulunkulu 'ubusuku abusayi kubakhona.' Akekho ozodinga noma afise ukuphumula. Angeke kwabakhona ukukhathala bokwenza intando kaNkulunkulu nokunikela ukubonga igama Lakhe. Sizokuzwa ubusha kokusa futhi siyohlala sikude nokuphela kwakho. 'Abadingi ukukhanya kwesibani nokukhanya kwelanga; ngokuba iNkosi uNkulunkulu iyakubakhanyisela., Isambulo 22:5. Ukukhanya kwelanga kuzokwedlula ukukhanya okubengezela kabuhlungu, nokho okudlula ngokungenaku-linganiswa ukukhanya kwesikhathi sethu sasemini."-*The Great Controversy,* p. 676.

"Ebhayibhelini ifa labasindisiwe libizwa 'umuzi.' Heberu 11:14-16. Lapho uMalusi wasezulwini uzoholela umhlambi Wakhe kumthombo wamanzi aphilayo. Umuthi wokuphila othela izithelo zawo izinyanga nezinyanga, namaqabunga omuthi angawokuphulukisa izizwe. Kukhona imifula egelezayo, ucwebezela njengekristalu, eduze kwayo kukhona imithi ezungezayo ephonsa ithunzi lawo endleleni elungiselwe abahlengiweyo beNkosi. Lapho amathafa abanzi akhukhumala abe ngamagquma amahle, futhi izintaba zikaNkulunkulu ziphakamisa iziqongo zawo eziphakeme. Kulamathafa anokuthula, eduze kwaleyo mifudlana ephilayo, abantu bakaNkulunkulu, izihambi okukade zizulazula zathola ikhaya."-Ibid., p. 675.

## 5. ISIMEMO NESIBUSISO — Ngolwesine, Nhlangulanaa 25

**a. Yimaphi amazwi uJesu afuna ukukhuthaza ngawo abafunda iziprofetho zeSambulo-na? Isambulo 22:7, 12-14.**

________________________________________________________________________

"INkosi uQobo yembula ezincekwini Zayo izimfihlakalo ezikhona kulencwadi, futhi uhlele ukuthi zizovulelwa ukufunda kwabo bonke. Amaqiniso alo anikezwe labo abaphila ezinsukwini zokugcina zembali yalomhlaba, ngokufanayo nalabo ababephila ezinsukwini zikaJohane. Ezinye zezehlakalo ezicashunwe kwiziprofetho zesikhathini esidlule, ezinye zazo ziyenzeka manje; ezinye zilethwa embonweni wesiphelo sempikiswano enkulu phakathi kwamandla obumnyama neNkosana yezulu, futhi ezinye zembula ukunqoba nenjabulo yabahlengiwe emhlabeni owenziwe busha

"Makungabikho noyedwa ocabangayo, ukuthi njengoba engakwazi ukuchaza okushiwo uphawu ngalunye lweSambulo, ukuthi kuyize kubo ukuhlola lencwadi ngomzamo wokwazi isizathu seqiniso elisiqukethe. Lowo owembula lezimfihlakalo kuJohane uzonika abahlola ngokuhlakanipha iqiniso ngonambitho lwezinto zasezulwini. Labo izinhliziyo zabo ezivulekele ukwamukela iqiniso bazovunyelwa ukuqonda izimfundiso zalo, futhi bazonikwa isibusiso esithenjiswe labo 'abezwa amazwi alesi-siprofetho, bagcine okulotshiwe kuso.' "-*The Acts of the Apostles,* pp. 584, 585.

**b. UKristu usimema kanjani ukuze sithole ukuphila okungunaphakade nokuthula Ngaye-na? Isambulo 22:17; Isaya 55:1; Johane 7:37, 38.**

________________________________________________________________________

"Ukukhala kukaKristu kumphefumulo owomileyo usaqhubekela phambili, futhi uncenga ngamandla amakhulu kunalabo abawezwayo ethempelini ngosuku lokugcina lomkhosi. Umthombo uvulelwe wonke umuntu. Abakhathele nabadiniwe banikezwa ukuqeda ukoma kokuphila okuphakade. UJesu usasibiza namanje, 'uma kukhona owomileyo, makeze Kimi, aphuze."-*The Desire of Ages,* p. 454.

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE — NgoLwesihlanu, Nhlangulana 26

1. **Izibetho ziletha kanjani ukuphela kwembali yomhlaba?**
2. **Ngubani ozokwazi ukuma uma uKristu ebuya-na?**
3. **Chaza inhloso yokwahlulela phakathi kweminyaka engu-1000.**
4. **Lizoba yini ikhaya lokugcina labahlengiweyo-na?**
5. **Ingabe ngifuna ngenhliziyo yami yonke ukuba yinxenye yombuso kaNkulunkulu ongapheliyo-na?**